ABAGCOTSHIWEYO ESIKHATHINI SOKUPHELA

Sanibona, balaleli. Asikhulume neNkosi yethu manje. Nkulunkulu omkhulu, Mdali wamazulu nomhlaba, Wena osimise ngokobuNkulunkulu ngalesisikhathi kulokhukusa, ukuba sikhonze Wena. Futhi sengathi thina, Nkosi, ezinhliziyweni zethu singazinikela ngokupheleleyo entandweni yaKho yobuNkulunkulu nokusebenza kukaMoya oNgcwele phakathi kithi, ukuveza lokho Obuthanda ukuba sikwazi. Isifiso sethu ngukuba sibe ngamaKristu angcono nabangcono abamele Wena. Ungasipha lokhu kulokhukusa, njengoba silinda Wena, eGameni likaJesu Kristu. Ameni.

Hlalani phansi. [Omunye uthi, "Ufuna ukususa izindwangu zokukhulekelwa na?"—Umhl.] Yebo.

2 Sijabula kakhulu ukuba lapha kulokhukusa futhi, e—enkonzweni yeNkosi enkulu. Futhi siyadabuka, thina, futhi, ukuthi asinayo indawo yabantu, kodwa nje si . . . Sizozama futhi senze konke esingakwenza, phansi kwezimo.

3 Manje, abaningi unamaduku nezicelo kubekwe phezulu lapha ukuba kukhulekelwe phezu kwawo. Futhi nje ngiwabeka eceleni; hhayi ngoba ngingawanaki, kodwa ngiyawakhulekela emva kokuba kakhulu ngi . . . kanjalo, nakulobubusuku. Ngizokwenza kulokhukusa, nasebusuku-ke futhi, uma . . . Ngizokhuleka-ke futhi ngilinde kuMoya kaNkulunkulu ngokuphulukisa, futhi kungalesosikhathi-ke lapho engithanda khona ukukhulekela phezu kwa—kwamaduku nezinto.

4 Futhi ezicelweni ezikhethekile, uBilly uzinikezile, zonke, kimi. Zithi azibe amakhulu amathathu, futhi ngivele ngasuka emakamelweni ngalesosikhathi. Niyabo, nje ngizithola ngokushesha nje, futhi zonke, engingafinyelela kuzo. Futhi ngizofinyelela kuzo ngokukhulu ukushesha engingakwenza. Angizukukwazi ukuzithola zonke. Nje ukungena bese ngithola esisodwa, ngithi, "Nkosi, futhi kuzoba yi*lesi*, futhi kube yi*lesi* na?" Kanjalo nje, ngoba zona, zonke, zingezidingayo, izicelo ngempela; okuthize, akungabazeki, ukuthi singakhuluma ngazo sindawonye. Futhi ngi . . . Ngaphandle, niyazi, ngezinye izikhathi uMoya oNgcwele angahle asho into ethize engiyifundile, elokhu ihlezi enhliziyweni yami; ngibuyela kulokho futhi, futhi ngikuzingele ngize ngikuthole. Kungenjalo, ngizithathe nje ngingabhekile.

5 Manje, futhi sifuna ukusho, kulokhukusa, futhi sibingelele labo abangaphandle kwezinye izingxenye zezwe. Sifuna

ukubingelela abantu kulokhukusa ngalokhu ukuxhunywa kukathelefoni, eDolobheni laseNew York; eBeaumont, eTexas; ePrescott, eArizona; eTucson, eArizona; eSan Jose, eCalifornia; eConnecticut; eGainesville, eGeorgia; naseNew Albany, eIndiana; esizweni sonke. Sinibingelela eGameni leNkosi uJesu.

6 Kulokhukusa, eIndiana, kungukusa okubalele. Besinemvula izolo ebusuku epholise isimo sezulu. Futhi si . . . ITabernakele liminyene liyachichima, futhi wonke umuntu ulindile, ngamathemba amakhulu, ngesifundo sesikole sangeSonto. Futhi ngethemba ukuthi okucebe ukwedlula konke kwezibusiso zikaNkulunkulu kuzoba phezu kwenu phandle lapho.

7 Futhi siyethemba, ngokushesha okunokwenzeka, ukwenza i—indlela esingabanayo, lapho esingizihlanganisa khona sonke ndawonye, mhlampe phansi kwethende elikhulu, lapho engizwa khona ngempela ngiholeleka ekushumayeleni ngaleziZitsha eziyisiKhombisa zokugcina eBhayibhelini.

8 Ngakho manje, ukuze singathathi isikhathi eside esifundweni esikhulu kulokhukusa . . . Ngifune iNkosi, ngicabanga, "Yini engingayisho na?" ngokwazi ukuthi lena mhlampe kungaba yinkonzo yethu yokugcina esiyoke sibe nayo. Ukufika kweNkosi sekusondele kakhulu ukuba kufike!

9 Ngiyabona, emva kwalesosibikezelo esenziwa eCalifornia, kukhona izindlu phandle lapho, nezindawo, zishona phansi ngesilinganiso samayintshi angamashumi amathathu ngehora, amapulangwe edabuka futhi egoba. Futhi abazi ukuthi kwenziwa yini. Sisekupheleni. Amakhaya ekhulu-lenkulungwane-yamadola, eshona phansi. Nginezihloko ezinkulu ephepheni, izithombe, engethemba ukuliphatha kulobubusuku, njengoba ngifuna ukukhuluma ngokuthile kulokho kulobubusuku.

10 Futhi, bese, kulobubusuku sinomkhuleko wabagulayo. Ningene kulentambama, ngelesihlanu, ngelesithupha nqo, kumbe noma ngabe kunini. Sizoqala kusenesikhathi, ngiyethemba, ukuze abantu baphume kusenesikhathi, futhi nemukele amakhadi enu okukhulekelwa. Futhi sizobe sikhulekela abagulayo kulobubusuku, iNkosi ithanda.

11 Manje, emva kokuzinikela ekukhonzeni ngicabanga, "Kufanele ngenzeni na?" ngokwazi ukuthi ngolunye usuku ngifanele ngiphendule ngalokho engikusho lapha . . . Futhi nginqumile, kumbe ngezwa ngiholwa wuMoya oNgcwele ukukhuluma kulokhukusa ngesiprofetho, ukuthi ukusazisa. Niyabo? Kuyinto esi . . . Uma singaziswa, futhi noma yini yenzeka ngokungakhethi nje, sifanele sazi ngalokhu. UMoya oNgcwele usinikeze khona, ukwexwayisa abantu ngokuzayo. Niyazi, iBhayibheli lasho ukuthi, "UNkulunkulu akayikwenza lutho engakhombisanga kuqala ezincekwini zaKhe, abaprofethi." No—nokuthi uJesu wabexwayisa kanjani

abantu, ngalokho okwakuzokwenzeka; ukuthi abaprofethi babexwayisa kanjani abantu, ngalokho okwakuzokwenzeka. Futhi kusifanele manje, ehoreni elikhulu esiphila kulo, ukubona ukuthi nyaka-muni esiphila kuwo, nokuthi kwenzekani, ukuthi kuzokwenzekani kulonyaka. Ngakho esinye salezizifundo ezingejwayelekile mhlampe esizifundile izikhathi eziningi, kube senhliziyweni yami uku—ukukhuluma nabantu ngaso kulokhukusa.

12 Manje asivule ngale emaBhayibhelini ethu kuMathewu isahluko 24 futhi sifunde ingxenye yeZwi. [UMfowethu Branham ulungisa umphimbo wakhe—Umhl.] Ngiyaxolisa. Njengendlela yo—yokuthola ingqikithi yetekisi nesifundo sethu.

13 Manje, khumbulani sizofundisa lokhu njengekilasi leBhayibheli, singajahi. Thathani amapensela enu nephepha. NginemiBhalo emininingi ebhalwe phansi lapha, ukuze—ukuze nikwazi ukuyiloba phansi lena. Bese niya ekhaya futhi niyifundisise, ngoba lokhu nje kufana nekilasi lesikole sangeSonto, ukuze sazi, futhi sexwayiswe futhi silungele amahora esiphila kuwo.

14 ENcwadini kaMathewu oNgcwele. [UMfowethu Branham ulungisa umphimbo wakhe—Umhl.] Ngiyaxolisa. Ivesi 24. . . Kumbe, isahluko 24, njalo, kuqale evesini 15, ngifisa ukufunda ingxenye yeZwi laKhe.

> Futhi *ngakho-ke nxa nibona amanyala encithakalo, ashiwo nguDaniyeli umprofethi, emi endaweni engcwele, (ofundayo, akezwisise:)*
>
> *Khona abaseJudiya mababalekele ezintabeni:*
>
> *Ophezu kwendlu—phezu kwendlu angehli ukuyothatha okusendlini yakhe:*
>
> *Osensimini angabuyeli emuva ukuyothatha izingubo zakhe.*
>
> *Kepha maye kwabakhulelweyo, nabancelisayo ngalezozinsuku!*
>
> *Khulekani ukuba ukubaleka kwenu kungabi-sebusika, nangesabatha:*
>
> *Ngokuba lapho kuyakuba-khona usizi olukhulu, olungazange lube-khona kwasekuqaleni kwezwe kuze kube-manje, qha, nolungasayikuba-khona.*
>
> *Uma lezozinsuku zingafinyezwanga, bekungesindiswe-muntu: kepha ngenxa yabakhethiweyo lezozinsuku ziyakufinyezwa.*
>
> *Khona uma umuntu ethi kini, Bhekani, nangu uKristu, noma nanguya; ningakholwa.*

Ngokuba kuyakuvela oKristu bamanga, nabaprofethi bamanga, baveze izibonakaliso ezinkulu nezimangaliso; ukuze, kudukiswe nabakhethiweyo, uma kungenzeka.

Bhekani, senginitshelile ngaphambili.

Ngakho-ke uma bethi kini, Bhekani, usehlane; ningaphumi: noma bethi bhekani, usendlini; ningakholwa.

Ngokuba njengonyazi luphuma empumalanga, lubonakale kuze kube-sentshonalanga; kuyakuba-njalo ukufika kweNdodana yomuntu.

Nomaphi lapho kukhona isidumbu, kulapho izinkozi ziyakubuthana khona . . .

15 Manje, okwesifundo, ngizothanda ukuthatha ivesi 24, ukugcizelela kulelivesi libe yisifundo sethu sesikole sangeSonto kulokhukusa. Futhi lalelisisani ngisaphinda ngilifunda leli, futhi.

Ngokuba kuyakuvela oKristu bamanga, nabaprofethi bamanga, baveze izibonakaliso ezinkulu nezimangaliso; ukuze, kudukuswe nabakhethiweyo, uma kungenzeka.

16 Manje okwesifundo kulokhukusa, kumbe itekisi, njalo, ngifuna ukuthatha: *AbaGcotshiweyo EsiKhathini SokuPhela.* Leso yisifundo engifisa ukukhuluma ngaso, kumbe itekisi: *AbaGcotshiweyo EsiKhathini sokuPhela.*

17 Ngikholwa ukuthi siphila esikhathini sokuphela. Ngicabanga ukuthi kakhulu noma ubani . . . Umfundi womBhalo, kumbe ngisho i—ikholwa, liyazi ukuthi manje sisekupheleni komlando wezwe. Asizukubabikho isidingo sokuwubhala, ngoba akuzukubakho-muntu ozowufunda. Kusekupheleni kwesikhathi. Ukuthi nje kunini, angazi. Ukuthi nje kuyothatha isikhathi esingakanani, akwazi ngisho naziNgelosi zaseZulwini lowomzuzu kumbe ihora. Kodwa sitsheliwe yiNkosi uJesu, ukuthi, uma lezizinto esizibonayo manje ziqala ukwenzeka, khona-ke ukuba siphakamise amakhanda ethu ngokuba ukuhlengwa kwethu sekuyasondela. Manje, ukuthi "kuyasondela" kuchazani, angazi. Kungahle kuchaze . . .

18 Njengososayense basho ngelinye ilanga, kwithelevishini, bekhuluma ngezinkulu izinkulungwane zamamayela zokubihlika emhlabeni ozocwila. Wabuzwa umbuzo, "Ubungacwila lapho na?" Leyo yiLos Angeles, iWest Coast. Futhi abaningi benu babonile ukuthi bakulandele kanjani ngesibonisi, futhi kwenyuka kwedlula e . . . kwabihlikela phansi eSan Jose, kwahamba kwawelela eAlaska, kwaphumela eAleutian Islands, cishe amakhulu amabili amamayela ukuphumela olwandle, futhi kwabuyela ezansi kwayongena

eSan Diego, kwahamba kwazungeza kwayongena ngemuva kweLos Angeles, kwase kukhuphukela lapho, isikhisi esikhulu.

Futhi konke lokhu ukuzamazama komhlaba ebesinakho kungokwentaba-mlilo ishaya lesisicwilisi esikhulu esingumgodi, okufana naso, phakathi lapho. Angikwazi ukubiza igama aba—abakubiza ngalo. Nokho, ngenkathi lokho kuzamazama, okwenza lokhu ukuzamazama komhlaba ebesinakho iminyaka eWest Coast. Manje sekuqhekezeke yonke indawo. Nososayense bathi, oyedwa . . .

19 Indoda yathi kwenye, "Lokho bekungawela phakathi na?"

Yathi, "Hhayi ukuthi 'bekunga,' kodwa kuzowa."

Yathi, "Kodwa hhayi esizukulwaneni sethu, mhlampe na?"

Yathi, "Emizuzwini emhlanu elandelayo, kumbe iminyaka emihlanu elandelayo. Asazi nje ukuthi nini."

20 Kuleliviki, ngithunyelelwe izihloko ephepheni, zamakhaya ekhulu-lezinkulungwane-zamadola ezamazama futhi eqhuma, abantu besuka. Futhi abazi ukuthi bazokumisa kanjani. Ayikho indlela yokukumisa. Niyabo, uNkulunkulu angenza noma yini Afuna ukuyenza, futhi akukho-muntu ongaMtshela ukuthi kwenziwa kanjani.

21 Nakha amakhaya, ningenza izinto zesayense, futhi uNkulunkulu ungumdali wesayense. NizoMmisa kanjani na? Angabhubhisa umhlaba kulokhukusa ngamazeze uma Efuna. Niyaqonda, Ubengakhuluma kuvele amazeze, futhi abengaba ngamamayela angamashumi amane ukujula ngesikhathi sengxenye yehora, niyabo, akukho . . . futhi adle abantu evela nje emhlabathini. UnguNkulunkulu. Wenza nje lokho Akuthandayo. Ungonobukhosi, kuYe uqobo.

22 Manje, ukubona yonke lenqwaba yobufakazi, yehora esiphila kulo manje, ngicabanga ukuthi kuyinto enhle ukubuyekeza lezizinto nokuzikhipha, selokhu kuvulwe iziMpawu, futhi sithole iqiniso lalezizinto, njengoba uNkulunkulu ubethembeke kakhulu kithi, ngomusa waKhe, ukusikhombisa lezizinto.

23 Ngifuna niqaphele lapha kuMathewu 24, uJesu wasebenzisa igama lo "oKristu," o-K-r-i-s-t-u, "oKristu." Hhayi uKristu, kodwa "oKristu," ubuningi, hhayi ubunye. "OKristu." Ngakho-ke, igama *Kristu* lichaza "Ogcotshiweyo." Bese-ke uma kungo "gcotshiwe," akuzukubakhona oyedwa kuphela, kodwa abaningi, gcotshiwe, "abagcotshiweyo." Niyabo?

24 Uma kungenjalo, ukuba Ubefuna ukukuhlaziya ukuze sikwazi ukuthi cishe sikuqonde kangcono, Ubezothi, "Ngezinsuku zokugcina kuyovela amanga, abagcotshiweyo." Manje, lokho kubonakala kungokungacishe kungenzeki nhlobo, niyabo, amagama ka "gcotshiwe." Kodwa qaphela wona amazwi

alandelayo, “nabaprofethi bamanga,” a-b-a-p-r-o-f-e-t-h-i, ubuningi.

25 Manje, *ogcotshiweyo*, yilowo, “onomlayezo.” Futhi indlela kuphela umlayezo ongethulwa ngayo kuba ngalowo o *gcotshiwe*, futhi lowo kungaba ngumprofethi, ogcotshiwe. “Kuyovela abamanga, abafundisi abagcotshiwe.” Umprofethi ufundisa lokho umlayezo wakhe oyikho. Abafundisi abagcotshiwe, kodwa abantu abagcotshiwe ngokufundisa kwamanga. Abagcotshiweyo, “oKristu,” ubuningi; “abaprofethi,” ubuningi. Futhi uma kukhona into okuthiwa u—uKristu, ubunye, khona-ke laba babezomele babe ngaba “gcotshiweyo,” ukuthi isiprofetho sabo salokho ababekufundisa sasiyoba ngumehluko, ngoba bangabagcotshiweyo, bagcotshiwe.

26 Manje, yisifundo sesikole sangeSonto, sifuna uku—ukuzama ukuletha lokhu ekuhlaleni kwamaqiniso obala ngempela, ngemiBhalo, hhayi ngalokho okushiwo ngomuny’umuntu ngakho, kodwa nje ukufunda imiBhalo.

Ungahle uthi, “Kungaba kanjani lokhu na? Ngabe abagcotshiweyo bebenga . . . ”

27 Babeyini na? “OKristu,” o-K-r-i-s-t-u, abagcotshiwe. “OKristu, nabaprofethi bamanga.” Abagcotshiweyo, kodwa abaprofethi bamanga!

UJesu washo, ukuthi, “Imvula inela abalungile nabangalungile.”

28 Manje, omunye angahle athi kimi, “Uyakholwa ukuthi lologcobo olukulabobantu luchaza ukuthi lokho kulugcobo lukaMoya oNgcwele na?” Yebo, mnumzane, uMoya oNgcwele uqobo lwawo kaNkulunkulu phezu komuntu, kepha nokho banamanga.

Manje lalelisisani futhi nibone ukuthi Wathini. “Futhi bayoveza izibonakaliso nezimangaliso, ukuze kudukiswe nabaKhethiweyo uma kungenzeka.” Futhi bagcotshwe ngoMoya oNgcwele uqobo lwawo. Ngiyazi lokhu kuzwakala kungubuwula kabi, kodwa sizothatha isikhathi futhi sikuchaze ngeZwi, ukuthi lokho ngoqobo kungu ISHO KANJE INKOSI, iQiniso.

29 Manje asivule emaBhayibhelini ethu, umzuzu nje, kuMathewu isahluko 5, futhi siqale nge—ngevesi 45, futhi sibone manje njengoba sifunda imizuzwana embalwa ngalemiBhalo. Bese-ke, emva kokuba sesingene lapha, ngani, sizoninika . . . Ngakho nina, uma sehluleka ukuyifunda yonke, khona-ke thola iBhayibheli lakho; futhi—futhi ningayifunda futhi emva kokuba sesisuka lapha bese niya ekhaya, futhi—futhi nifunde ukuthi iBhayibheli lithini ngakho.

30 Manje ukuthatha isikhathi sethu, ukuthola i—iqiniso lesisekelo, ngoba ngenza inkulumo-mbiko lapha eshaqisayo.

UMoya oNgcwele ungamgcoba kanjani umfundisi wamanga na? Kodwa yilokho uJesu athi kuyokwenzeka.

Manje, uMathewu, isahluko 5, ivesi 45, asifunde manje. Asithole, siqale nge—ngemuva kancane kwalo, elama 44.

> *Kepha mina ngithi kini, Thandani izitha zenu, nibusise abaniqalekisayo, nibaphathe kahle abanizondayo, nibanxusele abanihlebayo, nabanihluphayo;*
>
> *Ukuba nibe ngabantwana bakaYihlo osezulwini: ngokuba yena uphumisa ilanga lakhe phezu kwababi nabahle, anise imvula phezu kwabalungileyo nabangalungile.* (Imvula ifika phezu kwababi ngokufanayo nabahle.)

31 Manje ukulandela lokhu kwenyuke, kuye kwesinye isiprofetho esiqondene nalokhu, asivule manje kumaHeberu isahluko 6, okwevesi elilandelayo ngalokhu, lapho uPawulu ekhumbuza khona into efanayo neyashiwo uJesu. UPawulu, ekhuluma manje. Nisawafuna . . . Nani eningaphandle emsakazweni, sondezani amaBhayibheli enu eduze kwenu nesiqephu sephepha, bese nibheka phezulu lokhu manje. AmaHeberu isahluko 6, uPawulu ebhalela amaHeberu, ewakhombisa amathunzi nemifanekiso, ewasusa kubuJuda ewangenisa ebuKristwini, ewakhombisa nje kuthi zonke izinto ezindala zaziyisithunzi kanjani sezinto eyayizofika. UPawulu ekhuluma manje, amaHeberu 6.

> *Ngakho-ke masidlule esifundisweni sokuqala ngoKristu* (K-r-i-s-t-u, ubunye), *siqhubekele kokupheleleyo; singabuyi sibeke isisekelo sokuphenduka . . . misebenzini efileyo, nokukholwa nguNkulunkulu.*
>
> *Nesifundiso sokubhaphathizwa, nokubeka izandla, nokuvuka kwabafileyo, nokwahlulelwa okuphakade.*
>
> *Siyakukwenza lokhu, uma uNkulunkulu evuma.*
>
> *Ngokuba akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhanyiswa, banambitha isiphiwo sasezulwini, benziwa abahlanganyeli kuMoya oNgcwele,*

Ngifuna ukuba ninginake umzuzu nje. Niqaphelile, ukuthi yi “siphiwo”; futhi akusizo “iziphiwo,” abahlanganyeli be “ziphiwo zasezulwini”? Kodwa, “isiphiwo sasezulwini,” ubunye; “uKristu,” ubunye; “isiphiwo,” ubunye.

> *. . . siphiwo sasezulwini, benziwa abahlanganyeli kuMoya oNgcwele,*
>
> *Banambitha* okwe*zwi . . . likaNkulunkulu*, . . . (banambitha okwani?) *okwezwi likaNkulunkulu, namandla ezwe elizayo,*

Babuye bahlubuka, akunakwenzeka ukuba babuye bazivuse *baphenduke; lokhu bephinda sebezibethelela iNdodana kaNkulunkulu, bayithela ngehlazo obala.*

Ngokuba, (lalelani) *umhlabathi . . . phuza imvula efika kaningi phezu kwawo*, uku*milisa imifino ebasizayo abawulinyelwayo, uyabusiswa nguNkulunkulu:*

Kepha uma uveza ameva . . . khakhasi uyaleka, useduze nokuqalekiswa; ukuphela kwawo ngukushiswa.

32 Manje qhathanisa lokho noMathewu 5:24 futhi. Qaphelani, uJesu wathi imvula nelanga kufika phezu komhlabathi, ukuthi uNkulunkulu ukuthumelela ukuba kulungise ukudla nezinto kubantu bomhlabathi. Nemvula ithunyelelwa ukudla, imifino. Kepha ukhula lukakolo, ukhula, lusensimini, lwemukela into efanayo. Imvula efanayo ekhulisa ukolo iyimvula efanayo ekhulisa ukhula.

33 Ngake ngaba nesifundo esinjani ngalokho ngesinye isikhathi, ngenkathi ngiqala ukuhlangana nabantu bePentecostal! Futhi kwakuyisifundo esikhulu kimi. Ngabona amadoda amabili, eyodwa . . . Ngingakaze ngizwe kukhulunywa ngezilimi ngaphambili. Omunye wakhuluma ngezilimi, omunye ekuhumusha, ngokushintshana. Futhi akhulume iqiniso, asho ukuthi, "Kunabaningi lapha abafanele baphenduke kulobubusuku. Kukhona abesifazane nesilisa, kanye kanye." Futhi abantu babesukuma baye e altare.

Ngacabanga, "Kuhle kakhulu!"

34 Kwase kuthi-ke ngesiphiwo esincane sikaMoya oNgcwele, ngakhuluma nalawomadoda, nje, niyazi kanjani, ngokwehlukanisa, indlela encane nje yokuthola. Futhi enye yawo yayingumKristu woqobo, futhi yayiyinceku kaKristu ngempela, futhi enye yayingumzenzisi. Futhi enye yawo, le eyayingumzenzisi, yayihlala nowesifazane onekhanda elimnyama, ezulazula nomlungu onezinwele ezimhloshana futhi enabantwana kuye. Yebo, kwakukhona lapho impela embonweni; kwakungeke kuphikwe. Futhi ngakhuluma nayo ngakho. Yangibuka yase ijika ngendlu.

35 Manje ngadideka, ngempela. Ngangicabanga ukuthi ngangifike ezingilozini, ngase ngibuye ngimangala ukuthi ngangingekho yini phakathi kwamadimoni. Kwakungenzeka kanjani lokhu na? Angikuqondanga. Futhi iminyaka ngaziqhelisa izandla zami kukho, kwaze kwaba ngelinye ilanga lapho . . .

UGeorge Smith, umfana ohamba nendodakazi yami, sahamba izolo, senyukela endaweni yesigayo esidala lapho engiyaye ngiyokhuleka khona.

Futhi emva kokuba lapho izinsuku ezimbili, uMoya oNgcwele wangibuyisela lomBhalo. “Ngokuba imvula efika kaningi phezu komhlabathi ukuba umile imifino, kepha ameva namakhakhasi aphila ngaleyomvula efanayo, ukuphela kwawo ngukushiswa.” Aphila ngomthombo ofanayo onikeza ukuphila kaNkulunkulu. Ngase-ke ngikuqonda lokho. “Nge . . . ” UJesu wathi, “Baziwa ngezithelo zabo.”

36 Manje, ngakho-ke, imvula yehlela phezu kwezimila zemvelo zomhlabathi, kungumfanekiso wemvula yokoMoya onikeza ukuPhila okuPhakade, wehlela phezu kweBandla, ngokuba siyibiza ngemvula yokuqala nemvula yokugcina. Futhi yimvula, ithulula okukaMoya kaNkulunkulu, phezu kweBandla laKhe.

37 Qaphelani, kuyinto eyisimanga lapha. Niyabo? Ngenkathi lezo imbewu zingena emhlabathini, nokho zafika lapho, zazingameva kwasekuqaleni. Kodwa lapho ukolo owangena emhlabathini, nemifino, yayiyimifino kwasekuqaleni. Futhi umfino ngamunye uziveza, uphinda futhi, wawukhombisa ukuthi wawuyiwo ekuqaleni kokuqala.

38 “Futhi bayodukisa abaKhethiweyo uma kungenzeka,” ngoba bathola imvula efanayo, isibusiso esifanayo, beveza izibonakaliso ezifanayo, izimangaliso ezifanayo. Niyabo? “Bayodukisa, kumbe bazodukisa abaKhethiweyo uma kungenzeka.” Manje, iva liyohlala liyiva, kanjalo nokolo uyahlala ungukolo; kuyilokho uMdali wakho ngakunye akuhlosayo ekuqaleni. NgabaKhethiweyo labo. Imvula efanayo.

39 Ilanga liphuma ekuseni futhi lisabalale umhlaba wonke, ngenkathi liba nalomhlaba nosuku esiphila kulo. Futhi ilanga, ilanga elifanayo eliphuma empumalanga liyilanga elifanayo elishona entshonalanga. Futhi lelolanga lithunyelelwa ukuvuthwisa okusanhlamvu phezu komhlabathi, umzimba wethu owenziwe ngawo.

40 Siphila ngento efileyo. Yileyondlela kuphela ongaphila ngayo. Futhi uma kufanele kubekhona okufayo nsuku zonke ukuze uphile, okwemvelo, pho akusilo yini iqiniso ukuthi uma owakho . . . Umzimba wakho ufanele uphile ngento efile, okwempilo yemvelo, khona-ke ufanele ube noKuthile okufayo, ngokomoya, ukusindisa impilo yakho yokomoya. Futhi uNkulunkulu, waba ngophathekayo, inyama, futhi wafa ukuze siphile. Akukho-bandla, lutho olunye ezweni olungakusindisa ngaphandle kukaNkulunkulu. Yileyonto kuphela abaphila ngayo.

41 Manje funda imiBhalo. UJesu uyiZwi. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu. Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayenoNkulunkulu. ULizwi waba yinyama, futhi Owaphilayo, futhi wakha phakathi kwethu.” “Futhi umuntu akayikuphila ngesinkwa sodwa,” okomzimba, “kepha ngawo onke amaZwi

aphuma emlonyeni kaNkulunkulu." Bese, niyabo, siphila ngeZwi, futhi lowo nguNkulunkulu.

42 Manje ilanga lihamba linqamule bese livuthwisa okusanhlamvu. Manje, lingeze lakuvuthwisa konke ngasikhathi sinye. Ngenkathi liqhubeka, livuthwisa, liqhubeka livuthwisa kuze kube yisikhwebu esigcwele.

Kunjalo-ke, namhlanje, eBandleni. Laqala ebunganeni balo, emuva esikhathini sobumnyama, lapho elalingaphansi komhlabathi. Selikhule lavuthwa manje. Futhi singalibona, ngokuphelele, ukuthi uNkulunkulu kanjani njalo ngemvelo . . .

43 Ungeke uyiphazamise imvelo. Yileyondaba namhlanje. Singamabhomu andizayo, futhi phandle lapho kulolo lwandlekazi, siyibhidliza futhi siyiqhumisa ngapha nangapha ngamabhomu e atomu. Nje nibhidliza okuningi kwalowomhlabathi kusuke ngasosonke isikhathi, ungene kulo. Nigawula izihlahla; iziphepho zizonithatha. Nivimbela umfula; uzochichima.

Nifanele nithole indlela kaNkulunkulu yokwenza izinto futhi nihlale kuyo. Sihlele abantu emabandleni nezinhlangano; bukani ukuthi sinani! Hlalani endleleni kaNkulunkulu elungisiweyo yakho.

44 Kodwa, niyabo, "Uthumela imvula," sibuyele esifundweni sethu, "phezu kwabalungile nabangalungile." UJesu uyanitshela lapha manje, kuMathewu 24, kwakuzoba yisibonakaliso esikhathini sokuphela.

Manje, uma lesisibonakaliso kungukuba saziwe kuphela esikhathini sokuphela, khona-ke sizofanele sibe semva kokuvulwa kwalezoziMpawu. Niyabo? Kuyisibonakaliso sokuphela. Lokho kwakuyoba, nxa lezizinto kwenzeka, kuyoba sesikhathini sokuphela. Futhi kuyoba yisibonakaliso, manje, ngakho abaKhethiweyo bangeke badideke kulezizinto. Niyakubona na? Khona-ke, kufanele kwembulwe, kudalulwe.

45 Qaphelani, kokubili ukolo nokhula kuphila ngoGcobo olufanayo oluvela eZulwini. Kokubili kuyaLujabulela.

Ngiyakukhumbula lokhu, ngithathisela ngokubuyela kulesisenzeko phezulu lapho ngalolosuku eGreen's Mill. Nga—ngawubona lowombono ukhuphuka. Futhi kwakukhona umhlaba omkhulu, futhi wawukade uphenduliwe wonke. Futhi lapho kwaphuma uMhlwanyeli, kuqala. Ngifuna ukukugcina lokho phambi kwenu. Qaphelani ukuthi kuphumani kuqala, bese kulandelwa yini. Futhi ngenkathi leNdoda igqoke ezimhlophe yavela ijikeleza umhlaba, ihlwanyela imbewu, kwase kuthi emva kwaYo kufika indoda, igqoke izingubo ezimnyama, ibukeka ikhokhoba impela, ishoshela emva kwaKhe, ihlwanyela ukhula. Futhi ngenkathi lokhu kwenzeka, ngase-ke ngibona kokubili okusanhlamvu kumila. Futhi lapho kumila, okunye kwakungukolo nokunye kwakulukhula.

Kwase-ke kufika isomiso, ukuthi lapho, kubukeka sengathi, kokubili kwakukhothamise amakhanda akho kukhalela imvula nje. Kwase-ke kufika ifu elikhulu phezu komhlaba, futhi lana. Nokolo wavuka wase uthi, "Ayibongwe iNkosi! Ayibongwe iNkosi!" Nokhula lwavuka lwampongoloza, "Ayibongwe iNkosi! Ayibongwe iNkosi!" Imiphumela efanayo. Kokubili kubhubha, kokubili kushabalala. Wase-ke ukolo umila futhi woma. Futhi ngoba wawusensimini efanayo, ingadi efanayo, indawo efanayo, phansi kokuchinsa okufanayo, nakho kumila ukolo futhi nakho kumila ukhula ngento efanayo impela. Qaphelani, amanzi okugcoba afanayo aveza ukolo, aveza ukhula.

46 UMoya oNgcwele ofanayo ogcoba iBandla, obapha izifiso zokusindisa imiphefumulo, obapha amandla okwenza izimangaliso, Wehlela phezu kwabalungileyo ngokufanayo nabangalungile. Wona lowoMoya ofanayo! Manje, ungeke ukwenze ngenye indlela futhi qonda uMathewu 24:24. Wathi, "Kuyakuvela oKristu bamanga," abamanga, abagcotshiweyo. Begcotshwe ngeNto yangempela, kodwa babe ngabaprofethi bamanga baYo, abafundisi bamanga baYo.

Yini ebingenza umuntu abe ngumfundisi wamanga wento eliQiniso na? Manje sizokwehlela phansi ophawini lwesilo emizuzwini embalwa, futhi nizobona ukuthi yihlelo. Niyabo? Abafundisi bamanga; abamanga, begcotshiwe. OKristu abagcotshiwe, kodwa abafundisi bamanga. Yiyona-ndlela kuphela ongakubona ngayo.

47 Njengakhona lapha nje esikhathini esithize esedlule, ngikucaphunile lokhu. Ngingakucaphuna ngoba sixhumene nesizwe sonke. Ngelinye ilanga ngangikhuluma nomngane wami, lapho lokhu okungena khona kulokhukusa, eArizona. Futhi wayene-nepulazi lezithelo zohlobo lwezithelo ezifana namawolintshi. Futhi wayenesihlahla lapho esasiyisihlahla samawolintshi esasithela ophaphamuzi, nolamula, uhlobo lwenantshi, amathanjelo. Futhi ngiyakhohlwa ukuthi lungaki uhlobo lwezithelo olwalukhona kulesosihlahla esisodwa. Futhi ngathi e—e—endodeni, ngathi, "Kukanjani na? Nhloboni yesihlahla leyo na?"

Yathi, "Isihlahla, uqobo lwaso, siyisihlahla samawolintshi."

Ngathi, "Senziwa yini sibe nophaphamuzi kuso na? Kungani sibe nolamula kuso na?"

Yathi, "Zifakelwe kuso."

Ngathi, "Ngiyabona. Kahle, manje," ngathi, "manje, ngonyaka ozayo uma lesosihlahla sesivela nokunye okusanhlamvu kwesithelo," ezivuthwa cishe zonke ngesikhathi esifanayo, ngathi, "siyobe-ke sesithela amawolintshi odwa. Uma kuyisihlahla sohlobo lwamawolintshi anenkaba, siyothela uhlobo lwamawolintshi anenkaba, singeke, mnumzane na?"

Yathi, “Qhabo, mnumzane. Lonke igatsha elifakelwe liyoveza uhlobo lwalo.”

Ngathi, “Usho ukuthi ivini likalamula liyoveza ilamula kulesosihlahla samawolintshi na?”

Yathi, “Yebo, mnumzane.”

“Ngabe uphaphamuzi uyoveza uphaphamuzi kulesosihlahla samawolintshi na?”

Yathi, “Yebo, mnumzane. Leyo yimvelo yegatsha efakelwe kuso.”

Ngathi, “Akabongwe uNkulunkulu!”

Yathi, “Usho ukuthini na?”

Ngathi, “Omunye futhi umbuzo. Manje, ngabe lesosihlahla samawolintshi siyoke siphinde siveze amawolintshi futhi na?”

Yathi, “Uma siveza elinye igatsha.” Uma siveza elinye igatsha, hhayi uma elinye lifakelwa kuso. Kodwa, onke ayisithelo sohlobo lwezithelo ezifana namawolintshi, futhi aphila ngayo impilo yesithelo sohlobo lwezithelo ezifana namawolintshi esesihlahleni sezithelo zohlobo lwezithelo ezifana namawolintshi.

48 Ngathi, “Nakho lapho okhona! IMethodisti iyoveza amaMethodisti, ngasosonke isikhathi. IBaptisi iyoveza amaBaptisti, ngasosonke isikhathi. IKatolika iyoveza iKatolika, ngasosonke isikhathi. Kodwa iBandla likaNkulunkulu ophilayo liyoveza uKristu kusukela empandeni, iZwi ngasosonke isikhathi, uma kwenzeka siveza omunye umvini waLo qho.”

49 Manje, ungalifakela phakathi lapho, niyabo. Wonke uphaphamuzi, ulamula, ithanjelo, uhlobo lwenantshi, noma ngabe yiziphi izinhlobo zezithelo zohlobo lwezithelo ezifana namawolintshi, zonke zingaphila kulesosihlahla; kodwa zifakaze amanga ngesihlahla, ziphila ngesihlahla. Niyakubona na? Ziphila futhi zihluma ekuphileni kwangempela okukulesosihlahla.

Manje, nango uMathewu 24:24, baphila ngokuPhila okufanayo, kodwa babengalungile, ekuqaleni. Bafakaza amanga ngalesosiHlahla! Yisihlahla samawolintshi, nokho siyisihlahla sezithelo zohlobo lwezithelo ezifana namawolintshi. Futhi bathi, “Lelibandla, lelihlelo lifakazela uKristu,” futhi linombhaphathizo wamanga, ufakazi wamanga weZwi, bezama ukusho ukuthi amandla kaNkulunkulu ayengawabafundi kuphela.

UJesu qobo lwaKhe, wathi, “Hambani niye ezweni lonke nishumayele iVangeli kulo lonke igatsha eliyoze. . . isihlahla esiyoze sithele, nayiliphi igatsha eliyoba sesihlahleni. Nalezizibonakaliso ziyolandela amagatsha oqobo.” Kuphi na? Inqobo nje uma kuyisiHlahla, inqobo nje uma Siveza

amagatsha, kuze kube sekupheleni kwezwe. "NgeGama lami bayakukhipha amademoni; bashumayele ngezilimi ezintsha; baphathe izinyoka; baphuze okubulalayo; babeke izandla phezu kwabagulayo basinde." Niyalibona ihora esiliphilayo na? Niyabona ukuthi uJesu wathini na?

50 Khumbulani, lokhu kwakusesikhathini sokuphela, hhayi emuva phansi kukaWesley nasemuva lapho. Manje, esikhathini sokuphela, lokhu okwakuzokwenzeka ngaso.

Manje qaphelani imiBhalo; Ayifakaze yona. UJesu wathi, "Hlolani imiBhalo, ngokuba kuYo nithi, noma nikholwa, ukuthi ninokuPhila okuPhakade, futhi YiYona efakaza ngaMi." Ngamany'amazwi, uma lesisihlahla kwenzeka siveza igatsha . . . "NginguMvini, isiHlahla; nina ningamagatsha. Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza," uJohane oNgcwele 14:12.

51 Manje, "Ohlala kiMi, o . . . lowo owayesempandeni yaMi ekuqaleni."

Yingalesosizathu uJesu wayeyikho kokubili iMpande neNzalo kaDavide. Wayengaphambili kukaDavide, kuDavide, nangasemuva kukaDavide, kokubili iMpande neNzalo kaDavide; iNkanyezi yoKusa, iNtebe yaseSharoni, uMnduze wesiGodi, uAlfa noOmega; uYise, iNdodana, noMoya oNgcwele. "KuYe kuhlala ukugcwala kobuNkulunkulu ngokomzimba." Kokubili iMpande neNzalo kaDavide!

"Lowo ongukuPhila okukhethiweyo, ukuPhila okumiselwe ngaphambili, okukiMi," futhi UyiZwi, "kusukela ekuqaleni; uma evela, uyothela izithelo zaMi." UJohane oNgcwele 14:12.

Kepha abanye bayophila ngento efanayo, bezibiza ngamaKristu namakholwa. "Akusuye wonke othi, 'Nkosi, Nkosi,' oyongena."

Manje, futhi lokhu kuzokwenzeka futhi kubonakaliswe ezinsukwini zokugcina, "lapho izimfihlakalo zikaNkulunkulu seziyakube zifeziwe," njengoba sizongena kukho kamuvanyana.

52 Lezizihlahla, umvini weqiniso nomvini wamanga! Ningizwile ngishumayela ngalokho selokhu, kusukela eminyakeni eyedlula, ukuthi ikhule kanjani kanyekanye. Ngayingenisa ngamunye futhi ngakukhombisa lokho, kusukela kuKayini noAbela, imivini emibili eyahlangana e altare; bobabili bekholwa, bobabili begcotshiwe, bobabili befisa ukuphila, futhi bekhonza uNkulunkulu ofanayo. Futhi omunye wenqatshwa nomunye wemukelwa.

Futhi indlela kuphela lowo omunye emukelwa ngayo eyayingenza noma yini eyehlukile kumfowabo, kwembulwa kuye. Ngoba iBhayibheli lathi, "Ngokukholwa . . . " AmaHeberu, isahluko 11, "Ngokukholwa uAbela wanikela kuNkulunkulu

ngomhlatshelo omuhle kunalowo kaKayini, uNkulunkulu afakaza ngaye ukuthi ulungile."

UJesu, wathi, isambulo sokomoya ukuthi WayenguBani! "Umuntu uthi Mina iNdodana yomuntu ngingubani na?"

Wathi, uPetru wathi, "Wena unguKristu, iNdodana kaNkulunkulu ophilayo."

"Ubusisiwe wena, Simoni—Simoni, ndodana kaJona; inyama negazi akukwambulelanga lokhu. UBaba waMi oseZulwini ukwembulile. Phezu kwalelidwala Ngiyakulakha iBandla laMi," (ini?) isambulo seqiniso seZwi. Nanko uMvini weqiniso futhi. "UAbela, ngokukholwa!"

Wena uthe, "Kwakungesiso isambulo."

53 Yini ukukholwa na? Ukukholwa yinto eyembulwa kuwe; engakabikho nokho, kodwa uyakholwa ukuthi iyobakhona. Ukukholwa kuyisambulo sentando kaNkulunkulu. Ngakho, ngesambulo!

54 Futhi amabandla namhlanje awakholelwa ngisho esambulweni sokomoya. Akholelwa ekufundisweni okungenakuphikiswa kwenqubo ethize. "Ngesambulo uAbela wanikela kuNkulunkulu ngomhlatshelo omuhle kunalowo kaKayini, uNkulunkulu afakaza ngaye ukuthi kungukulunga." Ameni. Ngiyethemba niyakubona lokho. Niyabona ukuthi siphila kuphi na? Niyalibona ihora na?

Ngangikhuluma no—nomnumzane ohloniphekile esikhathini esingeside esedlule, isifundiswa esikhulu esingumKristu nomnumzane ohloniphekile. Wathi, "Mnu. Branham, siyazenqaba zonke izambulo."

55 Ngathi, "Kusho ukuthi-ke ufanele wenqabe uJesu Kristu, ngokuba Uyisambulo sikaNkulunkulu, uNkulunkulu wembulwa enyameni yomuntu." Uma ungakuboni, ulahlekile.

UJesu wathi, "Uma ningakholwa ukuthi NginguYe, niyofela ezonweni zenu." Uyisambulo sikaNkulunkulu, uMoya kaNkulunkulu wembulwa esimweni somuntu. Uma ningenakukukholwa lokho, nilahlekile. NiMbeka abe ngumuntu wesithathu, umuntu wesibili, kumbe noma yimuphi omunye umuntu ngaphandle kukaNkulunkulu, nilahlekile. "Uma ningakholwa ukuthi NginguYe, niyofela ezonweni zenu." Isambulo!

56 Akumangalisi bengakwazanga ukuMbona. "Akekho ongeza kiMi uma uBaba waMi engamdonsi. Nakho konke uBaba aNgiphe khona," ezimpandeni, "kuyakuza kiMi." Niyabo? Niyakuthola na? O, sifanale ukuMthanda kakhulu, siMdumise, siMbonge; ukubona isithelo sikaMoya ezinsukwini zokugcina, nesiHlahla soMlobokazi sivuthwa esicongweni sesikhathi!

57 Umvini weqiniso nomvini wamanga, yomibili yayinogcobo olufanayo. Amanzi ehlela phezu kwayo yomibili. Akumangalisi Asexwayisa, "Uyodukisa noKhethiweyo uma kungenzeka."

58 Qaphelani, ibukeka ifana. Igcotshwe ngokufanayo. Kodwa qaphelani, "Ngesithelo sayo . . . " Ukwaze kanjani na?

Wazi kanjani ukuthi akusilo iwolintshi na? Ngoba sithela uphaphamuzi. Lowomvini ulungile, uphila esihlahleni, kodwa uthela uphaphamuzi. Asifani nesokuqala.

Futhi uma ibandla lithi ba "kholwa nguJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade," futhi baphike aMandla aKhe, baphike imisebenzi yaKhe, baphike iZwi laKhe; uma—uma . . . IBandla elikholwa nguJesu Kristu, liyokwenza imisebenzi kaJesu Kristu, liyoba nokuPhila kukaJesu Kristu. Futhi uma lingenjalo, akunandaba noma ukuPhila kuthululeka kulo; uma lingakumiselwe ngaphambili, kusukela ezimpandeni, liyothela uphaphamuzi ngaso sonke isikhathi, kumbe okunye okwehlukile. Kodwa uma kungukuPhila okumiselwe ngaphambili, ezimpandeni, liyothela uJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade, uma kuyiZwi lenyuka ngeMpande. Okungukuthi, UyiMpande, ukuqala kwesikhathi.

59 Qaphelani, kodwa kuyilokho abakuvezayo okukutshela umehluko. "Ngesithelo sabo," uJesu wathi, "niyakubazi." "Umuntu akawakhi amagilebhisi ekhakhasini," ngisho nakuba ikhakhasi lingaba khona impela emgilebhisini. Lokho kwakungenzeka, kodwa isithelo siyokusho.

Yini isithelo na? IZwi, lesithelo senkathi yonyaka. Siyilokhoke, ukufundisa kwabo. Ukufundisa kwani na? Ukufundisa kwenkathi yonyaka, ukuthi sikhathi sini. Imfundiso yomuntu, imfundiso yehlelo, kumbe iZwi likaNkulunkulu lenkathi yonyaka na?

Manje, isikhathi sibaleka masinyane kakhulu, ukuthi besingahlala kulokho isikhathi eside. Kodwa ngineqiniso ukuthi nina enikhona lapha, futhi ngineqiniso nakini enisesizweni sonke, ningakubona engizama ukunitshela khona, ngoba asinakho ukuhlala kade kakhulu kukho.

60 Kodwa ningahle nibone ukuthi uGcobo lufika phezu kwabangalungile, abafundisi bamanga, futhi lubabangele ukuba benze khona impela uNkulunkulu abatshela ukuthi bangakwenzi; kodwa bayokwenza, noma ikanjani. Ngani na? Akukho okunye abangakwenza. Yini okunye ikhakhasi elingabayikho ngaphandle kokuba yikhakhasi na? Akunandaba ukuthi imvula enhle ilifafaza kangakanani, lifanele libe yikhakhasi. Yingalesosizathu uJesu athi, "Bayosondela kakhulu bekuyodukisa nabaKhethiweyo," okusezimpandeni, "uma kungenzeka," kodwa kungenzeke. Futhi ukolo ungenze lutho ngaphandle kokuthi uthele ukolo; yilokho kuphela ongakuthela.

61 Qaphelani. Khumbulani, uNkulunkulu akasuye umqambi wenhlangano. UDeveli ungumqambi wenhlangano. Ngikufakazisile lokho ngeZwi, emuva naphambili, futhi ngiphinda phinda; angizukungena kulokho kulokhukusa. Siyazi ukuthi uNkulunkulu akazange ahlele abantu ndawonye kanjalo, enze inhlangano. Amakhulu eminyaka emva kokufa komfundi wokugcina, ngaphambi kokuba baze babenenhlangano yokuqala. Yayihlale njalo yehluleka. Uma ingenjalo, yini pho thina ndawonye singathandani namhlanje, iMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, iKatolika nawo onke na? Ayisilandeli ngani imisebenzi kaNkulunkulu, pho, lonke ibandla lisentweni efanayo, iZwi na? Lezozinto ezehlukanisa umuntu, ubuzalwane. . . Siqhele kakhulu kuNkulunkulu kunanoma sake sabanjalo, amabandla, esikhuluma ngawo.

62 Manje, siyatshelwa, ukuthi, "Zonke izinto ezindala zenzeka ukuba zibe yizibonelo, ekufundiseni kwethu, ukusola, ukuyala." Ukuthi, zonke izinto ezindala zeTestament eliDala zenzeka, zaba yisithunzi, ukubona ukuthi kuyoba njani eTestamenteni eliSha, osukwini lwethu.

Njengoba nje uma ungakaze usibone isandla sakho, futhi wabheka phezulu futhi wabona isithunzi obondeni, njengesandla sami singaba njalo ekukhanyeni, uma sineminwe emihlanu lapha esithunzini, uma isithunzi; futhi uhambise izandla zakho ziye phambili, zona zingokwangempela, ziye ngasesi—ziye ngasesithunzini, sifanele siye eminweni emihlanu.

Njengoba iBhayibheli lisitshela, ukuthi, "ITestamente eliDala liyisithunzi, umfanekiso wezinto ezintsha, kumbe izinto ezazizofika; kungesizo izinto uqobo ezikhona, kodwa yisithunzi, umfanekiso wezinto ezizayo."

63 Asibuyele emuva futhi sibone uma lento yake yabakhona kunoma yimuphi omunye unyaka. Niyavuma na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.] Ngakho sizokwazi, ukufakazisa lokhu, emuva naphambili, ngeZwi; hhayi ngomqondo wendoda ethize, umcabango omunye ongenabufakazi.

Angikhathali ukuthi ingubani; noma yiyiphi enye indoda, qobo lwami kumbe noma ngubani omunye, "Uma ingakhulumi ngokomthetho nabaprofethi, akukho-kuKhanya kuyo." Niyabo? Yilokho okwashiwo yiBhayibheli. "Onke amazwi omuntu mawabe ngamanga, awaMi abe liqiniso," kungakhathaleki ukuthi ungubani.

64 Manje asibuyele emuva futhi sithole ukuthi ngabe lokhu kwake kwenzeka yini, ukusikhombisa isibonelo.

Besingabuyela emuva ngale manje eNcwadini kaEksodusi futhi sikhulume ngesimilo esibizwa ngoMose, owayengumprofethi ogcotshiweyo ethunywe nguNkulunkulu, eneZwi likaNkulunkulu nentando kaNkulunkulu yesizukulwane sakhe. Njengoba iZwi likaNkulunkulu lihlala

njalo lihamba ngokuqhubeka, Wathi, "Akenzanga lutho waze WaLembula kubaprofethi baKhe kuqala." Wase Eyakwenza-ke. Niyabo?

Manje, Angeqambe amanga. Angeke aqambe amanga abe nguNkulunkulu. Qhabo, mnumzane. Ufanele ahlale eqinisile. Akukho-manga kuYe. Ungu . . .

Futhi angeLiguqule. Uma Ekwenza, khona-ke Akasuye uNkulunkulu; Wenza iphutha. Ufanele abe ngongenasiphelo. Futhi ongenasiphelo angelenze iphutha. Niyabo? Ngakho noma yini uNkulunkulu ayishoyo, lokho kungokuqinisile Phakade. Niyabo? Futhi Wethembisa lokho. Ngakho, bhekisisa, akukho-ndawo eBhayibhelini ngaphandle uma kulandela ngokuqhubeka kukho ngqo.

65 Manje, uNkulunkulu wayekade ethembise uAbrahama ukuthi inzalo yakhe yayizoba ngumfokazi e—ezweni lezizwe iminyaka engamakhulu amane, Uyobe-ke eseyikhipha ngesandla esikhulu esinegunya namandla, aveze izibonakaliso zaKhe nezimangaliso phakathi kwabantu ababehlala nabo. Isikhathi sesethembiso sasondela. Abantu base besikhohliwe. BabenabaFarisi nabaSadusi, nokunjalo, amahlelo. Kodwa, khonamanjalo, nakho kufika uNkulunkulu futhi wadonsa lapho, wakhipha, wadeda kunoma yimuphi wabo.

UNkulunkulu akakaze, kunoma yiluphi usuku kumbe kunoma yisiphi isikhathi, ake abize umprofethi ovela ehlelweni. Qhabo, mnumzane. Usonteke kakhulu, wayengenakukwenza; wayeyofanele ahlale nalelohlelo.

66 UMose, indoda eyayithunywe ivela kuNkulunkulu, ineZwi likaNkulunkulu, futhi ohambweni lwayo ithatha uIsrayeli imusa ezweni lesethembiso, inamathele emyalweni kaNkulunkulu, yahlangana nomunye umprofethi, omunye ogcotshiweyo owayenogcobo uqobo lwalo lukaMoya oNgcwele ofanayo olwaluphezu kukaMose. Kunjalo. Wayengumprofethi. UMoya oNgcwele wawuphezu kwalendoda. Igama layo kwakunguBalamu. Sonke siyamazi. Yebo, zona izinto impela, okufanayo, izinto—izinto indoda eyazishoyo, kusenzeka, cishe eminyakeni engamakhulu angamashumi amabili-nesishiyagalombili eyedlula. "Unjengezimpondo zenyathi, O Israyeli. Okubusisayo uyakubusiswa. Okuqalekisayo uyakuqalekiswa. Amandla akho, nokuba namandla, alunge kangaka amathende akho, O Jakobe!" Niyabo, akukho ayengakwenza. Ufika lapho ethi enhliziyweni yakhe uzoqalekisa abantu.

67 O, nina bafundisi bamanga enilalele leteyipu yonke leminyaka, futhi nibona uNkulunkulu eqinisa khona impela Akushoyo, futhi nihlale endaweni yenu enifundela kuyo futhi niyazi ukuthi kuliQiniso; futhi ngenxa yemehluko yenu yehlelo,

niphikisana nawo futhi nitshele abantu benu ukuthi awanjalo. Maye kini! Isikhathi senu sesisondele kakhulu.

68 UBalamu, egcotshwe ngoMoya ofanayo owawuphezu kukaMose. Kwakuyini umehluko na? Ukufundisa kukaMose kwakuphelele. IBhayibheli lasho lapha kuPetru wesiBili, ukuthi kwaku "ngukufundisa kukaBalamu" uIsrayeli akwemukelayo, uNkulunkulu angazange athethelele. Isono esingenakuthethelelwa nakancane! Akukho namunye wabo owasindiswayo, nakuba babephumile bephansi kwezibusiso zikaNkulunkulu, futhi basibona isandla sikaNkulunkulu sihamba ngalomprofethi onamandla, futhi basibona impela siqinisekiswa nguNkulunkulu. Futhi, ngoba, omunye umprofethi ungena nokufundisa, okuphambene, futhi waphikisana noMose, futhi wazama ukufakazisa kubantu ukuthi uMose wayenephutha. Futhi uDathani, uKora, nabaningi babo, bavumelana naye futhi bafundisa abantwana bakwaIsrayeli ukuba baphinge, ukuba balandele inhlangano yakhe, ukuthi, "Sonke siyafana."

"Noma ngabe siyiMethodisti, iBaptisti, iPresbyterian, kumbe amaPentecostal, nokunye, sonke siyafana."

69 Asifani! Ningabantu abehlukanisiwe, abangcwele eNkosini, abazinikele eZwini noMoya kaNkulunkulu, ukuthela isithelo sesethembiso saKhe salolusuku. Futhi anisibo ababo! Ngiyazi lokho kuqine kabi, kodwa lelo yiQiniso ngokufanayo nje. Bazinikele ekukhonzeni kulolu izinsuku zokugcina! "Phumani kukho."

70 Manje, "ukufundisa kukaBalamu," hhayi isiprofetho sikaBalamu. Leso sasilungile. Lowo kwakunguNkulunkulu. Bangaki kokukholwayo lokho na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.] Isiprofetho sikaBalamu sasiqinisile impela, ngoba akukho okunye Ayengakukhuluma. Ugcobo lukaNkulunkulu akukho okunye olwalungakukhuluma, futhi uNkulunkulu wakuqinisekisa ngokufakazisa ukuthi kwakuyiQiniso. Kodwa kwakunguku "fundisa kukaBalamu."

71 Manje qhathanisa lokho noMathewu 24:24. Abagcotshiweyo, kodwa ukufundisa kwabo kungamanga. Oziqu-zintathu, nazozonke izinto ezinjalo; kuliphutha, umphikukristu!

Ngiyethemba imizwa yenu ayilimali. Futhi ningakujikisi lokho, nivale lezozingcingo. Futhi ningasukumi niphume. Hlalani nje nithule, futhi asibone ukuthi uMoya oNgcwele ungeke yini usembulele khona, futhi ukufakazise kithi. Wena uthi, "Kodwa lokho . . ." Noma yini nje oyikholwayo, hlala nje uthule ulalele. Futhi ucele uNkulunkulu avule inhliziyo yakho, khona-ke uzothola noma ngabe uyiva, noma ikhakhasi, kumbe noma ngabe umi kuphi. Niyabo?

72 Manje, ngisho noJuda, "wanqunyelwa ngaphambili ekulahlweni," wahlala lapho phambi kukaJesu. NoJesu

wamtshela, “Nguwe. Noma yini ozoyenza, futhi noma yini ofanele uyenze, hamba ukwenze masinya.” Yena ekwazi ayekwenza, kodwa, ngenxa yalezozinhlamvu ezingamashumi amathathu zesiliva, nokuthandwa ngabantu, wathengisa ngeNkosi uJesu Kristu. Omunye wabafundi baKhe, umphathizimali webandla, uJesu wambiza ngo “mngane” waKhe. Niyabo? IBhayibheli lathi, “Wazalwa eyindodana yokulahlwa,” njengokufanayo njengoba uJesu wazalwa eyiNdodana kaNkulunkulu. “Badukise nabaKhethiweyo uma kungenzeka.”

73 Qaphelisisani ngokusondela njengoba siqhubeka sifundisisa. Sizothatha esinye isenzeko, ngale eNcwadini yamaKhosi. Kwakukhona u—umprofethi, futhi igama lakhe kwakunguMikhaya. Wayeyindodana kaImla, futhi wayengumprofethi. Wayenguye.

Futhi kwakukhona omunye umprofethi, inhloko yenhlangano yabaprofethi, abagcotshiweyo. IBhayibheli lathi babenga “baprofethi,” ngokufanayo nje njengoba Athi uBalamu wayengumprofethi, abagcotshiweyo.

Futhi kwakukhona omunye wabo ogama linguMikhaya, owayegcotshwe nguNkulunkulu futhi wathunywa nguNkulunkulu, eneZwi likaNkulunkulu.

Kwakukhona omunye, uZedekiya, owayecabanga ukuthi wayethunywe nguNkulunkulu. Wayegcotshwe ngokukaNkulunkulu, kodwa ukufundisa kwakhe kwakuphambene neZwi likaNkulunkulu. “Kuvele, oKristu bamanga, baveze izibonakaliso ezinkulu, badukise abaKhethiweyo uma kungenzeka.”

74 Qaphelani, bobabili, bobabili begcotshiwe. Manje, wawungasho kanjani ukuthi yimuphi owayeqinisile, nosephutheni na? Qaphela ukuthi iZwi lethembisani kuAhabi. Umprofethi owayephambi kwakhe, owayenguElija, omunye wabaprofethi abakhulu kunabo bonke bonyaka, lowo kwakungumprofethi oqinisekisiwe. Lowomprofethi oqinisekisiwe washo, ukuthi, “Ngoba uAhabi enze lobububi, ukuthi izinja zaziyoxhapha igazi lakhe; wathatha ukuphila kukaNaboti. Nokuthi izinja zazizodla uJezebeli, ne . . . umzimba wakhe wawuzoba ngumquba ebusweni bemihlabathi.” Manje, ungakubusisa kanjani okuqalekiswe nguNkulunkulu na? Kumbe ungakuqalekisa kanjani, njengoba kwasho uBalamu, uNkulunkulu akubusisile na? Niyabo?

Kodwa labababaprofethi babeqotho. Kwakungekho kungabaza ukuthi babengamadoda alungileyo, indoda ehloniphekile. Ngokuba, ukuba ngumprofethi kwaIsrayeli, ufanele uhlonipheke, kumbe ngisho ukuba ngumIsrayeli. Wawukhandwa ngamatshe, uma ungenjalo. Babengamadoda ahloniphekile. Babengamadoda akhaliphile. Babengamadoda afundile. Babengabaqokiweyo bakaAhabi, besizwe. (Uyakubona

lokho, Dadewethu Wright?) Abaqokiweyo besizwe, benela kahle ekupar-. . .

75 Futhi manje, lapho uMikhaya ebona umbono wakhe, wazi enhliziyweni yakhe ukuthi iZwi lalitheni, kodwa wayefuna ukubona ukuthi uMoya owawukuye wawuzothini.

Ngakho bamtshela, bathi, "Ubosho into efanayo neshiwo yilaba abanye abaprofethi. Futhi uma wenza, ngani, uyoba, siyokuthatha ungene enhlanganyelweni, akungabazeki, futhi. Niyabo? Sizokwenza ube ngomunye wethu. Sizokuthatha sikubuyise sikufake ehlelweni lethu. U. . . Siyazi ungumprofethi, kodwa uhlala njalo usho izinto eziqalekisayo. Uhlala njalo uqalekisa uAhabi. Manje, uZedekiya, indoda eyinduna, uphapha, kumbe u. . . " noma wayeyini. "Manje umbusisile uAhabi, futhi wathi, 'Hamba ukwenze.' Manje nawe ubosho into efanayo, Imla. Ngani, ungumfo ozihluphekelayo nje. Awuna-bandla, cishe, nhlobo. Futhi lababafo unezigidi. Isizwe sonke singesabo. Manje ubosho into efanayo njengoba benza, ubone ukuthi uyokwenzani, uyo—yodla umcebo wezwe." Ukhuluma nendoda engenjalo lapho!

76 Ukuba-ke kwakuthiwe, "Likhona icala ongalithola kuZedekiya, Mikhaya na?" "Qhabo." "Sewake wambamba esesonweni na?" "Cha." "Sewake wamuzwa eqalekisa noma ubani na?" "Cha." "Sewake wambamba edakiwe na?" "Cha." "Ungaphikisana nemfundo yakhe na?" "Cha." Uyakholwa ukuthi iziqu zakhe zobudokotela zingamanga na?" "Cha." "Uyakholwa ukuthi iPh.D. yakhe—yakhe ilungile na?"

"Impela. Ngomkhandlu weSanhedrin; ngikholwa ukuthi konke ngumkhandlu, ngibona ukuthi kulungile."

"Awu, pho-ke, awumjoyini ngani na?"

"Ngoba usukile eZwini!"

77 Yebo, sizoba nokuhlala obala kwamaqiniso ngakho, manje-ke, njengoElija umprofethi ngaphambi kwalokho. Futhi uma ungumntwana kaNkulunkulu, uzohlala nomprofethi waleliBhayibheli. YiZwi. Qaphela ihora, inkathi yonyaka.

78 Yebo, ukuba-ke uZedekiya uthi, "O, ngiyazi umprofethi wakusho lokho, kodwa lokho kungokwesizukulwane esizayo. Lokho kungokwesikhathi eside ukusuka manje"?

Wathi, "Lindani ngize ngibone umbono ovela kuNkulunkulu, ngizobe senginitshela-ke."

Wathi, "Bese-ke usho into efanayo na?"

Wathi, "Ngiyosho nje lokho uNkulunkulu akushoyo; lutho okunye, lutho okunye futhi. Angikwazi ukwengeza izwi elilodwa kuLo, kumbe ngisuse iZwi elilodwa kuLo."

Ngakho ngalobobusuku, emkhulekweni, iNkosi yafika kuye ngombono. Waphuma ngokusa okulandelayo, wathi . . .

Kukhona abaprofethi ababili!

79 Indoda enkulu kunawo onke esizweni, embuthweni wezempi nasebusweni besizwe, kwakunguZedekiya. Wayengumprofethi oyinhloko, ngasenkosini. Wayeyinhloko yabo bonke abanye abaprofethi, ngenhlangano. Wenziwa, yinhlangano yakhe, inhloko yabo bonke; mhlawumbe efunde ukubedlula bonke, ofundiswe ukubedlula bonke, ewufanele kakhulu umsebenzi. Futhi wayegcotshwe ngoMoya oNgcwele, ngokuba ubizwa ngo "mprofethi." Impela, hhayi nje umprofethi ojwayelekile, wayengumprofethi ongumHeberu. Manje mqaphele.

80 UZedekiya wathi, "INkosi yakhuluma nami, 'Ngenzele lezizimpondo ezimbili zensimbi,' isifanekiso." Umprofethi ngokwejwayelekile unikeza izifanekiso. "Yathi, 'Yenza lezizimpondo zensimbi.' UMoya oNgcwele wathi kimi, 'Thatha lezi,' uGcobo olwangibusisa." Ungacabangi ukuthi kungokuphathelene nomhlatshelo, kodwa ukungena ephuzwini. "UMoya oNgcwele okhuluma ngezilimi ngami, Lowo ongiqinisekisile, Yathi, 'Thatha lezizimpondo, futhi, ngalokhu, utshele inkosi ukuthi iyakuqhubukusha iSiriya iphume iphele ezweni. Futhi Ngiyoyibuyisela izwe ngokomthetho elingelikaIsrayeli, ibandla.'"

Mfowethu, lokho kuqavile impela, cishe nje kube njengoBalamu wayesenhla lapha. UBalamu ngokukhuluma wayeqavile njengoba wayenjalo uMose. UMose . . . Inombolo eyiyo kaNkulunkulu yisikhombisa. Futhi uBalamu wathi, "Ngakheleni ama altare ayisikhombisa; imihlatshelo eyisikhombisa ehlanzekileyo, izinkabi, nezinqama eziyisikhombisa." Lokho kukhuluma ngokufika kweNdodana kaNkulunkulu. Ngokuqavile, wayeqinisile njenganoma yimuphi wabo.

81 Futhi nangu uZedekiya, eqinisile ngokuqavile, "Ngokuba lelizwe lingelethu. Ngani, lawomaSiriya namaFilisti ngapho esuthisa izisu zawo, zabantwana bawo nokunjalo, isitha sethu, ngokudla abantwana bethu ongenakho! Kanti, uNkulunkulu wasinika lelizwe!"

Mfowethu, leyo yimpikiswano enhle. Ngiqagele wakumemeza kakhulu lokho phambi kukaIsrayeli, futhi bamemeza ngamandla abo onke. Manje, ngikhuluma ngenamuhla manje. Ngiyethemba niyangilandela. Konke ukumemeza, ukumpongoloza!

82 Niyamkhumbula uDavide ngeSonto eledlule na? Niyabo? Nina eningaphandle lapho ezweni lomsakazo, kumbe izwe lalokhu ukuxhunywa kothelefoni; aniwutholanga uMlayezo wangeSonto eledlule, qinisekani ukuthi niyawuthola. *Ukuzama Ukukhonza uNkulunkulu Ngaphandle kokuGcotshelwa UkuKwenza*, akunandaba ukuthi kuqotho kangakanani, kuhle, akwemukelwa nhlobo nguNkulunkulu. Niyabo?

Manje, wayekhona lapha uZedekiya, ecabanga ukuthi ukahle.

83 UMikhaya wathi, “Ake ngibuze uNkulunkulu.” Ngakho uyehla ngokusa okulandelayo eno ISHO KANJE INKOSI. Wawuhlola umbono wakhe neZwi.

84 Manje ukuba wayethe kuZedekiya, “Uyazi yini ukuthi umprofethi weBhayibheli lapha wayethe kuyokwenzekani kulomfo na?”

85 “Kodwa hhayi ngalesisikhathi, ngoba lendoda iyindoda ehloniphekile. Iyazama.” Ningehluleki ukuthola lokhu. “Uzama ukubuyisela ebandleni izinto ezingezebandla. Uzama ukubuyisela impahla yalo,” hhayi izinto zoMoya; ukuba kwakungaba yizo, wayeyozamazamisa isizwe sonke njengoba kwenza uElija. Kodwa, ezama ukubanika izinto eziphathekayo, “Sinempahla engeyethu. Siyinhlangano enkulu. Sisonta kuyo. Thina sonke, nonke nina bantu, nina maProtestane, nonke nifanele nisijoyine.” Ehhe.

Siyeza kulokho esikhashaneni. “Konke ngabafowethu nodadewethu, empeleni.” Akusikho! Akukaze futhi akusoze, ngeBandla likaNkulunkulu loqobo ngempela. Kungeke!

86 Qaphelani, wabona umbono. Futhi ngakho wathi, “UNkulunkulu wakhuluma kimi.” Manje, bukani, indoda yayiqotho. Yathi, “Uthe, ‘Yenza lezizimpondo, futhi khuphuka uye lapho phambi kwenkosi futhi uqhubukushe ngasentshonalanga,’” kumbe noma ngakuyiphi indlela izwe elalingakuyo lapho ababemi khona. “‘Qhubukusha, futhi lokho kuyoba ngu ISHO KANJE INKOSI, ukuthi izozuza ukunqoba bese ibuya, ukunqoba kwebandla.’ Izobaxosha!” Lokho kusondele impela, akunjalo na? Kwakuyin’indaba na?

Nakhu kuza uMikhaya ehla. Wathi, “Manje nikeza isiprofetho sakho.”

87 Wathi, “Yenyuka! Kodwa ngibone uIsrayeli enjengezimvu, ezihlakazekile, ezingenamelusi.” Wewu! Impela kwaphambana.

88 Manje, niyibandla. Manje yiliphi eliqinisile na? Bobabili, abaprofethi. Indlela kuphela ongasho ngayo umehluko kubo, ingukuthi, kuhlole ngeZwi.

Wathi, “Ukuthola kanjani lokhu na?”

Wathi, “Ngambona uNkulunkulu ehlezi esiHlalweni sobukhosi.” Wathi, “Ngabona wonke umkhandlu uMzungezile.”

89 Manje khumbulani, uZedekiya wayesanda kusho nje ukuthi wayebone uNkulunkulu, futhi, noMoya ofanayo. “Ngambona uNkulunkulu. Wangitshela ukuba ngenze lezizimpondo nge—ngensimbi. Ngiphumele lapho ngiqhubukushe izizwe ziphume lapha, ngokuba leli lingelethu. Abanye abanalungelo kulo.” Babeyokwenza ukuba babehlale ngqo noNkulunkulu. Babeyoba nalo lelo, kodwa badeda kuNkulunkulu.

Injalo-ke inhlangano, ibandla. Linelungelo kulezizinto, kodwa nikhohlisiwe kulo, ngoba nadeda eZwini likaNkulunkulu noMoya kaNkulunkulu, ugcobo, ukuqinisekisa iZwi lenkathi yonyaka. Ningehluleki ukuthola loMlayezo.

90 Qaphelani ukuthi kwenzekeni manje. Wathi, "Ngambona uNkulunkulu," uMikhaya wambona, "ehlezi esiHlalweni sobukhosi eZulwini. Umkhandlu waKhe wawuMzungezile. Wathi, 'Ubani esingamthola ukuba ehle adukise uAhabi, ukwenza amazwi kaElija afezeke; umprofethi waMi owayeqinisekisiwe. Ngakhuluma ukuthi wayezofika. Futhi uElija wayeneZwi laMi. Futhi amazulu nomhlaba kodlula, kepha iZwi laMi alisoze lehluleke. Angikhathali ukuthi bathola ukuba yisimodeni kangakanani, kumbe ukuthi bathola ukubabahle kangakanani, kumbe ukuthi bathola ukufundiswa kangakanani, kumbe ukuthi bakhulu kangakanani, amaZwi aMi awasoze ahluleke.'

"Nomoya wamanga wakhuphuka uvela esihogweni, wawa ngamadolo awo, futhi wathi, 'Uma nje Uzongivumela, ngingabanika ugcobo lwami, ngibenze benze noma yiluphi uhlobo lwesibonakaliso kumbe isimangaliso, inqobo nje uma ngibasusa eZwini. Angeke aze azi ngisho ukuthi Lelo yiZwi laKho. Angeke aLinake, ngenxa yokuthandwa ngabantu.'" Mfowethu, izikhathi asikajiki. Mfowethu Neville, yiqiniso lelo. Niyakhumbula, yiqiniso lelo. "'Ngizokwehlela kuye, ngimenze enze izinto ezifanayo bonke abanye ozenzayo. Ngizomenza ukuba aprofethe, futhi akhulume amanga.'" Kungaba kanjani amanga na? Ngoba kwakuphambene neZwi.

91 Nithatha noma yimuphi walemibhaphathizo yamanga, okungamanga *okuthize-no-kuthize-thizeni*, angikhathali ukuthi kuzwakala kuyikho kanjani, ukuthi bazama kangakanani ukulingisa, kungamanga uma kuphambene neZwi likaNkulunkulu lalelihora. Lokho kunjalo impela.

Wena uthi, "Kuhle, okwethu, kuhle, senza *lokhu*, futhi senza *lokhu*, futhi ibandla lethu liyi*le*ndlela na*leyo*."

Angikhathali ukuthi liyini. Uma liphambene neZwi elilotshiweyo lalelihora, kungamanga. UNkulunkulu akazukuzihlupha ngalo, akunandaba ukuthi kuqotho kangakanani, kufundiswe kangakanani, kuhlakaniphe kangakanani, kuzwakala kuliqiniso kangakanani, kuzwakala kunomqondo kangakanani, uma kuphambene neZwi lalelihora. [UMfowethu Branham ushaya kabili phezu kwepulpiti—Umhl.] Sizongena kulokho ngokuthe ukujula kancane emizuzwini embalwa, isikhathi sisivumela. Uma singaphumeleli, sizophinde sikucaphune futhi kulobubusuku.

92 Qaphelani, wayeqotho, indoda elungileyo, akungabazeki. Futhi wathi . . . Kwase-ke, ngokunye, uMikhaya wathi kuye, hhayi ebusweni bakhe ngqo, kodwa amany'amazwi, "Ugcotshwe

ngomoya wamanga." Kungebe yinto yini lokho ukutshela umbhishobhi na? Kodwa ukwenzile.

93 Futhi ngakho lombhishobhi wakhuphuka wayesethi, "Ungeke usaphinde ubenenhlanganyelo futhi," futhi wamshaya ebusweni. Wathi, "Uyazi ukuthi ngiyindoda eqinisekisiweyo. Ibandla lami langenza inhloko yalo, lento. Ivoti elidumileyo labantu bakaNkulunkulu langenza lokhu. Inhlangano yami yangenza lokhu. Futhi uNkulunkulu wasinika lelizwe, futhi uhlose ukuba libe ngelethu. Futhi ngino ISHO KANJE INKOSI." Wamshaya, wayesethi, "UMoya kaNkulunkulu wasuka waya ngaphi ngenkathi Usuka kimi na?"

94 UMikhaya wathi, "Uzothola, ngolunye lwalezizinsuku," lapho iCalifornia isingaphansi kolwandle ngaleya, nazozonke lezizinto. Niyabo? "Uzobona ukuthi Waya ngaphi, uma usuhlezi ematilongweni angaphakathi."

95 Manje, Ahabi, uzothini na? "Ngikholwa umprofethi wami," washo. Uma-ke nje ehlole iZwi na? Niyabo, akazange afune ukuzibona eqalekiswa. Ngizweni! Akazange afune ukuzibona eqalekiswa. Akekho umuntu ofunayo.

Futhi eyami inhla-. . . umfowethu wenhlangano, yileyo indaba kuwe. Ufuna ukucabanga ukuthi ukahle, kanti, uyazi enhliziyweni yakho, uma ubhaphathiza usebenzisa igama lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele," uqamba amanga. Uyazi uma upredi-. . . usho lezozinto ozenzayo, futhi uthathe ubufakazi bokuqala, nazozonke izinto ezinjalo, unephutha. Ubufakazi bokuqala bungaba kanjani ngukukhuluma ngezilimi, bese-ke ukhuluma okuphambene nesethembiso sikaNkulunkulu kulelihora na? Kungaba kanjani na? Awusifuni isiqalekiso, uyasifuna na? Kodwa *Lapha* kulotshiwe, kuyobanjalo. Lolo wuphawu lwesilo, kusondele kakhulu bekuyodukisa abaKhethiweyo uma kungenzeka.

96 Sonke isibonakaliso, sonke isimangaliso, indoda egcotshiwe, isiprofetho, yonke inhlobo yezinto eziqhubekayo; zonke izinhlobo zezibonakaliso, zonke izinhlobo zezimangaliso, uzowusho kanjani umehluko na? Qaphelisisa iZwi lalelihora. Ukuthatha kanjalo-ke. . .

97 Qaphelisisa uMose, ukuthi wayengamtshela kanjani uBalamu. Qaphelisisa uMikhaya lapha, sazi kanjani ukuthi wayeqinisile na? IZwi, phambi kwakhe, lalikuprofethile lokho ngoAhabi. [UMfowethu Branham ushaya kaningana phezu kwepulpiti—Umhl.]

Futhi iZwi, phambi kwethu, laziprofetha lezizinhlangano zalolusuku, nalesisiqalekiso phezu kwazo. Nezinto ezazizokwenzeka ngeBandla laKhe eligcotshwe ngokweqiniso, liyoba neZwi, uMlobokazi-Zwi. Nakhu sikhona. Nakhu, namhlanje, njengoba kwakunjalo nje ngaleyonkathi.

98 IBhayibheli lathi, “Ngomlomo wawofakazi ababili noma abathathu onke amazwi mawaqiniswe.” Ngikhulume ngoBalamu, ngikhulume ngoBalamu nangoMose. Futhi ngikhulume manje ngoMikhaya noZedekiya. Manje ngizonikeza omunye futhi. Okungukuthi, kukhona amakhulu abo, kodwa omunye futhi, ukwenza ofakazi abathathu. Nginohide lonke lwabo ababhalwe phansi lapha; kodwa ukonga isikhathi.

99 UJeremiya owayengoqinisekisiweyo, umxoshwa, kodwa umprofethi oqinisekisiweyo kaNkulunkulu. Bayizonda indoda. Baphosa unri-. . . isithelo esivuthwe ngokweqile kuye, nakho konke okunye. Futhi wabeka isiqalekiso phezu kwabo. Nezinto ayezenzile, futhi wakubeka phandle lapho ezinhlangothini zakhe, nezinto, futhi wanikeza izibonakaliso ukuthi uIsrayeli wayesephutheni.

Wonke umprofethi, umprofethi weqiniso osewake waphakama ezweni, waziqalekisa lezozinhlangano ezingamahlelo ebandla. Bekungaguquka kanjani, ngoNkulunkulu ongaguquki na?

100 UMoya oNgcwele ungumProfethi walelihora; Yena eqinisekisa iZwi laKhe, eLifakazela. UMoya oNgcwele wawungumProfethi wehora likaMose. UMoya oNgcwele wawungumProfethi wehora likaMikhaya. UMoya oNgcwele, owaloba iZwi, uyafika uqinise iZwi.

101 Manje kwenzekani esikhathini sikaMikhaya na? UAhabi wabulawa, nezinja zaxhapha igazi lakhe, ngokweZwi likaNkulunkulu.

Nonke nina bafundisi bamanga, usho kanjalo uNkulunkulu, ngelinye ilanga niyokuvuna enikutshalayo, nina baholi abayizimpumputhe bezimpumputhe! Angithukuthele. Nje nginitshela iQiniso. Futhi bengingeke ngikusho lokhu ukuba phezulu lapha, kulelokamelo, ukuba uMoya oNgcwele ubengashongo, “Ukusho ngaleyondlela.” Sengake nganitshela yini noma yini eliphutha ngaphandle kwalokho uNkulunkulu akufakazisa ukuthi kuliqiniso na? Phaphamani, bazalwane bami, ngaphambi kokuba isikhathi sedlule kakhulu!

102 Kodwa ake ngisho lokhu. Belingaphaphama kanjani iva libe yikhakhasi, nxa lamiselwa ngaphambili kulokho na? Bebengahluleka kanjani abaKhethiweyo ukukubona na? Ngoba, bakhethelwe ukukubona. “Konke uBaba aNgiphe khona kuyoza,” kwasho uJesu, “kodwa akekho kubo ongeza ngaphandle uma Ekuphe Mina ngaphambi kokusekelwa kwezwe, ngenkathi amagama abo lilotshwa eNcwadini yokuPhila yeWundlu,” hhayi kumphathi-sifunda webandla, kodwa eNcwadini, iNcwadi yokuPhila yeWundlu.

103 Qaphelani, uJeremiya wasukuma wama, waqinisekiswa phambi kwabantu, nokho bamzonda.

104 Futhi ngakho baphuma benza ijoka, wakwenza, wayeseligaxa entanyeni yakhe, wase ehamba phambi kwabantu. Bathi, “O, singabantu abakhulu bakaNkulunkulu. Ngani, singuIsrayeli. Siqotho kakhulu esinagogeni lethu! Sibakhona njalo ngeSonto, thina, sinikela ngemihlatshelo, futhi sikhokha imali yethu. Angakwazi kanjani uNebukadnezari ukuba aze abambe izinto ezingcwele zikaNkulunkulu na?” Ha! Izono zenu zazikwenzile.

UNkulunkulu wathi, “Uma niyogcina imiyalo yaMi, Angiyukukwenza lokhu. Kodwa, uma ningakwenzi, kuza kini.” Kunjalo impela. Kusafana. Gcinani imiyalo yaKhe, iZwi laKhe lehora, Alethembisayo.

105 Manje qaphelani. Manje, uJeremiya, ngentando kaNkulunkulu, umprofethi oqinisekisiweyo, nakuba wayezondwa . . .Bonke babezondwa ezinsukwini zabo. Benza izinto eziyinqaba kabi eziphambene nehlelo langalelolanga, bonke bamzonda, ngisho namakhosi nakho konke okunye. Ngakho wagaxa i—ijoka entanyeni yakhe, wayesethi, “ISHO KANJE INKOSI. Nizoba sezansi lapho iminyaka engamashumi ayisikhombisa,” ngoba wayenokuqonda okuvela eZwini likaNkulunkulu. “Iminyaka engamashumi ayisikhombisa!”

106 Kwase kuthi uHananiya, uHananiya, ngiqagele nilibiza kanje, H-a-n-a-n-i-y-a. UHananiya, umprofethi phakathi kwabantu, wenyuka, walisusa ijoka entanyeni kaJeremiya, walephula. Futhi wathi, eyisikhulu phakathi kwabantu, niyabo, kanti kwakukhuluma okuphambene neZwi likaNkulunkulu. Futhi wathi, “Eminyakeni emibili bazobuya. ISHO KANJE INKOSI.”

Ababili abaprofethi abagcotshiwe. Wawunjani umehluko kubo na? Omunye wabanokukhuluma iZwi, nomunye wayengenakho. UJeremiya wathi, “Ameni.”

107 Phambi kwawo onke amalunga, nebandla, wonke uIsrayeli, niyabo, wayefuna ukutshengisa ukuthi wayengabamkhulu njengaye nje uJeremiya. “Uyazi abakuthandi, nokho. Ngakho ngingumprofethi, nami. Ngingumprofethi kakhulu kunanjengoba uwuye wena, ngoba wena uprofetha amanga. Ungitshela ukuthi abantu bakaNkulunkulu bazoba ngaphansi kwento *ethize-ne-thize* na?”

Yilokho abakushoyo namuhla, kodwa niyoba lapho ngokufanayo nje, njengebandla. Niqalekisiwe ngesiqalekiso. Nonke nina mabandla, amahlelo libambelele esikweni lawo lomuntu esikhundleni seZwi likaNkulunkulu, niqalekisiwe nguNkulunkulu.

108 Manje qaphelani, nangu eza. UHananiya uyalihluthula lelijoka entanyeni yakhe, isifanekiso sikaNkulunkulu, walephula, wayesethi, “ISHO KANJE INKOSI. Eminyakeni

emibili bayakubuya." Enzela ukubukisa nje, "NginguS'*bani-bani*." Ngoba wama phakathi, wayengumprofethi wenhlangano.

109 UJeremiya wayeyindoda yasehlane eyayiziphilela yodwa. Waprofetha ububi njalo ngabo, ngoba babebabi.

Futhi lendoda yayibatshela, "O, nikahle inqobo nje uma kukhona lapho enikhonza khona. Inqobo nje uma ninguIsrayeli, yilokho kuphela okudingekayo. Niyabo, nina, thina . . . UNkulunkulu akazukukwenza lokho. Ngiyazi kukhona okuncane okwenzeke lapha, kodwa ningashaqeki, ningesabi."

O, mfowethu, basaphila nanamuhla. "Ningakhathazeki, konke kulungile. Konke siyakulawula. SiyiBandla." Ningakucabangi lokho. Yebo.

110 Ngakho wathi, "Konke kulungile. Bazobuya eminyakeni emibili. Yileyonto encane eyenzekile. Akusiyo into engejwayelekile. Sinakho lokho. Ukuba uNebukadnezari enyukele lapha nje, kodwa uNkulunkulu wethu uzokunakekela konke lokhu."

Kodwa iZwi lalithe babeyoba lapho iminyaka engamashumi ayisikhombisa; size sishabalale lesosizukulwane, nesinye isizukulwane. Iminyaka engamashumi amane yisizukulwane. "Lokhu kuzocishe kube yizizukulwane ezimbili nisezansi ngaleya." Futhi uJeremiya wakusho ngokweZwi likaNkulunkulu.

111 UHananiya wakwephula lokho! UJeremiya wathi, "Kulungile. Ameni. Kodwa, Hananiya, asikhumbule lokhu, sobabili singabaprofethi. Singabefundisi."

Futhi ngisho lokhu kuwe, mfowethu. Asikhumbule ukuthi bekukhona abaprofethi ngaphambi kwethu, futhi baprofetha bamelana nemibuso, futhi baprofetha bamelana nezinto ezithize. Kodwa, khumbula, nxa umprofethi esho noma yini, ufanele aprofethe ngokweZwi. NjengoMikhaya, noMose, nabobonke abanye. Kufanele kube ngokweZwi. Uma kungenjalo, khona-ke khumbula ukuthi kwenzekani."

112 Khona-ke, uHananiya, ulaka lwakhe lokulunga lwaqubuka. "NginguHananiya" (akungabazeki), "umprofethi weNkosi, futhi ngithi, 'Iminyaka emibili.'" Ngamany'amazwi, "angikhathali ukuthi iZwi lithini." Ugcobo lwakhe, "ngithi, 'Iminyaka emibili, bayobuya.'"

113 UJeremiya wasuka waphuma phambi kwakhe, waphuma wayesethi, "Nkosi, angikhathali ukuthi yena utheni, ngisakholwa futhi ngiyazi ukuthi iZwi lisho njalo. Ngizohlala ngeqiniso kuWe. Angizukudukiswa nguye."

114 UNkulunkulu wathi, "Hamba umtshele uHananiya, 'Ngizolenza ngensimbi, ijoka elilandelayo.'" Futhi ngoba wenze lokho, wasuswa ebusweni bomhlaba, uHananiya wasuswa, ngawo lowonyaka.

Nazo izibonelo zethu, abaprofethi ababili. Kuningi kakhulu obekungashiwo futhi kukhulunywe ngakho kulesisikhathi.

115 Kodwa qaphelisisani. UJesu wakusho, ukuthi, kulesisikhathi sokuphela, futhi, imimoya emibili iyosondelana ngempela futhi. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.] Manje qaphelani. Iyosondela ukwedlula lowo owawuyikho. Lesi yisikhathi sokuphela. O, bantwana! Nkulunkulu sihawukele! Kuze, "Uyoze ngisho ube yiwo impela uyoze udukise nabaKhethiweyo uma kungenzeka." Manje uzokwenza kanjani, sawehlukanisa kanjani ngalezozinsuku na? Uzowehlukanisa kanjani namhlanje na? Indlela efanayo, hlala neZwi, "UJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade."

Manje unakekeleni wonke loMlayezo. Futhi uma nilalela iteyipu, ngisho mhlampe ngiyobe sengihambile ngelinye ilanga uma iNkosi isiqedile ngami lapha emhlabeni, niyobuye nithathisele kuwo lo. Lalelani iphimbo lami, enginitshela khona. Uma Ingithatha ngaphambi kokuFika kwaYo, khumbulani nje, ngikhulume kini eGameni leNkosi, ngeZwi leNkosi. Yebo.

116 Qaphelani, "Isondelane kakhulu ukuthi iyodukisa abaKhethiweyo uma kungenzeka," iyokwenza izibonakaliso ezifanayo, izimanga ezifanayo, ngoMoya ofanayo. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.] Njengoba nje abaprofethi wayenjalo esisanda kukhuluma ngabo, abaprofethi. Manje, futhi kulotshiwe . . .

117 Asivule kukho, okwalokhu, uma nifuna, uThimothewu wesiBili 3. Asingakushiyi lokhu. Futhi angifuni uku . . .

118 Ngibuka kulelowashi phezulu lapho, futhi ngi—ngifuna ukuyeka inqwaba yakho, futhi angicabangi ukuthi singafanele sikwenze manje. Niyabo? Qaphelani. Nje . . . Uma ngimi lapha, ngijuluka njengoba nginjalo, niyabo, kodwa ngiyajabula. Futhi ngiyazi ukuthi lokhu kuliqiniso. UThimothewu wesiBili 3:8.

119 UPawulu, indoda eyathi, "Uma iNgelosi evela eZulwini futhi ikhulume noma yiliphi elinye izwi kini kunalelo engilishilo, mayibe-ngeqalekisiweyo," manje, iNgelosi yehla. Labo ngabaseThesalonika besiBili . . . O, ngiyaxolisa.

120 Qaphelani kuThimothewu wesiBili 3:8. Qaphelisisani uPawulu ekhuluma manje. Asiqale cishe ngele . . . Asiqale ekuqaleni kwevesi, futhi lalelani manje ngokusondele impela. Wena oneBhayibheli lakho, funda kanye nami. Wena ongenalo iBhayibheli, lalelisisa. I . . .

Kepha yazi lokhu, ukuthi ezinsukwini zokugcina . . .

Kudwebele lokho, "izinsuku zokugcina." Kuzokwenzeka ngalesosikhathi.

. . . *kuzakuvela izikhathi ezinzima.* (Sikuso.)

Ngokuba abantu bazakuba ngaba-zithandayo, nabathandimali, nabazigabisayo, nabazidlayo,

nabahlambalazayo, nabangalaleli abazali, nabangabongiyo, nabahlazisayo,

121 Bukani lesisigejane esinaso namhlanje, sibolile. Ngisho nasendodeni phandle emgwaqeni, insizwa, bedonsela izinwele zabo zehlele esiphongweni sabo, sengathi kunemiyeko njengowesifazane. Inhlanekezelo! AbaseSodoma!

122 Nike nafunda kulonyaka, i*Reader's Digest* yalenyanga? Yathi, "Abantu baseMelika emnyakeni," engicabanga ukuthi kwakuyiyo, "phakathi kwamashumi amabili namashumi amabili-nanhlanu eminyaka ubudala, sekuvele basesimweni sobudala obuphakathi kwendima yempilo." Baphelile! Babolile! Isayense isho lokho, ukuthi indoda isebudaleni bayo obuphakathi kwendima yempilo, nowesifazane, ngenkathi nokho bese lapha phansi emashumini amabili. Umzimba wabo usubole kabi futhi wanikelwa ekungcoleni.

123 O, Melika, ubethanda kangakanani uNkulunkulu ukunifukamela, kepha manje ihora lenu selifikile! Niholela umhlaba ekungcoleni.

. . .nabahlambalazayo, nabangalaleli abazali, nabangabongiyo, nabahlazisayo,

Nabangenaluthando, . . .

Akukho ngisho uthando lweqiniso komunye nomunye, indoda kumfazi, umfazi endodeni. "Akukho ngisho naluthando." Ukungcola, ngokocansi!

. . .nabangenakuthuliswa, nabahlebi, nabangazithibi, nabangenabumnene, nabazonda abalungileyo,

Ngamany'amazwi, uthi, "Nina sigejane sabaginqiki abangcwele." Omunye wabuza ngelinye ilanga ngokwenyukela lapha ebandleni. Bathi, "Ungenyukeli lapho. Okuyikho nje kuphela yisigejane esikhulu somsindo nokuqhubeka."

Niyabo, "abakhapheli balabo."

Nabakhapheli, nabanamawala, nabakhukhumele, nabathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu;

Wena uthi, "Mfowethu Branham, lokho ngamakhomanisi." Lithini ivesi elilandelayo na?

Nabanesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha (ini?) *amandla akho bewaphika*: (iZwi, uJesu Kristu onguye izolo, namuhla, naphakade, obonakalisiweyo, isethembiso sosuku) . . .

NjengoHananiya impela nje, njengoZedekiya impela nje, njengoBalamu impela nje, emuva, abanye abaprofethi bamanga.

Nabanesimo sokumesaba uNkulunkulu, abagcotshiwe . . . Niyabo?

Nabanesimo, abagcotshiwe, abefundisi ababekiweyo . . .

> *Nabanesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha bephika* ukuthi Unguye izolo, namuhla . . . Bephika iZwi laKhe!

Bamphika kanjani uJesu ngalolosuku na? Ubani abamphikayo ngenkathi bephika uJesu na? IZwi. Babengabakholwayo. Bafundisa eBhayibhelini labo, kepha baliphika iZwi losuku lwamanje.

Bayini namuhla na? Into efanayo, abagcotshiwe, beshumayela iVangeli labakamoya, kepha bephika isethembiso sosuku lwamanje seZwi liqinisekiswa, "UJesu onguye izolo, namuhla, naphakade." Niyakubona na? [Ibandla, "Ameni."—Umhl.]

> *Ngokuba kulabo kuvela abanyonyobela ezindlini,* behola . . . *abesifazane abasindwa yi*sono, *beqhutshwa yizinkanuko eziyizinhlobonhlobo,*

"Amaphathi ethu okuthunga nokwethu *okuthize-no-kuthize*." Othize afike azulazule ezama ukuhumusha iZwi ngokungesikho, futhi esho lokhu, "Kulungile konke, dadewethu, kuwe ukuba ubenezinwele ezimfishane. Ungasinaki lesosithutha. Niyabo? Kumbe, uma u—ugqoka lokhu; akusikho lokho, 'yilokho okuphuma enhliziyweni yomuntu okumngcolisayo.'" Niyabo? Futhi uyaqonda yini ukuthi ugcotshwe ngomubi, onenkanuko, umoya ongcolileyo na? Qaphela, ungahle ucule ekhwayeni, nezinwele ezimfishane, kodwa unomoya omubi. Lokho kuphambene neZwi. Kunjalo. Yilokho iBhayibheli elakushoyo. Futhi uthi, "Kuhle, ngigqoka izikhindi. Akungilahli."

"Yilowo nalowo, uma owesifazane egqoka ingubo engeyowesilisa, kuyisinengiso ebusweni bukaNkulunkulu." UNkulunkulu ongaguqukiyo washo lokho.

124 O, izinto eziningi kabi, besingedlula kukho; isikhathi sethu besiyobaleka. Kodwa nazi ngokwanele ukwazi ukuthi yikuphi okuyikho nokungesikho. Futhi ngingabenza kanjani bakwenze na? Ngingakwenza kanjani na? Uthi, "Awu, yini oyimpongolozelayo na?" Ngingufakazi omelene nawe. Ngelinye ilanga, ngoSuku lokwaHlulelwa, awuyikuba nalo ikhona oyongena kulo.

125 Wayengakumisa kanjani uMikhaya lokho na? Angakwenza kanjani uMose; ememeza, ezama ukukumisa, noJoshuwa nabo begijima phakathi kwabantu, noLevi wahosha inkemba yakhe wababulala, ngisho na? Bahamba baqhubeka ngokufanayo nje.

Kubikezelwe ukuthi bazokwenza. Futhi bazokwenza, ngokuba ISHO KANJE INKOSI bazokwenza. Ucabanga ukuthi ukubekwa kwabo kuyoke kubhidlike, ihlelo labo libuyele eZwini na? Ngu ISHO KANJE INKOSI, bangeke! Ngabe bayohamba bangene kumphikukristu na? Impela. Ngu ISHO KANJE

INKOSI, bayongena!"Ngakho pho uthini ngakho na?" Ngifanele ngibe ngufakazi, kanjalo nani, nonke makholwa. Qaphelani.

> . . . *abesifazane* abayiziwula *abasindwa yizi* . . . *nkanuko eziyizinhlobonhlobo*,

126 "Awu, bonke abanye besifazane bayakwenza." Abaprofethi bamanga! Manje lalelani. Abaprofethi bamanga, engikhuluma ngabo. Manje bazokwenzenjani osukwini lokugcina na?

> . . . behola *abesifazane* abayiziwula . . . *beqhutshwa yizinkanuko eziyizinhlobonhlobo*,

"Awu, ngiyabazi bonke abanye besifazane . . . " Kulungile, qhubeka.

127 Bengingathini ngaphambi nje kwalokhu okukhulu okwenzekayo lapha eCalifornia na? "Nina bantu lapha eLos Angeles, njalo ngonyaka uma ngibuya bayanda abesifazane abaphungula izinwele nendoda ezenza isitabane kunanoma bekunjalo ekuqaleni, bande abashumayeli abahamba bangene enhlanganweni. Aninazaba! Uma imisebenzi yamandla yayenziwe eSodoma neGomora wenziwe kini, ngabe limi nanamuhla. O, Kapernawume wena ozibiza ngegama lezingelosi, Los Angeles!" Niyabona ukuthi kwenzekani na? Iqonde ngqo phansi olwandle. Nini na? Angazi ukuthi lizohamba nini, kodwa liyahamba. Nina bantu abasha, uma ngingaliboni ngosuku lwami, qaphela. Selihambile!

> *Befunda njalo, . . . bengeke bakwazi ukufika ekulazini iqiniso*.

Manje nakhu okushaqisayo, nansi ingxenye eshaqisayo. Lalelani lokhu.

> *NjengoJane noJambre bamelana noMose, kanjalo laba bamelana neqiniso: abantu abonakele izingqondo, abehluleka enkolweni* eyake yanikezwa abangcwele, kusobala.

"Enkolweni." "Futhi uyakuphendula iNkolo yawobaba, kumbe abantwana, ibuyele kobaba."

128 "Abehluleka eNkolweni." Ha! Niyazi ukuthi *hluleka* kuchaza uk'thini na? Uma uneBhayibheli iScofield, kukhona u "*h*" lapho. Khona phezulu lapho, kuthi, "ukuhlubuka." Ukuhlubuka, kuyilokho-ke.

129 Manje, umzuzu nje. Ngifuna ukubuka phezulu okuthize lapha. Ngicabanga ukuthi lokhu ngikulobe kahle phansi. Anginasiqiniseko, kodwa ngifuna ukukusho, futhi ngikubuke phezulu ngaphambi kokuba ngi—ngikusho. Manje, umzuzu owodwa nje. [Akuqoshwanga—Umhl.] "Izehluleki eQinisweni, eNkolweni," "INkolo," yinye kuphela iNkolo. Kunjalo. "ENkolweni, izehluleki!"

Manje ngifuna ukufunda uLuka 18. Umzuzu nje. Awu . . . Ungakuloba phansi; awudingi ukukufunda.

Wabalandisa umfanekiso wokuthi, bamelwe ukukhuleka njalo, bangadangali;

Wathi—wathi, Kwakukhona emzini othile umahluleli, owayengamesabi uNkulunkulu, futhi akanaki-*muntu*:

Kulowomuzi ofanayo *kwakukhona futhi umfelokazi; weza kuye, ethi, Ngizwele esitheni sami.*

Kwaba-yisi—kwaba—yisikhathi engavumi: kepha ngasemuva wathi phakathi kwakhe, Nakuba ngingamesabi uNkulunkulu, nginganaki-muntu;

Nokho-ke ngokuba lomfelokazi engikhathaza njalo, ngiyakumzwela, funa angiqede ngokuza kwakhe . . .

Yayisithi iNkosi, Yizwani okushiwo ngumahluleli ongalungile.

UNkulunkulu akayikubezwela yini abakhethiweyo bakhe, okhala *kuye imini nobusuku* kuye, *ababekezelele na?*

Ngithi kini uzakubezwela masinyane. Nokho nxa ifika iNdodana yomuntu, imbala iyakufumana ukukholwa emhlabeni na?

130 Manje yilowo-ke umbuzo. Nakhu lapho ebengifuna ukufika khona, eZambulweni 10. Sizongena kukho emizuzwini embalwa, nelinye ivesi lomBhalo. Wathi, "Ngezinsuku zoMlayezo wengelosi yesikhombisa, imfihlakalo kaNkulunkulu iyofanele ukuba ifeziwe." Nanku umbuzo, ungukuthi, uma ulandela ngalowomugqa kulelihora, ngabe kuyofezwa na? "Ngiyoyithola iNkolo na?" Ngabe uMalaki 4 uyogcwaliseka ngalesisikhathi, "Ukubuyisela iNkolo yabantwana, ibuyele eNkolweni yawobaba, okokuqala, iZwi na?" Niyabo?

131 "Izehluleki, uJane noJambre, lapho bemelana." Manje, futhi, lalelani, uThimothewu wesiBili 3:8. NjengoJan- . . . bamelana noMose, futhi ngezinsuku zokugcina zona lezizehluleki ezifanayo zaziyofika," manje niyabona lapho Elisho khona lapha, "benesimo sokumesaba uNkulunkulu," abagcotshiweyo. Manje ake nje si . . . Buyela emuva bese—bese ukufunda uma usufika ekhaya, ukuze ngikwazi ukuqeda lokhu, kulokhukusa, uma ngingahle ngikwazi. "Izehluleki e . . . " Hhayi izehluleki e—e—ekuhlaleni; bakahle, indoda ephucukile.

132 Manje qaphelani ngenkathi uMose ehlela eGibhithe, enomlayezo ka ISHO KANJE INKOSI, futhi waqinisekiswa; wabiza uIsrayeli, okwakungabantu, hhayi ibandla. UIsrayeli wayengabantu; abazange babe yibandla. Kusobala, igama *ibandla* lichaza "ababizelwe ngaphandle." Babengabantu bakaNkulunkulu. Kwathi—ke sebegcotshwa phansi kweZwi, futhi babizelwa ngaphandle, baba yibandla likaNkulunkulu.

Base-ke bewa, ngoba abalikholwanga iZwi likaNkulunkulu, futhi balalela umprofethi wamanga. Ngiyethemba lokho kuyazika.

UIsrayeli, engabantu bakaNkulunkulu, waphuma ephansi kwesandla sikaNkulunkulu, egcotshwe ngeZwi . . . NgaMandla kaNkulunkulu, bazibona izibonakaliso nezimangaliso zikaNkulunkulu. Kwase kuthi-ke lapho uNkulunkulu eqhubeka nabo, wangena umprofethi wamanga, egcotshiwe, futhi wafundisa into ethize eyehlukile eZwini elingelokuqala likaNkulunkulu ababelizwile; futhi bonke babhubha ehlane, ngaphandle kwabantu abathathu. Manje kubambeni.

133 "Njengoba kwenzeka emihleni kaNowa, lapho kwasindiswa khona imiphefumulo eyisishiyagalombili ngamanzi, kuyakuba-njalo ukufika kweNdodana yomuntu." "Njengoba kwenzeka emihleni kaLoti, lapho kwaphuma abathathu eSodoma, kuyakuba-njalo ngesikhathi iNdodana yomuntu eyakwambulwa ngaso." Ngicaphuna umBhalo kuphela, iZwi leNkosi, okungukuthi, "Kuyakudlula amazulu nomhlaba . . ." Kuyoba yidlanzana!

134 Qaphelani lapha. UMose wehlela kuAroni. UMose wayezoba nguNkulunkulu. UNkulunkulu wamtshela ukuba abe nguNkulunkulu, wathi, "Wena ube nguNkulunkulu, bese uyekela uAroni umfowenu abe ngumprofethi wakho. Ufake amazwi emlonyeni wakhe uma ungakwazi ukukhuluma kahle." Wathi, "Kepha ngubani owenza umuntu abe yisimungulu na? Ngubani owenza umuntu akhulume na?" Kwenziwa yiNkosi.

Wayesehamba ehlela lapho. Wenzani na? Wenza esiliqiniso nesilungile isibonakaliso uNkulunkulu amtshela ukuba asenze. UNkulunkulu wamtshela ukuba, "Hamba uphonse induku yakho phansi." Wayicosha, futhi yayiyinyoka. Wayicosha, yaphenduka induku. Wathi, "Hamba wenze lokho phambi kukaFaro, bese uthi, 'ISHO KANJE INKOSI.'"

135 Futhi lapho uFaro ekubona lokhu, sithi, "Yini, icebo lokuphamba labalumbi elishibhe kangaka pho." Wathi, "Akukho lutho kulo. Kungukufunda umqondo kumbe okunye, uyazi. Sinabafo enhlanganweni yethu bangenza into efanayo. 'Woza lapha, Mbhishobhi u*S'bani-bani*. Futhi, wena, phuma uze lapha.' Sinabo abangenza into efanayo." Lowo kwakunguSathane ekhuluma ngoFaro.

Lowo kwakunguNkulunkulu ekhuluma ngoMose.

136 Kodwa qaphela lomfo ophumayo. UJane noJambre baphuma beza phambi kukaMose, futhi obala phambi kwabantu, futhi benza sonke isibonakaliso uMose ayengasenza. "Bayodukisa nabaKhethiweyo uma kungenzeka." Kunjalo na? Benza into efanayo uMose ayenzayo. Niyakuthola na? Manje khumbulani, kungu USHO KANJE UMBHALO, ukuthi kuzophinda futhi ezinsukwini zokugcina.

Kwakuyini umehluko phakathi kukaMose noJambre na?

UMose wathi, “Akuvele igazi emanzini.”

Nalababaprofethi bamanga bathi, “Impela, sifaka igazi emanzini, futhi.” Futhi kwenzeka.

137 Ngakho uMose wathi, “Akufike amazeze.” Wayekutholaphi na? Kuvela kuNkulunkulu ngqo. Niyabo?

Futhi wenzani na? Wathi, “Hhawu, impela, singawaletha amazeze, futhi.” Futhi bakwenza. Noma yisiphi isibonakaliso uMose ayengasenza, babengasenza, futhi!

Khumbulani, kugcineni engqondweni lokho, siyeza kukho, emva kwesikhashana. Bangenza noma yini abanye babo abangayenza, kodwa bangeke bahlala neZwi. Bangeke bahlala neZwi.

138 Manje qaphelani, bakwenza. Kodwa uMose, umprofethi othunywe ngokweqiniso evela kuNkulunkulu, eyalwe nguNkulunkulu, akazange aqophisane nabo, athi, “Lapha, ningeke nakwenza lokho! Ningeke!” Wavele wabayekela kanjalo nje, wabayeka nje baqhubeka. Bangababaprofethi benhlangano, kodwa bayaqhubeka.

UMose wavele waqhubekela phambili nje, walalela uNkulunkulu. Noma yini uNkulunkulu ayishoyo, “Manje yenza *lokhu*,” UMose wahamba wakwenza. Wenza into entsha. Ngenkathi bekwenza, ngamunye wabo wayenomuzwa kumbe okuthize, nampa beza. Bakwenza, futhi, njengoba kwenza uMose impela nje.

139 Manje qaphela. Lababafo baqhamuka . . . O, nina bantu, ningakugeji lokhu! Lababahlubuki, abalingisi, baqhamuka emva kokuba oweqiniso esehambe kuqala. Niyabo? Bafikela ukulingisa. Niyabo, bafanele. Idimoni akukho elingakudala; lingumhlanekezeli nje wokokuqala.

Futhi yini isono na? Ngukulunga kuhlanekezelwe. Yini ukuphinga na? Isenzo esilungileyo sihlanekezelwe. Yini amanga na? Yiqiniso liphendukezelwe. Inhlanekezelo!

Bukani uHananiya, inhlanekezelo yeZwi lokuqala. Bukani uBalamu, inhlanekezelo yeZwi lokuqala. Bukani uZedekiya, inhlanekezelo yeZwi lokuqala.

Futhi iBhayibheli lasho ukuthi lababafo bayophuma, kamuva, umhlanekezeli . . . ukuhlanekezela iZwi lokuqala, eliqinisekisiwe futhi lafakazelwa ukuthi liliQiniso.

140 “Yenza umsebenzi womvangeli,” kulelokhona ngaleya, “ufeze ukukhonza kwakho. Ngokuba kuyakuba-khona isikhathi abangayikuvuma ngaso isiFundiso esiphilayo, kepha ngokwezinkanuko zabo bayakuzibuthela abafundisi, bebatshwa yizindlebe; futhi baqhubeke futhi benze noma yini abafuna ukuyenza, futhi, ‘Kulungile konke, sinezibonakaliso ezifanayo

nezimangaliso.' Futhi bayofulatheliswa eQinisweni, balethwe ezinganekwaneni, izimfundiso ezingaphikiswa."

141 O, ukwazi kukaMoya oNgcwele, ukushaywa wuvalo olushaya umphefumulo womuntu uma ema ukuba acabange ukuthi kuyikho futhi kusobala kahle kanjani kuphambi kwethu ngqo! Yimba ukhiphe lelotshe legumbi lapha bese ufunda isiqephu sephepha esifakwe phakathi lapho, eminyakeni engamashumi amathathu-nantathu eyedlula. Ubone ukuthi Wathini ngaleya ku—kuSeventh Street, ngalokhokusa ngenkathi kubekwa lelitshe legumbi. Manje kubhekisise. Bhekisisa phansi lapha emfuleni, ngenkathi iNgelosi yeNkosi yehla ngesimo seNsika yoMlilo, amakhulu amabandla, kumbe abantu bebandla, bemi bezungeze usebe; ukuthi Yathini, ubone ukuthi akufezeki yini. Ubone ukuthi kwenzekeni.

Kul'khuni kakhulu. Ngiyazi ukuthi kubukeka kul'khuni, bazalwane, phandle lapho. Kodwa yi...IBhayibheli lasho, uJesu washo qobo lwaKhe, "Bekuyodukisa nabaKhethiweyo uma kungenzeka." Akukho-ndlela macala onke kukho. Abasoze bakwazi ukuLibona. Uma kungenzeka, nabaKhethiweyo bebeyodukiswa yikho.

142 Qaphelani, lababafo baqhamuka emva kokuba ugcobo lweqiniso lukaNkulunkulu seluthunyelwe; ngomprofethi waKhe weqiniso, uMose. Futhi kwakuthi noma yini uMose akwenzayo, bakulingise.

143 Manje, mfowethu, dadewethu, ngi...Leli yibandla lami uqobo. Nginelungelo lokushumayela lokho engikufunayo, inqobo nje uma kuphuma eZwini likaNkulunkulu. Futhi angilahli nina bantu, kodwa ake sihlolisise lokho okwesikhathi nehora esiphila kulo manje.

Ngibingelela uMfowethu Ruddell, uJunior Jackson, nabanye phandle lapha, amabandla akithi angabafowethu. Ngibakhohliwe, esikhashaneni esedlule. Ngicabanga ukuthi baxhunyiwe ngothelefoni kulokhukusa, futhi, ngenxa yo—yokungabi-nandawo endlini yokukhonzela.

144 Cabangani ngakho nje manje, okomzuzu nje. Benza izibonakaliso ezifanayo nezenziwa nguMose. UMose waletha amazeze; bakulungisa futhi baletha amazeze. Niyabo?

UNkulunkulu wathi, "Mhla udla kuwo, ufa ngalolosuku."

145 USathane uyafika usethi, "Impela, aniyikufa. Nje niyohlakanipha ngokuthe xaxa. Niyoba nenhlangano engcono, engcono..." Niyazi. "Niyazi, yonke into iyobangcono kini, nibe nokuKhanya okuningi." Niyabo, inhlanekezelo nje. Bekufanele...

Futhi khumbulani, ISHO KANJE INKOSI, ngokukaThimothewu wesiBili 3:18, ukuthi, "Ngezinsuku

zokugcina, ukuthi loJane noJambre bayoba semhlabeni." Manje, ngifuna niqaphele kukhona ababili babo, niyabo, abalingisi.

146 Manje sizobuyela emuva eSodoma, emva kwesikhashana, labo bobathathu, sithole lezoziNgelosi ezintathu ezehlayo, futhi sibone ukulingisa, nokunjalo, niyabo, sibone ukuthi yikuphi okuyikho nokungesikho. Niyabo? Niyabo?

147 Qaphelani, benza izibonakaliso ezifanayo. Kodwa, qaphelani, balingisa emva kokuba iZwi leqiniso seligcotshiwe, ngalowo weqiniso uNkulunkulu ayekade emthumele; balandela, ngokuvela kamuva.

Angazi noma besingacabanga yini umzuzu. Ukuthatha abantu ngesandla, esikhathini esingeside esedlule, cishe eminyakeni engamashumi amabili eyedlule, nesibonakaliso sakhonjiswa. Mfana, kwabakhona eziningi izibonakaliso phezu kwazo zonke izinto, futhi wonke umuntu . . . Omunye unakho esandleni sakhe sokudla; omunye unakho esandleni sakhe sokunxele; nomunye uyakuhogela. Niyabo, zonke izinhlobo ze . . . Futhi angazi . . . UNkulunkulu angeke angivumele nginitshele kulesisikhathi ukuthi yikuphi ngempela okwakuliqiniso, kodwa ngelinye ilanga nizothola. Lokho nje kwakungokokuba ubuwula babo bubesobala. Lokho kwakungalungile, ekuqaleni. Ngiyonitshela, ngelinye ilanga, uma iNkosi ivuma.

148 Qaphelani, benza izibonakaliso ezifanayo, kodwa abazange . . . Qaphelani, abazange bakwenze kwaze kwaba semva kokuba sekuphume iZwi lokuqala, kuqala. Yileyondlela uSathane enze ngayo ensimini yaseEdeni. Yileyondlela enze ngayo sonke isikhathi. Ubani owaprofetha kuqala na? UMose. Ubani ofika enkundleni kuqala, uMose noma uBalamu na? UMose. Ubani ofika enkundleni kuqala, uJeremiya noma uHananiya na? Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.]

149 Qaphelani, bakopisha. Abalingisi benyama, abaqotho, becabanga ukuthi ba "benzela uNkulunkulu inkonzo," njengoba kwenza uDavide, ngeviki eledlule, kodwa ukulingisa kwenyama. Ngisalinde umzuzu nje. Ngifuna nicabange phakathi kwalezizindawo. Uma ngingakusho, impela uMoya oNgcwele uzokwembula, kakhulukazi kwabaKhethiweyo. Niyabo?

150 Ihlelo likaFaro lithi, "Sinendoda engenza leyonto efanayo," futhi bakwenza. Niyabo? Wakwenzelani uFaro lokhu na? Wakuvumelelani uNkulunkulu na? Wayengakwenza kanjani uNkulunkulu ukuthumela oweqiniso, umprofethi ogcotshiweyo ezansi lapho ukwenza isibonakaliso phambi kukaFaro, bese evumela ukukopisha kwehlelo kufike bese likukopisha phambi kwabantu na? Wayengamvumela kanjani umlingisi asukume ukuba akwenze, futhi enze into efana nse neyenziwe nguMoya

kaNkulunkulu uqobo lwawo na? Niyabo, umBhalo ufanele ugcwaliseke.

151 Qaphelani, Wakwenza lokhu ukuze Akwazi ukwenza l'khuni inhliziyo kaFaro nabaseGibhithe, ukufakazisa ukuthi uMose wayengesuye yedwa owayeneZwi. Babengenza yonke into ngokufanayo nje njengoba uMose wayengakwenza.

Futhi uNkulunkulu uyivumeleleni lento ukuba yenzeke ngezinsuku zokugcina na? Ukuze, into efanayo enjengoba umoya wamanga washo kuZedekiya, "Sizomthola kanjani uAhabi phandle lapho, ukwenza lezizinto zifezeke na?" Uzobathola kanjani lababantu, abathembele emabandleni abo, ukuphuma lapha ukwenza lento ifezeke, Ayibikezelayo na? Bona, kuloNyaka webandla laseLawodikeya, "Ngokuba uthi 'ngicebile, kangeswele lutho. Ngihlezi njengenkosikazi.' Awunalutho! Awazi ukuthi ungowokuhawukelwa, olusizi, ophuphuthekayo na? Ngiyakululeka ukuba uze uthenge kiMi," Wathi, "amafutha negolide." Wakwenzelani na?

152 Wakuvumelelani lokhu ukulingisa ukuba kusukume ngalezizinsuku zokugcina, lapho lezizinto zifezeka khona ngeZwi likaNkulunkulu leqiniso; futhi avumele abalingisi bavumbuke futhi benze into efanayo, futhi baphike iZwi likaNkulunkulu leqiniso na? Wakwenzela uMose. NoFaro wakwenzela ukumelana noMose; nalabo, uJane noJambre, bakwenza ngokumelana noMose. NeBhayibheli lasho ukuthi kuyophinda futhi ngezinsuku zokugcina. Sikhona lapha. Manje, uma lokho kungesiwona umBhalo ogcwalisekile, kukuphi na?

153 Ngabe uMose waqophisana nabo wayesethi, "Lapha! Lapha! ningeke nakwenza lokho. Yimina kuphela engibekwe ukuba ngenze lokho. Lapha! Kuyekeni lokho, khona manje?" Wavele wabayeka bahamba.

Abaqhubeke. Khumbulani, iBhayibheli lathi, "Ngokuba ubuwula babo babasobala, kanjalo laba ngezinsuku zokugcina bayakuba sobala," Lapho uMlobokazi ehlwithwa futhi esiwa esibhakabhakeni. Qaphelani.

154 UMose, iZwi leqiniso elibonakalisiweyo, akazange asho lutho, wavele wayeka kanjalo nje. Kodwa Wakwenza lokho ukuze Enze l'khuni inhliziyo kaFaro, adukise uFaro.

Wenza leyonto efanayo impela ukuze Adukise uAhabi. Futhi lowomfo oyedwa omncane emi lapho eyedwa, uMikhaya omncane, ebatshela, "ISHO KANJE INKOSI." Nakhu kwakumi omunye, egcotshiwe, "ISHO KANJE INKOSI." Futhi bephambene, omunye komunye.

155 Sima namuhla noISHO KANJE INKOSI, ukuthi umbhaphathizo wamanzi ngezinsuku zokugcina uzofanele ube seGameni likaJesu Kristu. Nenye indoda futhi ime yenze izibonakaliso, futhi, okaziqu-zintathu.

Ngikhombise igama *ziqu-zintathu* eBhayibhelini. Ngikhombise lapho okukhona khona oNkulunkulu abathathu. Ngikhombise lapho okukhona khona izinto ezinjengalokho. Akukho eZwini likaNkulunkulu. Ayikho into enjalo lapho khona noma ubani ake abhaphathizwa egameni lika "Yise, iNdodana, uMoya oNgcwele," esebenzisa lezoziqu. Zonke lezizinto, "O, kulungile, bodadewethu. Konke lokho kulungile, nje nibe nezinde . . . izinwele zenu ezimfishane. Lokho kulungile, anidingi nenze *lokhu, lokho*, noma *okunye*. O, umbhedo lowo, umuntu othize omdala oyisidala."

Kodwa iBhayibheli lasho! Futhi Wethembisa, "Ngezinsuku zokugcina, Wayeyothumela uMoya kaElija, futhi abize abantu, abantwana bakaNkulunkulu, babuyele eNkolweni yokuqala njengoba yayinjalo ekuqaleni, yeZwi." LeloZwi laqiniswa, iNdodana yomuntu ngezinsuku zokugcina, okufanayo njengoba kwakunjalo eSodoma; izolo, namuhla, naphakade. Wethembisa ukukwenza. Yisethembiso sikaNkulunkulu. Ngu ISHO KANJE INKOSI.

156 Qaphelani, benza into efanayo, njengoba kwenza uMose nje, uNkulunkulu waze wathola okwenele kwakho.

Manje khumbulani, ngu ISHO KANJE INKOSI, kuzofezeka kulolusuku. Manje, hlolisisani umhlaba wonke; thatha yonke inkoloze, thatha sonke isizwe sasigodi sinye, thatha wonke umuntu, thatha lonke ibandla! Ngiyaniyala, eGameni likaKristu, ukuba nikwenze lokhu, nina bashumayeli. Ngiyaniyala ukuba nifunde amaphephandaba kumbe keninakisise noma yikuphi lapho enifuna ukuya khona, futhi nibone ukuthi akukho yini emhlabeni njengamanje. Niyabo? Niyabo?

Ngakho, uMathewu 24:24 uqinisile ngempela. "Abamanga, abagcotshiweyo bayakuvela ngezinsuku zokugcina, futhi bayoba ngabaprofethi bamanga, futhi bayodukisa abaningi." Kubhekisise emifanekisweni manje, njengoba kufika manje, niyabo, "Bayodukisa abaningi." "Abaprofethi," ubuningi; "oKristu," abagcotshwa, ubuningi; abaningi abehlukile, iMethodisti, niyazi, neBaptisti, nePentecostal, nokunjalo. Niyabo?

Kodwa munye uKristu wangokoqobo, uMoya, futhi lelo yiZwi elenziwe inyama njengoba Ethembisa ukukwenza.

Manje sizoqhubekela phambidlana nje, kweminye futhi imiBhalo.

157 Waze, uNkulunkulu wathola okwanele kwakho, kwabe sekuphelile-ke. Ubuwula babo babasobala.

158 Qaphelani. Khumbulani, ikhoba libukeka lifana ncamashi nohlamvu lukakolo. Niyabo? Manje, wawungeke washo, emuva lapho onyakeni wamaLuthela, "isiqu sasiwukolo," nokho sinokuPhila kuso. Isiqu silungile, ukuPhila

esiqwini kwakulungile, kodwa, khumbulani, ukuPhila kwaqhubekela phambili; kwaqhubeka kusuka kuElisha kwaya kuElija. UkuPhila kuyilokhu kuqhubekela phambili. Kodwa, khumbulani, kukwesinye isigaba. Kungeke kuhlale kulesosigaba. Singeke sadla isibhucu seminye iminyaka. Singeke sadla iPentecostal isibhucu, iMethodisti, kumbe iBaptisti. Niyabo, kuba yisibhucu. SinoKudla okusha, iZwi lalelihora, nokunjalo.

159 Khumbulani, ikhoba lifana nse nohlamvu lukakolo. Ungeke . . . Aluzange lubukeke njengalo emucwini, aluzange lubukeke njengalo entshakazeni, kodwa impela lwabukeka ekhobeni. Aluzange lubukeke lufana e . . . UJesu Kristu onguye izolo, kuLuther; aluzange lubukeke njengalo kuWesley; kodwa impela luyabukeka kwiPebtecostal, uku "dukisa nabaKhethiweyo uma kungenzeka." Niyabo? Nanso iminyaka yakho.

160 Kodwa khumbulani, lelobandla lePentecostal, ngezinsuku zokugcina, kwakuyiLawodikeya; noKristu wenqatshwa, uMnyombo, uKolo, qobo Lwawo. Ngenkathi ezama . . . Khumbulani, ngenkathi Ezama ukuZibonakalisa ebandleni, Wakhishelwa ngaphandle. Kwakuseyilo ibandla, lizisho ukuba liyilo; eligcotshiwe.

Kodwa *nanti* iZwi, uKristu qobo lwaKhe, lelo yiZwi eligcotshiwe eliyofikela wonke uMzimba waKhe, uMlobokazi. Ogcotshiwe, ngawo amanzi afanayo anisela ukolo, njengoba sikhulumile ngakho, futhi anisela ukhula, abagcotshiweyo. NgabaKhethiweyo kuphela, kumbe abamiselwe ngaphambili, abayokwazi ukwehlukanisa umehluko *phakathi* kwabo. Manje, abase Efesu 5:1 bakutshela kanjalo, nangokuthi kwakunjani.

161 Bangabagcotshiweyo. Wonke umuntu uthi, "Udumo kuNkulunkulu! Sinenkululeko ezansi lapha. Haleluya! Si . . . O, haleluya! Sikhuluma ngezilimi, futhi sigxume. Sinenkululeko yabesifazane; nina bantu nizama ukubabeka phansi kwazo zonke lezi inhlobo yezinto." Niyabo? Qhubeka. Ayikho into ongayenza. Uthi, "Kuhle, sikhuluma ngezilimi. Siyamemeza. Sisina eMoyeni. Sishumayela iZwi." Ngokoqobo. Akukho lutho olungashiwo oluphambene nakho. Enza kanjalo nalamadoda emuva lapha eBhayibhelini.

UJesu wathi, "Bekuyodukisa nabaKhethiweyo uma kungenzeka, nabaKhethiweyo."

162 Manje qaphelani ikhoba. Livela oHlamvini lokuqala, uHlamvu olwangena emhlabathini, Lwalungesiyo inhlangano. KwakuluHlamvu olulodwa, kuLo uqobo. Kodwa ngenkathi lukhula, kwakungesilo uHlamvu; kwakuyinhlangano, niyabo, amacembe, inhlamvu.

Lwase-ke Lungena kwesinye isigaba, okwakuyintshakaza. Kwakuselokhu kungakafanani nasekuqaleni. Kwakuyinhlangano.

Lwangena ekhobeni, amacembe amaningi, iPentekoste, lwase lucishe impela lubumbeke luphumele ngaphandle manje. Lubukeni. Luyabumbeka ngaso sonke isikhathi, luthi impela alufane nse, lubukeka nse njengoHlamvu lukakolo uma ubona lolopheshana lapho.

Kodwa ekugcineni Seluyabonakaliswa, futhi akukho-nhlangano. Akusekho-bathwali abanye. Inhlangano ingumthwali nje. Akusekho-bathwali abanye; isiqu kufanele sife, ikhoba kufanele life, konke okunye kufanele kufe, kodwa ukolo uphila njalo. Lowo ngumzimba wovuko, wehle ngqo bese ubacosha. "Labo abangabokugcina bayoba ngabokuqala, nalabo abangabokuqala bayoba ngabokugcina." Niyabo, ubacoshe baqonde ngqo ovukweni. Niyakulandela lokhu na? [Ibandla, "Ameni."—Umhl.] Kulungile. Qaphelani, uhlamvu lu . . .

163 Ikhoba libukeka lifana nse nohlamvu. Futhi indoda elima ipulazi likakolo, kumbe okunye okuthize, ibingabuka bese ithi, "Akabongwe uNkulunkulu, nginesivuno sikakolo," kanti ayinawo nomnci ukolo. Libukeka lifana nse nokolo, kodwa yikhoba.

164 Manje, bangane, buyelani emuva nami. Ivelaphi imvuselelo yokuqala, emva (ukufa) kwezinsuku lapho uhlamvu lukakolo lwafanele luwele emhlabathini, uMzimba, uMlobokazi kaKristu na? UKristu wahlela uMlobokazi waKhe, ngabe kunjalo, iBandla laKhe na? Akazange aLihlele; Wavele nje wabeka abaphostoli, nabaprofethi, nokunjalo, eBandleni, ukuLigcina lihlanzekile. Kodwa eNayisiya, eRoma, eminyakeni engamakhulu amathathu nesithupha kamuva, balihlela base belenza inhlangano. Ngabe kunjalo na? Futhi lafa. Konke okwakungavumelani nalelobandla kwakubulawa. Futhi lalala lathula, amakhulu eminyaka, othulini.

Kodwa, emva kwesikhashana, lahluma kuLuther. Amahlumela amancane okuqala awokusanhlamvu ahluma. Okwesibili, kwahluma kusukela lapho. Baqhubeka, benoZwingli nokunjalo, nezinye izinhlangano nokunjalo. Kwase-ke, emva kwesikhashana, kwafika iSheshi.

Kwase kwenzekani-ke? Nakhu kufika uWesley enemvuselelo entsha, intshakaza, lokho kubukeka kufana kakhudlwana noKolo. Kwase kwenzekani-ke kulokho na? Kwahlela, kwase koma phezulu kwafa.

UkuPhila kwahamba kwangena ngqo ekhobeni, nekhoba lavela licishe liphelele impela njengoKolo. Kodwa, ekugcineni, ubuwula balo babasobala eminyakeni eyisishiyagalombili

kumbe elishumi yokugcina, kakhulukazi eminyakeni emithathu yokugcina. Manje lenzani na? Liyasuka oKolweni.

165 Manje kwenziwe yini kungabikho-nhlangano eqalayo phuzulu kuleminyaka yokugcina engamashumi amabili yalemvuselelo enkulu; ngabaprofethi abagcotshiwe, abafundisi abagcotshiwe, nokunjalo, kodwa ayikho ngani lapho na? Akukho lutho ngaleya koHlamvu. [UMfowethu Branham ushaya kane phezu kwepulpiti—Umhl.] Niyabo, seLubuyile, ngaphandle kwenhlangano. O, he, indoda eyimpumputhe ibingakubona lokho. Lungeke luhlele; Luphambene ngokugxilile nayo. Luluhlamvu lukaKolo, qobo Lwalo. INdodana yomuntu iyobonakaliswa. Uhlamvu lukaKolo luyobuyela Kulo uqobo futhi, iNdodana yomuntu ngezinsuku zokugcina.

"Futhi kuyofika amanga, ukulingiswa kwaLo, ngezinsuku zokugcina, lokho kuyocishe kudukise abaKhethiweyo uma kungenzeka." Bukani emakhobeni ezinhlangano zabo bededa manje.

166 Kwenza uKolo waziwe kuphela, kwabaKhethiweyo, abayingxenye yaWo. Qaphelani ukuthi lokhu kungeniswa kahle kanjani lapha manje. Kuphela i. . . Qaphelani, abagcotshiweyo bakwazi; abeqiniso, abaKhethiweyo, abamiselwe ngaphambili, abaseEfesu 5:1, kumbe 1:5, njalo, bayobekwa, bakhethwe. Yibona kuphela okungeke kubadukise.

Qaphelani, abaprofethi abagcotshiwe bayoba ngamanga, futhi lapho phakathi kwakho kuyoba ngabagcotshwe ngokweqiniso. Uzokwehlukanisa kanjani na? NgeZwi. Njengoba, sinakho esithunzini. Niyakubona na? Thanini, "Ameni." [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.] Niyabo?

167 Qaphelani, abagcotshiweyo, yiZwi kuphela eliyobehlukanisa, hhayi izibonakaliso. O, qha. Bayokwenza izibonakaliso ezifanayo, kodwa yiZwi elabehlukanisayo. Impela. Bonke baprofetha. Bonke benza *lokhu*, *lokho*, no*kunye*, impela, okufanayo nje. UJesu wathi babeyokwenza into efanayo. Kodwa yiZwi elabehlukanisayo, qaphelani, hhayi izibonakaliso.

168 Niqaphelile na? UJesu washo lapha, kuMathewu 24. Akazange athi, "Kuyakuvela oJesu bamanga ngezinsuku zokugcina." O, qha, babengeke bame bathule ngalokho. Qha. Uthole iPentecostal eliyiPentecostal langempela, lithi, qobo lwalo, lingu "Jesu"? Niyabo? Uthole iMethodisti yamanga, kumbe iBaptisti, kumbe umuntu onjalo, kumbe enye yezinhlangano, bethi, "SinguJesu"? Bazi kangcono kunalokho. Abazukukwenza lokho. Kodwa iBhayibheli lathi babeyoba "oKristu bamanga," hhayi oJesu, kodwa, "oKristu bamanga." Babengeke bakwazise, uthi, "NginguJesu." O, qha.

169 Kodwa ba "ngoKristu bamanga," futhi abakwazi, ngoba baphambene neZwi. Futhi uNkulunkulu uqinisekisa okufanayo. Manje, ngehlisela lokhu ngqo ekuhlaleni kwamaqiniso obala

manje, ngoba nibone into efanayo yenziwa yilababantu lokho okwenziwe ngokwangempela. NoJesu washo njalo.

170 Manje, njengoba ngishilo, manje kini bantu eniphandle nivulile, ezweni lothelefoni lapho, a—anginilahli, kodwa leli yibandla lami ne—neqembu lami uMoya oNgcwele angibeke phezu kwalo, futhi ngifanele ngibatshele iQiniso. Ihora liya ngokwedlulelwa yisikhathi.

171 Manje, babengeke bakumele lokho, kodwa, "oKristu bamanga," abamanga, abagcotshiweyo, cishe ngaso sonke isibonakaliso nakho konke ukwazi kokuseZwini. "Bayawukholwa umbhaphathizo kaMoya oNgcwele na?" Ngokoqobo. "Bayakukholwa konke *lokhu* na?" Yebo. "Bayakholelwa ekukhulumeni ngezilimi na?" Yebo. "Bayakholwa ukuthi izibonakaliso nezimangaliso ziyalandela, izibonakaliso ziyobalandela na?" Yebo. Lokho akusiwo amaMethodisti, lokho akusiwo amaBaptisti. Qhabo, qhabo. Lokho ngamaPentecostal. Niyabo, lezi yizinsuku zokugcina.

Manje, unyaka wokuqala webandla wawungeke ukuqaphele lokho. Unyaka webandla leMethodisti awuzange ukuqaphele; unyaka webandla leBaptisti, abazange bakuqaphele; unyaka webandla lePresbyeterian, abazange bakuqaphele. Kodwa, iPentecostal, isondele kakhulu njengeNto yangempela! Kulapho, uKolo, ikhoba licishe lifane impela noKolo. Babengeke bakuqaphele. Niyabo? Babengeke. Kodwa yizinsuku zokugcina, lolusuku. Yebo, mnumzane.

172 Qaphelani, njengoba kwakunjalo nje ekuqaleni, kuyakuba njalo ekupheleni. NjengoEva wavele nje waphendukezela iZwi elilodwa, uSathane wakwenza kuEva, futhi walikholwa. Yena owesifazane, hhayi yena owesilisa; ibandla, hhayi Yena. Niyabo? Ibandla kwaba yilo elathola izwi lamanga. Niyabo? Hhayi uAdamu; uEva. Hhayi uKristu; ibandla, umlobokazi, ogcotshiwe, ofanele ukuba njalo, ozibiza ngoMlobokazi, niyabo, wathola izwi lamanga.

Anikuboni lokho na? Ngani, kufasa ndawonye njengentambo yesicathulo, njengezinkophe esweni lakho. Ngani, yonke into oyophendukela kuyo, iBhayibheli, Livele likufase ndawonye. UEva, hhayi uAdamu; uEva walikholwa, hhayi uAdamu. Umlobokazi namuhla, obizwa kanjalo, walikholwa; hhayi uKristu. Umlobokazi unazo zonke izinhlobo, obizwa ngomlobokazi; izibonakaliso ezifanayo, izimangaliso ezifanayo, konke okufanayo; kodwa hhayi Owangempela. Niyabo? "Badukise abaKhethiweyo uma kungenzeka."

Manje masinya, uma singathola ukukuqeda lokhu emizuzwini elishumi nanhlanu, sizoba kuso isikhathi. Qaphelani ngokusondela impela manje, ukuze ningabi—ningabi ngabangaqondi, kini.

173 Manje, qhabo, babengeke bakumele ukubizwa "ngoJesu wamanga." Babengeke, bamele ukubiza, "Jesu." Impela qha. Lokho kusobala kakhulu. Noma ubani wayengakwazi lokho. Noma ubani wayeyokwazi ukuthi babengesuye uJesu. Angikhathali uma babenamafutha emhlane wabo, negazi ezandleni naphansi-na-phezulu emehlweni abo, basalokhu bazi ukuthi ku. . . Noma ubani onomqondo ophusile, wayazi ukuthi kwakungesuye uJesu. Niyabo? Babengeke bakumele lokho. Kodwa bazibiza ngaba "gcotshiwe." Futhi benza izibonakaliso nezimangaliso, "Cishe ukudukisa abaKhethiweyo." "Kodwa oKristu bamanga, abagcotshiweyo, bayakuvela, futhi bayodukisa abaKhethiweyo uma kungenzeka."

174 Manje qaphelisisani. Ningayigeji lenkulumo-mbiko, ngoba kuyasiza ukulalela.

Usafaka iteyipu nje kulombhobho lapha, ukuba ungalokhu uya le nale. Kade ngijuluka; kwaconsela eteyipini, niyabo.

175 Futhi ngakho kuyoba njengaLo nje, iBhayibheli, lathi kuyoba njalo. Niyabo?

176 Qaphelani, hhayi oJesu bamanga. "OKristu bamanga!" Bakholwa ukuthi bagcotshiwe, kodwa bayazi ukuthi abasuye uJesu. Niyabo, lokho kusobala kakhulu. Uma umuntu enyukile wayesethi, namuhla, "Bheka izibazi esandleni sami. Bheka ebunzini lami. NginguJesu." Awu, manje, siyazi ukuthi lokho kuliphutha. Futhi, khumbulani, uJesu akazange asho ukuthi labobafo bayoqhamuka. Wathi kuyoqhamuka "oKristu bamanga." "OKristu," ubuningi, amahlelo, nokunjalo, *abagcotshiweyo*; abagcotshwe ngomoya wobuhlelo, futhi hhayi ngeZwi. Niyakulandela na? Hhayi uJesu wamanga. "OKristu bamanga," abamanga, abagcotshiweyo. Niyabo? O, kusobala kangaka pho! Thina kanjani. . . Impela ningeke nikugeje lokhu!

177 Manje, khumbulani, bengihlala nginitshela kukhona izigaba ezintathu zabantu. Kukhona izizwe ezintathu zabantu; uHamu, uShemu, noJafethe, izizwe ezintathu. Izigaba ezintathu, futhi ngathi, lelo yikholwa, umzenzisi, nongakholwayo. Bekuhlala kunjalo, kuyohlala kunjalo. Niyabo? Kwakukhona uMose, ikholwa; kwakukhona uJane noJambre; abangakholwayo. Niyabo? Kwakukhona uBalamu; uMose. . . Njalo lezozigaba ezintathu zabantu, izigaba ezintathu; ikholwa, umzenzisi, nongakholwayo.

178 Manje khumbulani, ongakholwayo, ibandla lehlelo, abakholelwa nhlobo ezibonakalisweni; ababandayo, abagcina umthetho ngamehlo nje, abanjengesitashi, ibandla ezweni, ihlelo. Kodwa umzenzisi yilelokhoba. Yilwomfo ozenzisayo. Bese-ke kubakhona ikholwa langempela eliqiniseke ngempela. Manje, babhekisise besahambisana manje, umzuzu nje.

179 Futhi qaphela ukuthi lamakholwa anesibindi kangakanani, kumbe labababazenzisi nabangakholwayo. He! Banesibindi, buka,

njengoba ngisho noSathane wama khona impela eBukhoneni beZwi leqiniso, futhi wathi, "Kulotshiwe!" Ngabe kunjalo na?

Wakwenzelani uSathane lokho na? Yingoba akalazanga iZwi lalokho . . . Walazi iZwi ukuthi lalingelalelohora, kodwa wayingabaza leNdoda encane ethobekileyo ukuthi iyileloZwi. "Uma UyiNdodana kaNkulunkulu. Ngiyazi iNdodana kaNkulunkulu iyeza, ngoba Lathi Yayiyokwenza lokho. Futhi kulotshiwe, 'Uyakuyala iziNgelosi zaKhe ngaWe.' Niyabo? Kufakazise kimi! Yenza isibonakaliso! Angikubone Usenza." Niyabo? Niyabo?

Niyabo, ongakholwayo, umzenzisi, umlingisi. Buka uJuda ephakathi kwabo impela, isikhathi esifanayo, umzenzisi! Niyabo? Qaphelani, futhi kwakukhona iZwi leqiniso.

180 Banesibindi kabi! "Manje, ningawunaki lowombhedo. Akukho lutho kuKho. Ningenyukeli lapho. Kuyisigejane somsindo nje. Akukho lutho kuLokho. Lokho kuyinganekwane konke nje. Lokho kusemqondweni wakho." Niyabo, niyabona ukuthi ngichaza ukuthini na? Bama ngqo eBukhoneni beZwi futhi bakusho.

181 USathane wahamba wangena ngqo. Njengoba iBhayibheli lasho lapha ngale kuJuda, "Ngisho neNgelosi enkulu, lapho iphikisana noSathane, yathi, 'INkosi mayikujezise.'" Emelene neZwi qobo Lwalo!

Futhi nangu umphikukristu, ogcotshiwe, emi khona lapha emelene neZwi langokoqobo losuku, uJesu Kristu, futhi wathi, "Kulotshiwe."

182 Bukani ngezinsuku zokugcina. "Kuyosondela kakhulu kudukise nabaKhethiweyo uma kungenzeka." O, he! Isizathu sokuba abaKhethiweyo bengenakudukiswa, niyazi ukuthi kungani na? Yingoba bayiZwi. Niyabo? NjengokuPhila nje okusempandeni, ngishilo esikhashaneni esedlule, Lingeke Liziphike. Niyabo, LiyiZwi futhi enkathini yonyaka yeZwi. Kunjalo.

183 NjengoJeremiya nje, wayazi. Akunandaba ukuthi uHananiya wathini, wayazi ukuthi wayekuphi. Futhi lokho kunjengoba kwenza uMose impela, na—nabobonke abanye. Lokho kungukuthi, wayazi, akunandaba ukuthi abaprofethi bamanga bathini, kwakukhona iZwi likaNkulunkulu. Kwakulotshiwe.

Yingalesosizathu uMikhaya wakwazi ukuthi, "Kulungile, lindani nje nibone."

UAhabi wathi, "Ngiyabakholwa abaprofethi bami. Inhlangano yami ikahle. Uma sengibuya ngokuphila . . . Mfakeni ngemuva ngaleya etilongweni lowomfo. Ngizobuye ngimbone! Mnikeni isinkwa sokuhlupheka. Nimkhiphe, ningabi

nanhlanganyelo nhlobo naye. Uma sengibuya ngokuthula, sizombona lowomfo."

184 UMikhaya wathi, "Uma ubuya impela, iyakube ingakhulumanga nami iNkosi." Wayazi ukuthi wayeno ISHO KANJE INKOSI, nombono wakhe wawuhambisana nse no ISHO KANJE INKOSI; hhayi okwenye inkathi yonyaka, kodwa okwaleyonkathi yonyaka. Ameni! Haleluya! Inkathi yonyaka!

185 Isibindi, bama baphikisane neNgelosi enkulu! Kushiwo, ukuthi, "Iziwula ziyonyathela ngezicathulo ezinezipikili ezihlabayo ngaphansi lapho iziNgelosi ezesabayo ukuhamba khona." Kunjalo.

186 Isizathu abaKhethiweyo, uJesu washo, bengayikudukiswa, ngoba bayileloZwi. Akukho okunye abangaba yikho. Akukho okunye abangakuzwa. Abazi lutho olunye. Kunjalo.

Khumbulani, uMose akazange athatheke yikho konke ukulingisa kwabo. Wathatheka na? UMose wathi, "Manje, linda kancane, Faro. Uyazi uk'thini? INkosi ingitshele ukuba ngenze lokhu, kodwa, udumo kuNkulunkulu, ngiyabona ukuthi abafana bakho bangenza into efanayo. Ngakho, ngiyakutshela ukuthi ngizokwenzani, ngizokujoyina?" Ha! Lokho akuzwakali kunjengomprofethi kaNkulunkulu. Lutho, nhlobo! Wama nje waqina nqi. Wayazi, impela, uNkulunkulu wayezokunakekela ngandlela-thize, ngoba Wethembisa ukukwenza. "Ngiyoba nawe. Angiyikukushiya."

187 Wayazi, ngakho akazange abajoyine. O, qhabo. Wahlala nabo ngqo. Wayengafuni nelilodwa lamahlelo abo. Wahlala noNkulunkulu ngqo. Akazange athatheke yizo zonke izinto ababengazenza. Ngenkathi benza into eyodwa . . . Waletha omiyane; baletha omiyane. Waletha igazi; baletha igazi. Waletha konke; bamlingisa ngandlela zonke, lokhu behambisana. Wavele wama wathula. Wayazi ngempela ukuthi yini. UNkulunkulu wayesemsebenzini.

Niyaqonda manje na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.] uthatha okubili nokubili, bese wenza okune na? ["Ameni."] Awufuni ukushisa kakhulu. Ngakho, ngakho ni—niyaqonda, niyabo.

188 Ngani na? Bangeke badukiswa yiLo. Ikholwa leqiniso, bayiMbewu eyamiselwa ngaphambili ukuba bame ngosuku.

189 Nje, futhi, uJesu washo lokhu, "Abaningi bayofika ngalolosuku, ngeGama laMi, bathi, 'Nkosi, angikhiphanga yini amademoni ngeGama laKho na?'" UJesu wathi, "Ezinsukwini zokuphela, lapho isikhathi sonke sesiphelile novuko olukhulu lufike, ukuthi abaningi bayofika bahlale phansi eMbusweni." UMbuso kaNkulunkulu uphakathi kwakho.

Abaningi, ukhula luyofika luhlale phansi impela kanye noKolo, luthi, "Manje, awume kancane, Nkosi! Ngakhuluma

ngezilimi. Ngamemeza. Ngasina eMoyeni. Ngakhipha amademoni. Ngakhuluma ngezilimi. Ngenze zonke lezizinto."

Ubeyothini na? Qaphelani. "Nina benzi bokubi, Angizange ngize nginazi."

190 Yini *ububi* na? Buza omunye. Ku "yinto owaziyo ukuthi ufanele uyenze, futhi ungeke wayenza." Bayalazi leloZwi. BayaLizwa. Nilalele leteyipu. Nilalele loMlayezo. Niyayibona iNkosi uNkulunkulu isho njalo; niyaYibona ikuqinisa, ikwenza kube liqiniso. Futhi niyakwazi Lokhu ngokusobala nje njengelanga elikhanyayo phandle, kodwa nina eniyobambelela ehlelweni lenu, nibambelele kulezozinto ezingamanga; wena menzi wokubi!

"O, yebo, ngibenemikhankaso emikhulu. Ngenze *lokhu*. Ngenze *lokho*."

Yathi, "Suka kiMi, menzi wokubi, Angizange ngikwazi."

191 "Kuhle, uMoya oNgcwele wehlela kimi." Angikungabazi lokho nakancane. "Ngakhuluma ngezilimi. Ngacula eMoyeni. Ngenze . . . " Angikungabazi lokho nakancane. Akukho-mbuzo kulokho. O, mfowethu, dadewethu, nhloboni yesimo!

Lesi yisikhathi esithuthumelayo. Sikuphi na? LeliZwi liza ekuPhileni manje. Qaphelani.

192 Yebo, Yathi babeyokwenza lokho. Qaphelani, "Nina benzi bokubi." NginomBhalo obhalwe phansi lapha. Angisazi nje ukuthi ubukuphi. Sengithathe isikhathi esiningi kakhulu. Ngizowucinga, umzuzu nje, futhi ngibone ukuthi ubukuphi. Ngino—nginoMathewu 7:21. A-angazi nje ukuthi kuphi. Mina, ngezinye izikhathi angikubhali okuthize phansi ngawo, yebo, ngi—ngishumayela kanje, ngi—ngiyakhohlwa ukuthi bengithathisela kukuphi emBhalweni. UMathewu 7:21.

> *Asibo bonke abashoyo kimi ukuthi, Nkosi, Nkosi, abayakungena embusweni wezulu; kuphela owenza intando kaBaba osezulwini.*
>
> *Abaningi bayakuthi kimi ngalolosuku, Nkosi, Nkosi, asiprofethanga yini . . .*

Abaprofethi, abagcotshiweyo! Kunjalo na? "Sasingesuye yini umprofethi na? Sasingagcotshiwe yini, ogcotshiweyo na? Angiprofethanga yini ngeGama laKho na? Futhi ngeGama laKho angikhiphanga yini amademoni na?" Ungakwenza kanjani lokho, futhi wenqabe ukubhaphathizwa eGameni likaJesu na? Niyabo? O, he! Niyabona ukuthi kudukisa kanjani na? Kwenyuka impela kuze kuyofika kulelophuzu, bese-ke kubuye kuwe. Benyuka impela baze bayofika kuleloZwi, bese-ke babuye bawe. Manje qaphelani lokhu. Sikhipha lokho, umzuzu nje.

> *Abaningi bayakuthi kimi . . . Nkosi, Nkosi, asiprofethanga yini*, besingabaprofethi? . . .

Yebo, ngikhulumile ngalokho kuMathewu 24:24.

. . . *ngegama lakho . . . khipha amademoni na? ngegama lakho senza emininginga* wond- . . . emingi *imisebenzi na?*

*Khona ngiyaku*vuma *kubo ukuthi, Angizange nginazi: sukani kimi, nina-benzi bokubi.*

"Mhla Libekwa phambi kwakho ngqo futhi waLibona, futhi waLibona linyakaza, wabona ukuthi KwakuyiZwi; futhi ngenxa yehlelo lakho, wabambeka kulo. Angizange ngize nginazi. Angikhathali ukuthi mangaki amademoni owawakhiphayo, kungaki owakwenzayo *lokhu* na*lokho*; Angazanga lutho ngani."

UBalamu wathi, "Ngaprofetha kahle, ngeGama laKho. Kuyafezeka."

193 "Kunjalo impela, kodwa, uma sekufika eZwini, waLenqaba."

O, mfowethu, uyayibona ingxenye edukisayo na? Hhayi "umprofethi," impela; kodwa neZwi, iZwi leqiniso, iZwi eliqinisekisiweyo libonakalisiwe. "Nina benzi bokubi!"

194 Zama, uSathane ubezama yonke iminyaka ukulingisa iZwi leqiniso. Siyakwazi lokho, asikwazi na?

195 Qaphelani, bakhuphukela emgqeni womncele bese beyayeka. Bukani lapha, Washo, kumaHeberu isahluko 6, manje, besifunda esikhashaneni esedlule. Nginitshelile ukuba nithathisele kuwo, futhi sizokwenza emizuzwini emibili elandelayo. Wathi:

. . . kepha *ameva namakhakhasi* . . . oku*seduze no*kwaliwa; *ukuphela kwawo ngukushiswa*. (Othiyeka emnceleni!)

. . . nina a*banambitha isiphiwo sasezulwini*, . . .

"Banambitha," ngamany'amazwi, uLibonile! Ungeke [UMfowethu uBranham uyancamuza—Umhl.] nje waLinambitha ngomlomo wakho. Kodwa uLibonile, futhi walazi ukuthi beLiliQiniso. WaLazi ukuthi beLiliQiniso. "Banambitha isiphiwo saseZulwini."

. . . futhi *benziwa abahlanganyeli kuMoya oNgcwele*, lapho wehlela phezu kwakho,

. . . *banambitha izwi elihle likaNkulunkulu*, . . .

"Banambitha," uLibonile ukuthi beLiqinisile. "NoMoya oNgcwele ehlela phezu kwakho," ukhula ensimini.

. . . bese beya*hlubuka* . . .

"Uphika yena impela uKristu owakungcwelisayo, futhi wakubiza, wase ebeka lologcobo phezu kwakho."

. . . *akusekho umnikelo nge*sono, salokho.

Kungokungenakuthethelelwa! "Akunakwenzeka kubo ukuba bake beze ekwazini iQiniso."

Ngokuba akunakwenzeka ukuba labo a . . . benziwa abahlanganyeli kuMoya oNgcwele,

Wehlela phezu kokhula, niyabo, "Baqala phakathi noJesu, futhi, 'Nkosi, ngiyedlula,'" kodwa uma usushaye eZwini, ubuyela emuva. "Benziwa abahlanganyeli kuMoya oNgcwele, futhi baze banambitha, kumbe balibona iZwi qobo Lwalo libonakaliswa." Bese-ke beyahlubuka kuLo, "Akunakwenzeka kwasanhlobo kubo ukuba bake baLibone kumbe beze kuLo."

Lowo ngu USHO KANJE UMBHALO. Manje, nina . . . "Kodlula amazulu nomhlaba, kodwa Lona alisoze." Niyakubona na? "Akunakwenzeka kwasanhlobo." IBhayibheli lasho njalo, noMoya uyalifakazela.

196 Qaphelani, ake ngininike isibonelo esincane. Bukani labobantu abaphuma bengaphansi kwesiprofetho sikaMose, baphuma kuleyonhlangano, futhi baphuma kukho konke, phansi kwesiprofetho, babona imisebenzi emikhulu nezimangaliso, nezinto ezinjalo, futhi bakhuphukela emgqeni womncele wokuba bangene.

Manje, Lee, nanto elakho lifika "igama eNcwadini." Niyabo? Unalo lilotshiwe. Futhi nina eningekho lapha, futhi ningaphandle e—ekuxhunyweni kothelefoni, nguDokotela Lee Vayle ohlezi lapha. Uhlela kahle ukubhalwa kwalencwadi yemiNyaka yeBandla eyisiKhombisa. Futhi kwavela inkinga, kumbe umbuzo, mayelana nelakho "igama lisuswa eNcwadini yokuPhila yeWundlu." Niyabo, kudide inqwaba yabefundisi. Kodwa lindani nize niyithole incwadi, nizokuqonda uma nje kukhona ukuKhanya okukini. Niyabo?

197 Qaphela, manje, uzofulathelisa ikhanda lakho futhi ungeke ngisho uLibuke uma ungafuni ukuLibuka. Njengomama wami wayevamise ukuthi, "Ungeke ulithole igazi kutenipu, ngoba akukho'gazi kuwo."

198 Qaphelani, ukuKhanya kuzofanele kufike; akukho ebumnyameni. UkuKhanya kufika ebumnyameni, nobumnyama abuKuboni. Qaphelani manje abagcotshiweyo kulolusuku.

NjengoMose wakhipha labobantwana bakwaIsrayeli; futhi balalela futhi bathola konke ukudideka ngalesosizwe esikhulu enhla lapho. Manje, uIsrayeli wayengakhethi-bandla. Lalingena-zwe, lingenakhaya. Laliya ekhaya.

Asinabandla, asi . . . Si—siya eBandleni, iBandla leZibulo, iBandla eliseNkazimulweni; hhayi ibandla elisemhlabeni, ngomuntu. IBandla eliseNkazimulweni, ababizelwe ngaphandle, abamiselwe ngaphambili ekuPhileni okuPhakade, niyabo, beya eKhaya labo.

Futhi lapho sebenyukela endaweni ukuba bawelele ngaphesheya, balingabaza iZwi, base bebuya. Emva kokuba uJoshuwa noKalebi nabanye sebewelele ngaphesheya futhi babuya nesixheke samagilebhisi, ukufakazisa kubo ukuthi izwe lalikhona, iZwi lesethembiso sikaNkulunkulu, "Liyizwe elihle, ubisi nezinyosi." Futhi babuya nakho, ngakulelicala, ukukufakazisa kubo. Futhi bakunambitha, base bethi, "O, o, ngeke sakwenza, nokho." Kwenzekani na? Babhubha ehlane. Bahlala khona lapho futhi bazihlelela, futhi bafa, bonke.

Kodwa labo abawelela ngaphesheya futhi babuyisa, uJoshuwa noKalebi; uMose wathathwa. Umfanekiso wokulinda weBandla; nokuvuka kweTestamente eliDala, iTestamente eliSha; noMzimba ohlwithiwe. Niyakubona okuthathu lapho na? Kufanele kugcine lokho okuthathu kusemgqeni, niyabo, ngakho, ekholweni nongakholwayo. Niyabo?

199 Qaphelani ukuthi kwaku "ngokuphelele" kanjani. Khumbulani, UNkulunkulu akazange aze asithethelele lesosono. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kane—Umhl.] Manje bazongena kanjani na? Uma kungameva, kwasekuqaleni, kungameva ekupheleni. AbaKhethiweyo kuphela abazoLibona.

200 Qaphelisisani manje. Njengasezinsukwini zikaMartin oNgcwele nje, khona impela ngaphambi kweziKhathi zobuMnyama; indoda encane emesabayo uNkulunkulu. Bangaki asebake bafunda izincwadi zikaMartin oNgcwele na? Abaningi benu bazifundile. Sehla ukuthola izincwadi zikaMartin oNgcwele; umpristi wathi, "Kodwa akazange angcweliswe." Impela, akazange; hhayi ngumuntu, kodwa wangcweliswa nguNkulunkulu. UMoya oNgcwele wasitshela ukuba simbeke lapho kulowonyaka wesithathu webandla. Niyabo?

201 Buka ukuthi wayeyindoda encane emesaba kanjani uNkulunkulu; wabizwa, wamiselwa ngaphambili. Abazali bakhe, umhedeni. Uyise, isosha. Wayefanele alandele indlela yakhe, ukuba abe lisosha. Futhi, ngenkathi ekwenza, futhi njalo ekholwa ukuthi kwakukhona uNkulunkulu ndawo ndawo; indoda yasemahlathini, futhi wayekwazi ukubona uNkulunkulu. Ngelinye ilanga wedlula edolobheni, futhi kwakukhona isinxibi esidala silele lapho, sifa, sicela othile . . . Sasigodola ngalobobusuku. "O," sathi, "ngipheni into engingazimboza ngayo; ngizofa kulobubusuku."

202 Akukho-muntu owayengakwenza. NoMartin wabuyela eceleni wathi ukusibhekisisa isikhashana. Akukho-muntu owayengakwenza. Wayenebhantshi elilodwa kuphela. Wayezoba liqeqeba lamakhaza, qobo lwakhe, wayesemsebenzini, uma e—esipha lelobhantshi. Ngakho wacabanga, "Sobabili sinethuba lokuphila uma ngizokwehlukaniselana naso." Ngakho wathatha ibhantshi lakhe qho, walehlukanisa kabili ngenkemba yakhe,

wase esisonga ngalo isinxibi esidala. Wazisonga ngebhantshi lakhe qho.

Wonk'umuntu wathi, "Ake nibheke umgadi obukeka ehlekisa. Ake nibheke isosha elibukeka lihlekisa, lizisonge ngohhafu webhantshi!"

203 Ngobusuku obulandelayo, ngenkathi e ofile emsebenzini futhi ecambalele embhedeni wakhe, wavuswa. Wabheka, kumi lapho ekamelweni, futhi nakho kumi uJesu Kristu ezisonge ngalesosiqephu esidala sengubo azisonga ngayo. Wazi khona lapho, "Enikwenza kwabancinyane baMi, lokho nikwenze kiMi, kogcotshiweyo waMi," ecambalele lapho.

Wayeyinceku enkulu kaNkulunkulu. Ibandla lahlekisa ngaye, lamhlupha, lamkhahlela lamkhiphela ngaphandle, nakho konke okunye, kodwa wayengumprofethi kaNkulunkulu. Akushoyo kwafezeka. Baningi abamkholwayo ngalowonyaka, futhi.

204 Ngifuna ukunikhombisa ukuthi uDeveli ukhohlisana kanjani. Ngelinye ilanga wayehleli endaweni yakhe yokufundela. Nakhu kukhuphuka ingelosi enamandla, inomqhele ekhanda layo, igqoke izicathulo zegolide, izibophe ngentambo yegolide ezingutsheni zayo yegolide, futhi yathi, "Martin, uyangazi mina na?" Yathi, "NgiyiNkosi yakho noMsindisi. NginguYe owakusindisayo. Ngikhonze, Martin." Kodwa lowomprofethi, azi ukuthi kwakukhona intwanyana engejwayelekile lapho, wayelokhu eyibuka. Yathi, "Martin, nginguMsindisi wakho, uJesu Kristu. Ngikhonze! Awungazi, Martin na?"

205 UMartin wayelokhu eyibuka, umBhalo ugijima emqondweni wakhe. Wathi, "Sathane, suka kimi." Wathi, "Unomqhele ekhanda lakho. Futhi iZwi likaNkulunkulu lithi abaKhe 'abangcwele bayoMthwesa umqhele' ekupheleni konyaka."

Kwakungeke yini lokho kube yisiyengo samaPentecostal na? Bhekisisa leloZwi, mfowethu. Kulapho la kukhokhela khona.

206 Ngelinye ilanga, futhi, esigodlweni, babenongcwele omdala ezansi lapho, isigejane sobhulata abasebancane. Kwakukhona oyedwa wabo owayethi ukuba wuhlobo olusheshe lucasuke. Bhekisisani lokhu, nanku omuhle—umfanekiso omuhle namhlanje. Wayefuna ukuba ngaphezu kwabo bonke. Wayefuna ukuziveza, igunya, othize omkhudlwana, oyinto engcono, sonke isigaba, niyazi, futhi into ethize enkulukazi. Wayefanele agqame. Njalo efuna abanye abazalwane banga . . . Niyazi, wayefanele ahluke. Niyabo? Yena, kungenandaba ukuthi kwakuyini, wayengozidlayo ngempela. Wayeyimbokojana kuphela osebeni lolwandle. Kwakungekho-muntu owayengamthinta. Manje bhekisisa ukuthi kwenzekani. Wayefanele abe nokuthize okukhulu. Wayefanele aqhathanise no—nohlobo olukhulu olungosaziwayo. Niyangilandela na? Niyabo? Ngakho, wathi,

waprofetha. Wathi, “INkosi ingenze umprofethi, futhi. Ngingumprofethi.”

Manje, kwakukhona umprofethi oyedwa owayaziwa ezweni, futhi lowo kwakunguMartin oNgcwele; wazalwa engumprofethi.

207 Kodwa lomfanyana wathi, umfo omncane wathi, ibhulata eliselincane cishe lineminyaka engamashumi amabili-nanhlanu ubudala. Wathi, “INkosi ingenze umprofethi, futhi ngizokufakazisa kini.” Wathi, “Kulobubusuku iNkosi izongipha enkulu, enhle ingubo, iyibeke phezu kwami, ingubo emhlophe, bese ngihlala phakathi kwenu. Khona-ke nonke nizokhuphukela kimi, niyabo, futhi nizothatha iziyalo kimi.”

208 Manje qhathanisa lokho namhlanje, niyabo, “Ngizoba yinhloko yenhlangano. Ngizoninakelela, nonke mabhulata.”

Futhi ngempela ngempela, “Ngalobobusuku, kwangena ukukhanya endlini,” isho kanjalo incwadi kaMartin oNgcwele. Ifunde. Futhi ineqiniso. Ngumlando. Nokukhanya kwabonakala, futhi bonke abanye babhekisisa, futhi nakhu kufika . . . Wayegqoke ingubo emhlophe, emi phakathi kwabo. Wathi, “Niyakubona enginitshele khona na?” Kodwa lokho kuphambene neZwi.

209 Futhi ngenkathi ehamba ukuyolanda inhloko endala yekholiji, yathi ukuhamba yehla-yenyuka kancanyana, yathi, “Ndodana, lokho akuzwakali kahle.” Yathi, “Yinye kuphela indlela.” Nansi! “Yinye kuphela indlela yokuba sazi. Kubukeke kungesikho okwemvelo yasemhlabeni.” Mfana, iPentekoste yayiyokudumela lokho, impande, isizikiso, usinga, ihhuku, nakho konke okunye! Yathi, “Isibonakaliso singabonakala sikahle, kodwa asibonakali sikahle eZwini. Manje, sinaye umuntu onjalo, umprofethi ogcotshiweyo, ogama linguMartin. Woza, yenyukela phambi kwakhe..”

Umfo wathi, “Qhabo, qhabo! UMartin akahlanganise lutho nalokhu.”

210 Futhi yathi, “Uzohamba, noma kanjani.” Futhi bamdumela ngengalo, ukuba bamuse phambi kukaMartin, nengubo yamshiya.

211 Niyabo, “Badukise abaKhethiweyo uma kungenzeka.” Niyabo, bayabazi. UJesu wathi, “Izimvu zami ziyalazi iZwi laMi.”

“O,” uthi, “‘zizwa “iPhimbo” laMi.’”

Lelo yiZwi laKhe. “Umuntu akanakuphila ngesinkwa sodwa, kepha ngawo onke amaZwi.” Niyabo? Omiselwe ngaphambili uyakwazi lokhu. “Izwi elingaziwayo, kumbe iphimbo elingaziwayo, azisoze zalilandela.”

Yileyondlela-ke ngalabo bafo emuva lapho; babengeke balandele. Babazi ukuthi uMartin wayelapho, umprofethi

walowonyaka, ekhonjwe nguNkulunkulu ngeZwi, elazi iZwi. Naleyondoda yayingenakuma phambi kwaLo.

212 Washo futhi ukuthi, "Lapho kukhona isiDumbu," kumbe iZwi, "kulapho, enkathini yonyaka, izinkozi ziyakubuthana khona." Manje lowo nguMatt-. . . Nifuna ukukubhala phansi lokho, lowo nguMathewu 24:28. Ngaphambidlana nje, uMathewu 24:24; amavesi amane ngezansi kwaso, niyabo, uma nifuna ukukuthola. "Lapho kukhona isiDumbu," kukhona iMana, kukhona iZwi, "kulapho izinkozi ziyakubuthana khona."

213 Manje kufanele ngisheshise. Ngibuke phezulu lapho ngase ngibona ukuthi sikhathi sini. . . Sekuyi—sekuyimizuzu eyisikhombisa kumbe imizuzu eyisishiyagalombili emva kweleshumi nambili. Ngizosheshisa masinyane impela, kungenjalo singawuqeda kulobubusuku, noma yikuphi enifuna sikwenze. Kulokhukusa noma kulobubusuku na? Hhe? Bangaki kozodingeka aye ekhaya namhlanje emva kwenkonzo, asibone isandla sakho, niyabo. O, he, kungcono kuqhutshekwe!

Ngiyaxolisa ukubamba labobantu kulawomafoni phandle lapho kanjalo, kodwa ngizosheshisa. Kunosizo ngaphezu kwemali yenu. Ngikholwa ukuthi kuyilo, kimi, niyabo. Imali yenu iyobhubha. Lokhu akusoze; KuyiZwi. Niyabo?

214 "Lapho kukhona isiDumbu, kulapho izinkozi ziyakubuthana khona." Lapho isiDumbu, lapho ku—ku—kukhona ukubulala, kulapho izinkozi ziyakubuthana khona. Lapho kukhona iNyama entsha, iZwi lenkathi yonyaka, kulapho izinkozi ziyakubuthana khona.

Kodwa emva kokuba isibolile, khona-ke amanqe ayobhuzela kuyo. Yebo. Niyabona ukuthi ngichaza ukuthini? Uma kukhona okubulawayo, nakhu kufika izinkozi; kodwa emva kokulala lapho, futhi sekubolile, khona-ke nakhu kufika amanqe. Ukhozi soze lwazihlanganisa nakho. Niyabo?

UJesu wathi, "Lapho kukhona isiDumbu," lapho kwawela khona iMana, ubusuku iMana ewa iyintsha ngabo, "kulapho izinkozi ziyoYibuthanela khona." Leyo yiMana yosuku. Niyabo? Qaphelani.

215 Kodwa emva kokuba isibola, izimpethu zingena kuyo, bese-ke nakhu kufika amanqe. Awakwazi ukuyinuka ize ibole kuqala. Akumangalisi uJesu ama lapho wayesethi, "Jerusalema, wena owakhanda ngamatshe bonke abaprofethi!" Qaphela lesosabizwana somuntu, niyabo, "Jerusalema, Jerusalema, kukangaki Ngithanda. . . " WayeNgubani na? "Kukangaki Ngithanda ukukubuthela ndawonye njengesikhukhukazi sithanda emazinyaneni aso, wena owakhanda ngamatshe bonke abaprofethi eselokhu Ngabathumela kuwe," lelobandla elikhulu, iJerusalema.

216 IJerusalema elingekho lapha emhlabeni, “kodwa singabaseJerusalema laPhezulu,” lapho iZwi livela khona, kusukela ekumiselweni ngaphambili, niyabo. Hhayi iJerusalema elidala elibhubhayo; iJerusalema eliSha elingeke labhubha. Hhayi iJerusalema elidala, elakhiwa ngumuntu; kodwa iJerusalema eliSha elakhiwa nguNkulunkulu, niyabo, iZwi phezulu lapho manje libonakaliswa. “Ekhaya likaBaba waMi kukhona izindlu eziningi. Ngiya ukuzilungiselela nina,” uMdali enza imigwaqo yegolide, nokunjalo. YileLo-ke elingabhubhi.

217 “Jerusalema, Jerusalema kukangaki Ngithanda,” kusukela ekuqaleni kwesikhathi; hhayi uMuntu wesithathu, omunye umuntu, kodwa, “Ngithanda ukunifukamela njengesikhukhukazi esenza emazinyaneni aso, kepha anivumi. Kepha manje ihora lenu selifikile.” Niyabo?

“Lapho kukhona isiDumbu, izinkozi ziyobuthana khona.” Kodwa emva kokuba isidumbu sesibolile, khona-ke oklebe abadala bayabuthana. Niyabo?

218 Qaphelani. UMose, akabaniki neze abantwana bakaNkulunkulu. . . UMose wayelukhozi, futhi akabiniki neze abantwana bakaNkulunkulu okwasala kuNowa. WayeneZwi elisha likaNkulunkulu. “INkosi uNkulunkulu yahlangabezana nami ehlane, futhi yaliqinisa iZwi laYo, futhi yangithumela ezansi lapha ukunibiza niphume.” Futhi nakho-ke kufika abalingisi macala onke, bekulingisa. Niyabo? Kodwa wayeneZwi lehora.

Kusobala, uNkulunkulu wathi kuAbrahama, okunguyena owayenesethembiso, “Inzalo yakho izakuba-ngumfokazi ezweni lezizwe, iminyaka engamakhulu amane, kepha Ngiyakubahambela ngibakhiphe ngesandla esinamandla.”

219 UMose wathi, “Manje, iNkosi uNkulunkulu izokhuluma nami futhi ingikhombise, futhi ingitshelile ukuthi ngenzeni, futhi ngizonitshela.” Yathi, “‘UNGIKHONA’ ungithumile.”

“NGIKHONA!” Hhayi “Ngangikhona, kumbe ngiyobakhona.” “NGIKHONA,” inkathi yamanje, iZwi manje. Hhayi iZwi elalikhona, kumbe iZwi eliyofika; iZwi elimanje. Niyabo? Niyakuthola na? “NGIKHONA!” U “NGIKHONA” yiZwi. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayenoNkulunkulu.” Ngabe kunjalo na? “NGIKHONA.” “UNkulunkulu uthumele mina njengomprofethi waKhe, ukuqinisekisa lokhu ukuthi kuyiqiniso. Ngiyimpendulu kuleliZwi, ngakho, ngenkathi Efika ezansi lapha futhi wenza lokhu.”

220 Futhi ngenkathi enza, uFaro wathi, “Hhawu, sinenqwaba yabafana eqenjini lethu abangakwenza lokho, futhi,” abalingisi.

UJesu wathi, “Manje, lokho kuzophinda futhi ngezinsuku zokugcina,” niyabo, bethi bayinto efanayo. Bhekisisa ukuthi

ubani owehla kuqala. Bhekisisa ukuthi ubani owahlala neZwi. Yilokho-ke. Kwaziwa kanjalo-ke, ngakho niyabona.

221 Siyaqaphela, uMose akabaniki neze okwakuyisikhathi sikaNowa, "Sizokwakha umkhumbi manje, ngoba lelo yiZwi, niyazi. UNowa wakha umkhumbi ngelinye ilanga." Qhabo, ngamanqe elalidla lokho. Qhabo, qhabo. Qhabo, qhabo.

222 Leli yiZwi elethenjisiweyo. Qaphela, okomlayezo wakhe ayenawo uvela kuNkulunkulu, wayeneZwi likaNkulunkulu uqobo elimiselwe ngaphambili lalelohora. [UMfowethu Branham ushaya phezu kwepulpiti kabili—Umhl.]

Kanjalo noJesu akazange abaphe okwasala kuMose. UMose wayeneZwi lalelohora, kodwa uMose wayengumprofethi. Nangu uNkulunkulu qobo lwaKhe, niyabo. Akazange neze abaphe okwasala kuMose—Mose.

Kodwa ake nibheke amanqe lapho kuleyonhlangano, lalikuminza. "Siyazi! SinoMose! Asidingi ukuba naWe."

223 Wathi, "Ukuba benimazi uMose, beniyakuNgazi, ngokuba uMose wakhuluma ngaMi." O, he! Niyabo?

"Lapho kukhona isiDumbu, izinkozi ziyakubuthana khona." Izinkozi! Okusha okusanda kubulawa kweZwi, iZwi elivusiweyo futhi lakhuluphaliswa, futhi labonakaliswa futhi selinikezwa libe ukuDla kwabantwana.

Manje, isidumbu esidala esesilale lapho amakhulu eminyaka, siyoba lapho,

Kuyafana manje! ULuther wayenomlayezo wokuphenduka; kodwa, nina sigejane soklebe abadala abangamaLuthela! IBaptisti yayinomlayezo; kodwa, nina boklebe abadala abangamaBaptisti! Niyabo? IPentekoste yayinomlayezo; ngiza ekhaya manje, oklebe abadala abangamaPentecostal!

"Kodwa lapho kukhona isiDumbu, kulapho izinkozi ziyakubuthana khona."

224 Khumbulani, naningeke nimondle umLuthela, emuva ngezinsuku zawo (ningawondla manje), ngeKatolika isibhucu. Qhabo, mnumzane. Wayenenyama entsha. Lowo kwakuyilowonyaka webandla.

Naningeke nondle iMethodisti, umlayezo wamaLuthela. O, qhabo, wayengakufuni lokho isibhucu. Kubolile. Niyabo, ukuPhila kwase kuvele kuyishiyile futhi kwangena kwenye into. Leso yisiqu esidala esesifile, emuva lapho. UkuPhila kuqhubekela phambili.

Kanjalo ningeke nondle uMlobokazi kaJesu Kristu ngobuPentekoste. Qhabo, nhlobo! Izinhlangano ezoniwe yizimpethu; akwenziwa lutho! Qhabo, qhabo!

Ngokuba isethembiso singukuthi, "Futhi ngaphambi kokuba lolo suku olukhulu nolwesabekayo lufike,

Ngiyakuthuma kini uElija umprofethi. Uyakubuyisela izinhliziyo zabantwana zibuyele eNkolweni yawobaba futhi." "Zonke lezizethembiso ebezenziwe eBhayibhelini, Ngizokwenza, futhi izinkozi ziyakubuthana khona." "Konke lokho uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi." Niyabo?

225 UJesu akazange akuzame lokho. Kodwa lapho uJesu efika, Wayifumana leyomishungu yamanqe, "SinoMose nomthetho." Niyabo? Kuhle, lokho kwakungukudla okuhle emuva ngaleya ngenkathi kubulawa futhi kuphiwa bona. Niyabo, lokho kwakulungile ngalesosikhathi.

Kodwa lokhu kuyilokho okwabikezelwa kuMose, qobo lwakhe, owabulala umhlatshelo, wathi, "INkosi uNkulunkulu wenu iyakuvusa phakathi kwenu, owabazalwane benu qho, umProfethi. Kuyofezeka, ukuthi wonke umuntu ongayikunamathela kulowomProfethi nalokho Akushoyo, uyakunqunywa phakathi kwabantu." Futhi kwabanjalo.

226 Bukani ukuthi kukanjani cishe iziprofetho ezingamakhulu ayisithupha ezehlukene zagcwaliseka khona lapho, zeTestamente eliDala, kuJesu Kristu. "Bagwaza izandla zaMi nezinyawo zaMi." Cishe, ngiyakhohlwa ukuthi zingaki esagcwaliswa emahoreni okugcina ayisikhombisa kumbe ayisishiyagalombili okuphila kwaKhe, bonke labobaprofethi basho, ngokuphelele.

227 Uma ngiprofethile namhlanje ukuthi into ethize ibizokwenzeka onyakeni kusukela manje, mhlawumbe ngine—nginethuba lamaphesente angamashumi amabili ayo ukuba yenzeke, ukuthi ingamanga noma iliqiniso. Futhi uma ngibikezele ukuthi lokho bekuyokwenzeka, futhi ngingashongo ukuthi nini, nginephesente elithe ukuba-lincane. Uma ngibikezele ukuthi bekuyokwenzeka nini, kunginika umudwa othe ukuba-mncane. Uma ngibikezele indawo okwenzeke kuyo, kusalokhu kunikeza umudwa othe ukuba-mncane. Uma ngibikezele i. . . ukuthi bekuyoba phezu kukabani, khona-ke ngisalokhu cishe nginokwezinkulungwane eziyikhulu zomudwa ukuba kuke kufezeke, uma kungesilo iqiniso.

Futhi lonke iZwi, haleluya, elalotshwa ngalowoMesiya, lagcwaliseka ncamashi. Kwaze kwathi ngisho ngelinye ilanga, efunda imiBhalo, Wama phakathi nawo ngqo umusho, wayesethi, "UMoya kaNkulunkulu uphezu kwaMi ukushumayela iVangeli, nokukhulula i. . . " Futhi wama khona lapho phakathi nomusho, ngoba okusele kwawo kusekuFikeni kwaKhe kwesibili. Ameni! "Amazulu nomhlaba kodlula; amaZwi aMi awasoze." Niyabo?

228 WayeyiZwi ngaleyonkathi, elalibondla ngaleyonkathi. UMose wabatshela iQiniso; kodwa, niyabo, bahlala njalo benza ihlelo ngalo, ukuba amanqe a. . .

Kukhona okunye kwaLo okwasala emva kokuba izinkozi seludlile futhi zaya ekhaya. Khona-ke zilinde ukubona okunye okuthize. “IZwi,” zithi, “Lifanele ukufika lapha. Sidle uhlobo lwenyamazane enezimpondo ezingamagatsha izolo; sinemvu kusasa.” Niyabona ukuthi ngichazani na? “Kukhona isidumbu esidala sohlobo lwenyamazane enezimpondo ezingamagatsha ezansi lapho, zenamela, kodwa sinayo imvu ezayo namhlanje. Ikuphi na?” Niyabona ukuthi ngichazani na? UkuDla kweziNgelosi! Abantu abadla imana usuku olulodwa, uma bezama ukuyigcinela usuku olulandelayo, yayonakala. Aniyiboni yonke imifanekiso, ukuthi kuphelele kanjani na? Kuyafana manje!

229 Qaphelani, amanqe asezinsukwini zikaJesu nalo lalikhipha amademoni; abagcotshiweyo esidunjini esidala. Ngabe kunjalo na? Ayekhipha amademoni. UJesu washo njalo.

Futhi khumbulani, babenabaprofethi ngalezozinsuku. UKayafase, umpristi omkhulu, waprofetha. Bangaki kokwaziyo lokho na? UKayafase waprofetha. Qaphelani isikhundla sokhula ensimini; luniselwa wugcobo olufanayo. Lasholoni iBhayibheli ukuthi waprofetha na? “Ngoba wayengumpristi omkhulu ngalowonyaka.” Umthuthambi obolile, ukhula nekhakhasi, luhlezi phakathi koKolo; kodwa uMoya wawuphezu kwakhe, uMoya oNgcwele kaNkulunkulu uqobo lwawo. UMoya Ongcwele kaNkulunkulu wawuphezu kwakhe, ukuba ashumayele, aprofethe, futhi akusho kungakenzeki kufezeke; futhi waphika futhi wabethela lona impela iZwi eliqinisekisiwe lehora.

O, bakithi, mfowethu! Sifanele sizisho isikhathi eside kangakanani lezizinto, niyabo, kangakanani-ke ngomBhalo na? Ngizosheshisa. Nginamakhasi acishe abe yishumi lapha, emiBhalo, ukuthi zifakazisa kanjani zonke izinto. “Ilanga phezu kwabalungile nabangalungile, okufanayo.”

230 UJesu wathi, ukufakazisa lokhu. “Uma Ngikhipha amademoni ngomunwe kaNkulunkulu, abantwana benu bawakhipha ngobani na?” Manje, babekhipha amademoni. Babeprofetha. Ngabe kunjalo na? Kodwa abazange baMazi njengoyiZwi lehora, (ngani na?) ngoba Wayengazihlanganisi nabo.

Manje thatha uMathewu 24:24, “OKristu bamanga,” abagcotshiweyo, “bayovela, futhi kuyakubakhona abaprofethi bamanga bewaprofetha,” niyabo, “futhi bayodukisa nabaKhethiweyo uma kungenzeka.” Nikutholile manje na?

231 Qaphelani abantwana. “Abantwana benu ngobani . . . Uma Ngikhipha amademoni ngeZwi likaNkulunkulu,” okungukuthi, WayeyiZwi likaNkulunkulu, “abantwana benu bamahlelo bawakhipha ngani na?” Manje, futhi nguNkulunkulu yedwa ongakhipha idemoni, siyakwazi lokho, uNkulunkulu yedwa.

Ngokuba, indoda enamandla ifanele ibe namandla ukwedlula leyo esendlini yayo. Babenamandla ukukwenza.

Niyazi, eZambulweni lapho, wathi wayeyo . . . lowomphikukristu owavuka ngezinsuku zokugcina, "Wenze izibonakaliso nezimangaliso, owaze wadukisa ngisho nalabo ababakhe phezu kobuso bomhlaba, futhi wabadukisa bonke, amaKristu nakho konke, abamagama abo angalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu," impendulo kuMathewu 24:24, "abamagama abo angalotshwanga eNcwadini yokuPhila yeWundlu selokhu kwasekelwa umhlaba."

Lokho kuPhila okwakusempandeni yaleso—yalesosihlahla uqobo lwaso samawolintshi, esikhula sedlula kuzo zonke lezozithelo zohlobo lwezithelo ezifana namawolintshi nakho konke okunye, futhi sedlulela phambili futhi sabeka isithelo esicongweni sesihlahla, ngaphezu kwayoyonke imifakela namagatsha ehlelo. Nikutholile na? Ngizosheshisa. Indoda enamandla . . .

232 Khumbulani uDavide manje, wayethembekile, eqotho, ezama ukwenzela uNkulunkulu umsebenzi, futhi wayengakubekelwe ukuwenza.

"Bona," abagcotshiweyo; kodwa uJesu wathi, "Bafundisa iMfundiso ukuhunyushwa (kwemiBhalo) yomuntu," niyabo, hhayi iZwi likaNkulunkulu, hhayi iZwi laKhe eliqinisekisiweyo; befundisa uKristu womlando, niyabo, into eyayikhona.

NeBhayibheli lathi, "Ukhona." "NGIKHONA," hhayi "Ngangikhona kumbe ngiyobakhona." "Ngikhona njengamanje." UyileloZwi eliphila konke lapha.

Wayekhona, ekuqaleni, Wayekhona e . . . Wayekhona e—emicwini; Wayekhona entshakazeni; Wayekhona ekhobeni; kodwa manje UsesoHlamvini.

233 Manje, ubuyele emuva uzame ukuphila futhi na? Ukubake lokho kuPhila kubuye kwashona phansi, ucabanga ukuthi lokho (okusukile) kuPhila bekuyobuye kukhulume, kubuyele emuva emva kokuba lelokhoba elidala selome lonke, kuphinde kuke kubuyele emuva kuphile kulo futhi na? Akukwenzi neze. "Ngokuba akunakwenzeka ukuba labo asebake bakhanyiswa," futhi abangaqhubekela phambili neZwi lapho lifezeka, "bafile, bahambile; futhi ameva namakhakhasi ase duze nokwaliwa, akuphela kwawo ngukushiswa." Ngabe kunjalo na?

Manje ngisheshise ngokukhulu ukushesha engingakwenza.

234 Qaphelani umBhalo manje. Befundisa uNkulunkulu womlando, niyabo, njengoba nje bezama ukuphila esikhathini esedlule, njengokuthi, "Kuhle, uWesley washo *ukuthi-no-kuthi*. Kumbe, *Us'bani-bani* washo *ukuthi-no-kuthi*." Nenqaba iZwi elethenjiswayo losuku, iMana ekhonjwe ngokucacile yosuku. Bazama ukuthela amawayini abo amadala eLuthela, iBaptisti,

iPentecostal ezimvabeni zethu ezintsha. Akusebenzi. NeWayini lethu elisha, ezimvabeni zabo ezindala, angeke kusebenze. Uma bezama ukufaka leliWayini elisha ehlelweni, ubuwula babo bubasobala. Bangeke bakwenza. Liyaliqhumisa.

235 "Manje, mfowethu, ngilibonile iZwi likaNkulunkulu, ngokuphelele ngeZwi!"

"Manje, buka lapha, Dokotela, uma . . . Si—singeke saba naLokho." Ned, ngicabanga ukuthi uke wabanakho okwalokho kamuva. "Thina, singeke nje saba naLokho lapha manje. Ngi—ngingaqoka ukuthi mhlawumbe ungavele uqhubeke nje." Uyazi. Niyabo, angeke kusebenze. Kuyaqhuma.

"Awusibeki isiziba esisha sengubo engutsheni endala, ngoba uyenza iklebhuke yonke." Niyabo? Akazange yini uJesu akusho lokho na? Ungeke wathela iWayini elisha ezimvabeni ezindala. Liyaziqhumisa. IWayini elisha linokuPhila kulo. Kulungile.

236 Qaphelani lapha okuthize, ngokukhulu ukushesha manje, sisaqedela i . . . inkulumo yethu. Qaphelani iSambulo 16:13 kuya kwele 14, uma ufuna ukukubhala phansi lokho. Angeke ngibenesikhathi mhlawumbe ukuya kukho. Ngifuna niqiniseke futhi nikubone. Manje qaphelani, lokhu ngukubethwa phakathi kweSitsha sesiThupha nesesiKhombisa.

237 Manje sizo—sizovala emzuzwini nje, uma ningake nithi nje ukubekezela imizuzu ethe ukuba-mbalwa. Sesivala manje.

238 Qaphelani iSambulo 16:13 kuya kwele 14, phakathi kweSitsha sesiThupha nesesiKhombisa, "Omoya abathathu abangcolileyo befana nezingxangxa" (nike nakuqaphela lokho na?) "baphuma emlonyeni womuntu othize." Manje qaphelani, masinya. Senilungele na? Thanini, "Ameni." [Ibandla, "Ameni."—Umhl.] Uziqu-zintathu womoya!

239 Manje mfowethu wehlelo, hlala uthule umzuzu nje. Ungasukumi uphume ekamelweni uhambe, emuva phandle lapho kulomsakazo, ukuxhunywa kotelefoni. Ungasivali isiqophamazwi sakho. Hlala uthule umzuzu nje, futhi ulalele. Uma uzalwa nguNkulunkulu, uzohlala.

240 Uziqu-zintathu wezingxangxa! Ingxangxa yisilwane esihlala njalo sibuka emuva. Asilokothi sibuke lapho esiya khona; sibuka lapho sivela khona. Niyabo? Aniboni na? Bazalelwaphi ubuziqu-zintathu na? Khumbulani, "omoya abathathu abangcolileyo," omoya abangamunye. Niyakuthola na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.]

241 Qaphelani, babuka emuva eMkhandlwini waseNayisiya lapho imfundiso kaziqu-zintathu yazalelwa khona, hhayi eBhayibhelini. Ayikho into enjalo. Babuka emuva eMkhandlwini waseNayisiya eNayisiya, eRoma, lapho uziqu-zintathu azalelwa khona.

Qaphelani ukuthi bavelaphi. Qaphelani. Noziqu-zintathu wezingxangxa waphuma kuziqu-zintathu omdala, uzala uziqu-zintathu omusha, unina. Waphuma kukuphi na? Uziqu-zintathu, "udrako," niyabo, "isilo," no "mprofethi wamanga." Uziqu-zintathu, omusha. Ngokuba zaphuma nini lezizingxangxa na? Kwenzeka nini na? Qaphelani, zazilokhu zilapho ngasosonke isikhathi, kodwa akubonakaliswanga kwaze kwaba phakathi kweSitsha sesiThupha nesesiKhombisa, ngaphambi nje kokuba iziMpawu zivulwe ukukwembula.

"Ngokuba ngoMlayezo wengelosi yesikhombisa, izimfihlakalo zikaNkulunkulu zazizokwaziwa," zonke lezizinto zikaziqu-zintathu, nemibhaphathizo yamanga, nakho konke kwakuzobonakaliswa. UNkulunkulu asisize ukuba sibone ukuthi yini iQiniso! Futhi singacabangi ukuthi ngumuntu othize ezama ukusho okuthize uku . . .

242 Ngiyawuzwa lowomoya ucasulwa yiLokho, niyabo. Angikhulumi ngami, mfowethu. Ngikhuluma ngeNgelosi yeNkosi esekamu. Kunjalo impela.

243 Qaphelani, uziqu-zintathu! "Udrako," bangaki kowaziyo ukuthi udrako kwakuyini na? KwakuyiRoma. "Nodrako wema phambi kowesifazane ukuba ashwabadele umntwana wakhe nxa esebelethile." Kunjalo na? Sichaza ukuthini "isilo" eBhayibhelini na? Amandla. Kulungile. "Umprofethi wamanga, umprofethi wamanga," onamanga, ogcotshiweyo. Niyabo?

244 Waqalaphi na? Lona ngu "mprofethi wamanga," ubunye. "Umprofethi wamanga," uphapha wokuqala; futhi lapho kwavela "isi—isifebekazi, nonina wezifebe," yonke into.

Uziqu-zintathu wamanga wayevela; hhayi ezinsukwini zasekuqaleni, kwakungeke kubonakaliswe ezinsukwini zasekuqaleni, kwaqhubeka nje nakho. Kodwa lapho kubakhona iziMpawu eziyisiKhombisa, futhi zavula lezozimfihlakalo futhi zazembula; kungaleyonkathi "izingxangxa, omoya abathathu abangcolileyo befana nezingxangxa, baphuma khona ukuzibonakalisa," imfundiso kaziqu-zintathu imelene neQiniso. Niyabo? Ha!

Niyabona ukuthi uvelaphi na? Niyabona ukuthi ubuyelaphi na? UMkhandlu wenkolo yobuKristu. Bonke bangabafowabo, noma kanjani; omoya abafanayo, into efanayo.

Futhi qaphelani. Badukisa kakhulu, benza izibonakaliso! Futhi lawa ngamademoni aphumela kubobonke onkulunkulu bomhlaba, besebenza izibonakaliso, ukubadukisa ngosuku lokugcina, futhi bayophumelela ekukwenzeni. Wathini uNkulunkulu ngalowomoya omubi na?

Wathi, "Ngizokwehla ngingene emlonyeni walabobaprofethi futhi ngibenze baprofethe amanga, ukwenza ukuba uAhabi aphume lapho ukuba abhujiswe."

245 UNkulunkulu wathi, “Hamba. Uyophumelela. Uzobenza bawakholwe. Abekho kuleloZwi, kwasekuqaleni nje.” Niyabo? “Hamba, ngoba uyakumyenga. Nguwe ozobe ukwenza, nxa ungena kulabo baprofethi bamanga, ngoba wethembele kubo impela. Futhi akazi lutho ngeZwi, futhi akayikuzama ukufunda ngaLo. Akanakukwenza, ngoba uyikhakhasi, kwasekuqaleni nje.” Niyabo? Niyabo? “Uyophumelela.”

246 Bukani lapha kulezizingxangxa zamanga, zibuka emuva, “Ngani, niyazi ukuthi bathini emuva lapho eNayisiya na?”

Angikhathali ukuthi bathini mayelana, nalapho eNayisiya. Ngisho lokho abakusho phezulu lapha esiHlalweni sobukhosi sikaNkulunkulu; ukuthi kwakuyoba njani, hhayi ukuthi kwakunjani; ukuthi kuyoba njani, ngokuba Ungu “NGIKHONA.” Niyabo?

“Abamanga.” Bukani lokho. Ha! Qaphelani ukuthi bavelaphi.

247 Manje lalelisisani. Sibona ngokusobala, emva kokuba iziMpawu eziyisiKhombisa seluvuliwe, lokho kungukwembula leyomfihlakalo. Uyini lowoziqu-zintathu na? Niyabo? Kwake kwabizwa kuphi ngoziqu-zintathu na? Niyabo? Kukuphi eBhayibhelini lapho Elake lakhuluma ngisho ngegama likaziqu-zintathu na? Babengaba kuphi oNkulunkulu abathathu, ukuthi sikhonze oNkulunkulu abathathu singabisibo abahedeni na?

Bangahlukana kanjani, lapho Athi, “Mina noBaba waMi siMunye”? “Uma ningakholwa ukuthi NginguYe, niyobhubhela esonweni senu, niyabo, ukungakholwa kwenu.” Isono ngukungakholwa. “Niyobhubhela ekungakholweni kwenu.”

O, nithi Ngingubani, nithe Ngavelaphi,
O, niyamazi uBaba waMi, kumbe ningalisho iGama kaKhe na?
NGIyiNtebe yaseSharoni, iNkanyezi yoKusa eKhazimulayo.

NingaNgitshela ukuthi InguBani na?

NGINGUYE owakhuluma noMose esihlahleni esivuthayo soMlilo,
NGINGU Nkulunkulu kaAbrahama, iNkanyezi yoKusa eKhazimulayo.
NGIyiNtebe yaseSharoni, o, nithe Ngavelaphi;
O, niyamazi uBaba waMi, kumbe ningalisho iGama laKhe na? (Ameni!)
NGINGU Alfa, uOmega, owokuQala kusukela ekuPheleni;
NGIYIndalo yonke, neGama laKhe linguJesu.

248 Kunjalo. Akukho-ziqu-zintathu! Qhabo, mnumzane. Leyo yinto yamanga.

IziMpawu eziyisiKhombisa, zivula lezozimfihlakalo e "seziyakube zifeziwe," ivela obala. Seluvuliwe uPhawu; iyaxazululeka, ivela obala, lubeka obala amaQiniso afihlakeleyo iziMpwawu ebeziwafihlile yonke leminyaka, kuwo wonke lawomabandla namahlelo.

"Isifebekazi esikhulu," seSambulo sesikhombisa-. . . Sasingubani na? Kodwa singu "NINA WEZIFEBE," futhi. Niyabo?

249 "Manje, ubabize 'ngamanqe,'" usho njalo, "Mfowethu Branham." Kunjalo.

Kodwa, khumbulani, inqe yinyoni. Ligcotshelwe ukundiza, futhi. "Imimoya emibili iyosondelana kakhulu udukise abaKhethiweyo." Inqe likhulu ngangalo—ngangalo ukhozi. Lalikwazi ukundiza njengalo lolokhozi; futhi lugcotshelwe ukundiza, noma ukushumayela, noma ukuprofetha, qaphelani, ngokufanayo nokhozi. Kodwa lingeke lalulandela ukhozi ngokuphakama. Qhabo, qhabo. Uma lizama ukulandela ukhozi, ubuwula balo buyokuba-sobala. Yebo, mnumzane. Lingeke lalandela ukhozi.

O, lingathi, "Ngiyakholwa kuJesu Kristu eyiNdodana kaNkulunkulu. Ngikholwa nguNkulunkulu uYise, uSomandla, uMdali wamazulu nomhlaba; uJesu Kristu iNdodana yaKhe, nokunjalo." O, impela, angakwenza lokho. Kodwa kuthiwani ngaYe enguye izolo, namuhla, naphakade na? Niyabo?

250 Ukhozi luyinyoni eyakhiwe ngokwehlukile. Ayikho into enjengalo, emhlabeni. Niyabo? Lu—lu. . . Uma uklebe omdala ezama ukululandela, kumbe noma yiyiphi enye inyoni, ubeyobuthuka. Ubuwula bakhe bebuyokuba-sobala, impela impela. Ubeyoqhuma uma ubeyozama ukuthela iWayini elisha emvabeni endala. Niyabo, ubeyoqhuma. Ubeyobuthuka. Akenziwanga, aka. . . Umzimba wakhe awuhlanganisiwe nesakhiwo sokuwubamba phezulu lapho. Lapho esefika kulezozibhakabhaka ezinkulu phezulu ngaleya, uma engenziwanga, wabekwa, wamiselwa ngaphambili, wazalwa elukhozi, uyosakazeka abe yizicucu. Niyabo? Izimpaphe beziyophuma zindize emaphikweni awo, futhi ubeyowela emhlabeni. Impela. Angeke walulandela ukhozi, ngokuphakama. Uma uzama, ubuwula bawo buyokuba-sobala. Kunjalo. Ungeke.

251 Ngani na? Awukwazi ukubona njengokhozi. Kusizani ukuzama ukugxuma uye phezulu ngempela, kodwa ungeke ukwazi ukubona ukuthi ukuphi uma usuphezulu lapho na? Futhi uma ubungazama, uzame ngisho ukulingisa lolukhozi, ngokuphakama, uphuphutheka kakhulu awazi ukuthi usetshenzelwe ini. Kunjalo. Uyaklabalasa uyamemeza, futhi uqhubeke; kodwa khuluma iZwi nje mfana, kuwo, baziwa lapho-ke ubuwula bawo.

Khuluma kuwo ngombhaphathizo eGameni likaJesu Kristu, noma, ngaYe enguye izolo, namuhla, naphakade, konke—konke kanjalo, futhi utshele. "Ngani, o, manje awume umzuzu nje!" Niyabo? O, yebo, ziqathaka lapho-ke izimpaphe zawo. Niyabo, ugxume wonke waya phezulu, futhi waprofetha, futhi ukhipha amademoni, futhi ukhuluma ngezilimi, futhi umemeza, futhi uqhubeka, ugijima wehla-wenyuka phansi. Kodwa ungazami ukulandela phezulu Lapho; ngani, impela uyokwaziwa.

Nokho, ubekiwe. Ugcotshiwe. Ungandiza. Ungazimelela qobo lwawo, wenyukele lapho, kodwa hhayi . . . kangako nje. Niyabo, ungadla isibhucu, kodwa ungeke uyidle iNyama entsha evela esiHlalweni sobukhosi.

Uyimpumputhe. Usetshenzwe waphela, kodwa awazi ukuthi usetshenzwe waphela mayelana nani. Niyabo, LowoMoya ofanayo owehlela phezu kwawo, njengemvula, ukuwenza ube ukolo; awusiwo ukolo kwasekuqaleni nje. Uyaqhuma. "O, ngeke ngahambisana ne . . . O, qhabo, mnumzane! Ngiyazi uDokotela Jones wathi . . . " Kulungile, qhubeka. Niyabo? Qhubeka, uma ufuna.

252 Qhabo, qaphelani, awuzelwe, noma wakhiwa, noma wamiselwa ngaphambili, ukuba yilolohlobo lwenyoni. Unga . . . Uyi . . . kungahle kube wulamula umila esihlahleni samawolintshi, kodwa awuveli neze ezimpandeni. Uyinto eyengeziwe. Futhi uma benyukela phezulu kakhulu emahlelweni abo baze bangabe besakwazi ukubona iZwi likaNkulunkulu elamiselwa ngaphambili liqinisekiswa, khona-ke ubuwula babo buyaziwa. "O, leyonto, iNdingilizi yokukhanya phezu kwekhanda, nakho konke, o, Ingumbhedo." Niyabo? Baziwa.

253 Akakhelwe ukubona kude kangako. Angabona kuphela agcine lapho izibuko zehlelo lakhe zimvumela abuke khona. Kodwa, emva kwalokho, Uyimpumputhe nje. Baziwa lapho-ke ubuwula bakhe. Niyabo? Kulapho-ke la izinkozi zeqiniso luhlala khona ukuba zidle. Yebo, mnumzane. Kulapho-ke la ezeqiniso, izinkozi ezikhethiweyo lubona khona ukuthi uyini. Nxa engenakulithatha leloZwi, bazi ngayo leyonkathi-ke ukuthi uyinqe lehlelo.

254 Ngani, alikwazi ngani ukundiza na? Kusobala, bukani ukuthi belidlani. Belidla isibhucu sehlelo esibolile. Lokho akusoze—lokho akusoze kwawenza ube ngowokomoya umzimba walo, akusoze kulifake emfanelweni kamoya, ngamany'amazwi, ukulithwala libe ngaphezu kwemehluko yamahlelo. Niyabo? Niyabo, belizondla ngezinto ezibolile nje; umzimba walo wakhiwe ngalokho. Alikwazi ukwenyukela lapho lapho leyonyama entsha ethwala khona lolokhozi. Nje lingeke likwenze. Niyabo?

255 Lokho kugcwalisa uMathewu 24:24. Liyandiza, ligxume liye phezulu emoyeni, libhakuzisa amaphiko alo, kodwa lingeke

lafika phezulu ngokwenele. Niyabo? Kunjalo. Niyabo, lingeke lahamba, lingeke lafinyelela phezulu ngokwenele ukuthola leyoMana entsha. Lingadla imana endala ephansi lapha emhlabathini, onogwaja abafile abadala okwafihlizwa ngeviki eledlule, nangenyanga edlule, noma amashumi amane edlule, ukonakala. Lingakudla lokho, futhi nje likwenamele, futhi liklewule limpongoloze, liqhubeke, ligxume liye phezulu futhi lindize njengolunye ukhozi. Ligcotshiwe, njengenye inyoni.

Futhi uluhlobo lokhozi, uklebe omdala unjalo. Siyakwazi lokho. Impela uyilo, kodwa ungeke ululandele lolokhozi lwangoqobo. Niyabo? Nje ungeke ukwenze. Qhabo, mnumzane. Umzimba wawo awakhiwe; ubudla isibhucu esehlukile, niyabo, futhi ngeke si. . .ngeke si—ngeke sibeyiNyama entsha, iMana entsha. Kuyoba yinto eyashiwo uLuther, eyashiwo uWesley, noma okwashiwo nguDokotela *uS'bani-bani*. Ngeke kube kulokho okwashiwo nguJesu kwalelihora.

256 Asambeni manje, sivale. Abagcotshiweyo, "oKristu," ngezinsuku zokugcina, kodwa a "bafundisi bamanga nomprofethi wamanga." Qaphelani ukuthi kushaqisa kanjani! Manje ngifuna niqhathanise lokhu; asinaso isikhathi sokukufunda, uMathewu 24:24 noThimothewu wesiBili 3:8.

UMathewu 24:24 wathi, ngezinsuku zokugcina, niyabo, "Kuyakufika oKristu bamanga," abamanga, abagcotshiweyo, "abaprofethi bamanga, baveze izibonakaliso nezimangaliso," impela njengaLowo weqiniso—Lowo weqiniso, "futhi bayo—futhi bayocishe badukise nabaKhethiweyo." Manje qaphelani, lowo kwakunguJesu owayekhuluma.

257 Nakhu kufika uPawulu, emva kwaKhe impela, wayesethi, "Manje, ngezinsuku zokugcina, kuyofika abantu abakholwayo, niyabo, benesimo sokumesaba uNkulunkulu. Futhi bahole abesifazane abayiziwula, baholelwe kuzo zonke izinhlobo zezinkanuko zezwe."

Futhi bayamangala, bathi, "Yini ukhethe labo besifazane na?" O, bakithi. . . AbaLiboni ngisho nje.

"Behola abesifazane abayiziwula, abasindwa yizinkanuko eziyizinhlobonhlobo," basuke ezintweni njengase. . . ze. . . Niyabo, "NanjengoJane noJambre. . . "

UMathewu 24:24, "oKristu bamanga," abamanga, abagcotshiwe, benza izibonakaliso nezimangaliso ukudukisa abaKhethiweyo.

"NjengoJane noJambre bamelana noMose, ziyoba njalo lezizehluleki; ingqondo ehluleka eNkolweni." Akusiyo "i" nkolo. "ENkolweni!"

"Yinye iNkolo, yinye iNkosi, munye umbhap-. . . " Ungeke waba ne "Nkolo eyodwa" ngaphandle kokukholwa e "Nkosini eyodwa." Ungeke waba nemibhaphathizo emibili, futhi

omunye ungabi ngokaYise, neNdodana, uMoya oNgcwele. "Umbhaphathizo owodwa," uJesu Kristu. Kunjalo. Niyabo, umbhaphathizo wamanga!

258 Qaphelani, iqhathaniseni ndawonye manje uma senifika ekhaya. Qaphelani uMathewu 24:24, kukhuluma uJesu; uPawulu, uThimothewu wesiBili 3:8; eminingi eminye. Futhi manje kuqhathanise lokho.

259 Bese-ke sibeka omunye umBhalo, uLuka 17:30, uMalaki 4.

"NjengoJane noJambre bamelana noMose," iZwi eligcotshiwe lehora, "ayoba njalo lamadoda," hhayi indoda, "amadoda," abagcotshiweyo, "amelana neQiniso."

260 "Ngalo lolosuku iNdodana yomuntu embulwa ngalo." IZambulo 10:1 kuya kwele 7, ufunde uma usufika ekhaya, "uMlayezo wengelosi yesikhombisa, ivula iziMpawu." Kuyini na? Akusiyo ingelosi iNdodana yomuntu; kodwa isithunywa sembula iNdodana yomuntu. Ningakuthola kwehlukanisiwe manje na? Kulapho okubonakala kul'khuni khona kakhulu kini, niyabo. Akusiyo iNdodana yomuntu, qobo lwaYo; kodwa ingelosi yesikhombisa, isithunywa sesikhombisa, sembula emphakathini iNdodana yomuntu, ngoba Ususuke ekhobeni. Angeke aLihlele. NguKolo, qobo lwaWo, futhi.

"Futhi ngalolosuku, uJane noJambre bayomelana," abagcotshiweyo (abazenzisi nabangakholwayo, ibandla eligcina umthetho ngamehlo nje namaPentecostal) basukume bamelane noHlamvu lwangempela, "kepha bayeke kanjalo; ubuwula babo buzoba-sobala, njengoba babunjalo obabo." Niyabo? Niyaqonda manje na? [Ibandla, "Ameni."—Umhl.]

261 IZambulo 10, zathi, "Ngezinsuku zokubetha kwengelosi yesikhombisa." Manje khumbulani, eyesikhombisa, uNyaka weBandla iLawodikeya. "Ukubetha kwaleyongelosi," lapho lowonyaka webandla usube yihlelo futhi kwaba unyaka webandla, lapho selikwenzile enhlanganweni yePentecostal; lapho isithunywa kulelo . . .

Sasiyini isithunywa ngasinye na? Wayeyini uMartin Luther na? Ukusola kwiKatolika. Wayeyini uWesley na? Ukusola kulawoMaluthela. Yayiyini iPentekoste na? Ukusola kulabo abanye. Sekuyephi ukuPhila manje na? Kwaqhela enhlanganweni. Alisekho ikhoba; sekuluHlamvu. Luyini na? Ukusola kwiPentekoste, niyabo, ukugcwalisa umBhalo walelihora. Niyabo?

262 Qaphelani, ngalo impela usuku lapho lesisithunywa . . . Akusikho lapho siqala ukuqhubeka, kodwa lapho siqala ukumemezela uMlayezo waso. Niyabo? UMdonso wokuQala, ukuphulukisa; uMdonso wesiBili, ukuprofetha; uMdonso wesiThathu, ukuvulwa kweZwi, izimfihlakalo zavulwa. Akusekho, alusekho olunye uhlelo oluphakeme ukwembula iZwi, kunabaprofethi. Kodwa indlela kuphela umprofethi

angaba ngoqinisekisiweyo ngayo kungeZwi. Futhi, khumbulani, uMdonso wesiThathu wawungukuvulwa kwalezoziMpawu eziyisiKhombisa, ukwembula iQiniso elifihlakele ebelinamekwe ngophawu eZwini. Niyakubona na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.]

Kungaleyonkathi-ke, ngalolosuku lapho lento izokwenzeka khona, lowoJane noJambre, abalingisi, bayophinde baqhamuke futhi. Njengoba nje benza ngenkathi uMose eqhamuka neZwi lokuqala, ukuLisho; bayaqhamuka ukuLilingisa. Kunjalo impela. Manje niyabona ukuthi uMathewu 24:24 uyini na? Niyabo, abagcotshiweyo!

263 Manje zintathu izinto esizozisho ngaphambi kokuba sivale. Yilokhu. Ngifuna nilalelisise impela manje njengoba sesivala. Izinto ezintathu, khumbulani, izinto ezintathu sezigcwalisekile. Izinto ezintathu kubekwe phambi kwakho njengamanje.

264 Eyokuqala. Izwe lisesimweni seSodoma. UJesu washo ukuthi kuyokwenzeka. Bukani inhlanekezelo; abesifazane bakithi bezama ukuziphathisa okwendoda; indoda yakithi izama ukuziphathisa okwabesifazane, yaba yisitabane; ebolile, engcolile, eyihlazo, ekhwelwe amademoni, futhi ayikwazi. IBhayibheli lathi lokho kuyokwenzeka, futhi kulapho-ke.

265 Eyesibili. Kukulelohora, ngokomBhalo lapha, lapho uJane noJambre eqhamuka khona. EyesiBili.

266 Eyesithathu. Kukulelohora elifanayo lapho iNdodana yomuntu izokwembulwa khona.

267 Nanto ikholwa lakho, umzenzisi wakho, nongakholwayo wakho. Nanto iZwi langokoqobo elimi qekelele, liqinisekiswa; nango ongakholwayo eLilingisa; futhi nango ongakholwayo elahla yonke into.

> Kepha kuyobakhona ukuKhanya cishe ngesikhathi sokuhlwa,
> Indlela eya eNkazimulweni impela niyoyifumana. (Kunjalo na?)
>
> Izizwe ziyehlukana, uIsrayeli uyaphaphama,
> Izibonakaliso iBhayibheli lethu elazibikezelayo;
> Nezinsuku zabeZizwe zibaliwe (iSodoma), ngokwesaba okukhulu okuthiyayo;
> Buyani, O bahlakazekileyo, kwabakini.
>
> Usuku lokuhlengwa seluseduze,
> Izinhliziyo zomuntu ziyehluleka, kulokhu ukwesaba;

Gcwaliswani ngoMoya kaNkulunkulu,
lungisani nihlanze izibani zenu, (ukuze
nibone iZwi lehora,)
Bhekani phezulu, ukuhlengwa kwenu
sekuseduze!

Abaprofethi bamanga baqamba amanga,
(bathi bayoba lapha; abagcotshiweyo),
iQiniso likaNkulunkulu bayaliphika,
Ukuthi uJesu uKristu unguNkulunkulu wethu.

Lokho kungukuthi, abaLikholwa. IBhayibheli lathi kuyobakhona leyonto lapha. Nansi!

Kodwa sizohamba lapho abaphostoli
benyathele khona. (UkuKhanya okufanayo!
"Futhi kubuyisele iNkolo yawobaba
kubantwana.")

Usuku lokuhlengwa seluseduze, luseduze
kakhulu,
Izinhliziyo zomuntu zehlulwa ngukwesaba,
(umhlaba uwela phakathi);
O, gcwaliswani ngoMoya kaNkulunkulu,
lungisani nihlanze izibani zenu.
Bhekani phezulu, ukuhlengwa kwenu
sekuseduze.

Niyakukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.] Asikhothamise amakhanda ethu-ke.

268 Phandle kuyoshaya ezweni lapho loMlayezo uya khona, usukela oGwini lweMpumalanga uye eNtshonalanga, usukela eCalifornia uye eNew York, phansi uyoshaya eNingizimu, ukhuphuke uyoshaya eNyakatho, uphume uyoshaya ezimishini, nanoma yikuphi lapho Oya khona, nakuleliTabernakele. Simpofu. Asinazo lezi ezibanzi, ezinkulu, izinto ezihlotshisiwe, nokusakaza ngetelevishini. Sizama nje ngakho konke ukwenza okusemandleni ethu esingakwenza. "Kepha konke lokho uBaba aNgiphe khona kuyakuza."

269 Manje, ngifuna nazi ukuthi lokhu kuqinisile, nani enilalele leteyipu. Ningahle ukuba nicabangile namhlanje ukuthi bengizama ukusho lokho ngami, ngokungathi yimina ebengithwele loMlayezo. Anginalutho olunye engingalwenza ngaWo, lutho olunye ngaphandle kokuba liphimbo nje. Futhi, iphimbo lami, ngisho nasekwahlulelweni okungcono okubhekene nami; ngangifuna ukuba ngumcuphi. Kodwa kuyintando kaBaba wami ukuthi ngimemezele ukwenza, futhi ngaphokophelela ukwenza.

Kwakungesimi Owabonakala ezansi emfuleni; ngangimi lapho kuphela ngenkathi Ebonakala. Akusimina Owenza lezizinto futhi azisho ngaphambili lezizinto eyenzeka ngokuphelele njengoba zinjalo; ngiyilowo kuphela

oba seduzane uma Ekwenza. Ngangiliphimbo kuphela Alisebenzisayo, ukuKusho. Kwakungesikho engangikwazi; kuyilokho nje engazinikela kukho, Akhuluma ngami. Akusimina, kwakungesiyo ingelosi yesikhombisa, o, qhabo; kwakungukubonakaliswa kweNdodana yomuntu. Kwakungesiyo ingelosi, umlayezo wayo; kwakuyimfihlakalo uNkulunkulu ayisombululayo. Akusuye umuntu; nguNkulunkulu. Ingelosi yayingesiyo iNdodana yomuntu; yayiyisithunywa esivela eNdodaneni yomuntu. INdodana yomuntu nguKristu; NguYe enizondla ngaye. Anizondli ngomuntu; umuntu, amazwi akhe ayohluleka. Kodwa nizondla ngeZwi loMzimba elingenakwehluleka leNdodana yomuntu.

270 Uma ungakazondli ngokugcwele ngawo onke amaZwi, ukuzinika qobo lwakho amandla ukuba undize ngaphezu kwawo onke lamahlelo nezinto zezwe, ungakwenza ngalesisikhathi, sisakhuleka na?

271 Baba Othandekayo, lena yinto el'khuni. Akulula esidalweni esingumuntu ukukwenza. NguWe owazi izinto zonke. Futhi ngikhuleka kuWe, Nkulunkulu Othandekayo, ukuthi akuzukungaqondakali. Kodwa, ekuKhanyeni kweZwi laKho, sengathi abantu bangahamba.

272 Futhi, Baba Nkulunkulu, angazi ukuthi ubani oKhethiweyo; nguWe owaziyo. Angazi ukuthi ukuFika kwaKho kunini. Kodwa ngazi kuphela ukuthi Wathi uma lokhu sekwenzeka, laba abamanga, abagcotshiweyo; hhayi ngenkathi nje beqala.

UMose wavele wabayeka kanjalo nje, ngokuba akukho ayengakwenza ngakho. Wayengasho kuphela Owawukusho. Wamtshela ukuba abize amazeze; base bewabiza. Wamtshela ukuba aphendule amanzi abe yigazi; base bekwenza. UMose kuphela wathatha, iZwi ngeZwi, njengoba Washo, kodwa-ke kwakunguWe Owenza ubuwula bube-sobala.

273 Manje, Baba, UnguNkulunkulu, namanje. IZwi elifanayo lasho ukuthi lokhu kuyokwenzeka ngezinsuku zokugcina. Abaningi umuntu othembekile, njengoba sishilo izolo ebusuku ngeSonto, bebeka izandla zabo kulowoMphongolo phezu kwenqola entsha, futhi kungesiwo amahlombe abaLevi, uwe wafa, "bafele esonweni naseziphambukweni," baphikisana nonembeza wabo qho.

274 Abaningi abefundisi ehlezi endlini yakhe yokufundela, afunde leloZwi, futhi aguqule ikhasi ngokushesha; abalekele ukuqhuma, ukwazi ukuthi uzolahlekelwa yinhlaliswano yakhe nomphakathi, nebandla lakhe nanehlelo lakhe. NKulunkulu sisize ukuba singakwenzi neze lokho!

275 Hlanza inhliziyo yethu, Nkosi, kukho konke ukungcola kwezwe. Nkosi, ngimi ngilungele ukuhlanzwa. Ngimi ngilungele, kanye nalelibandla kanye nawo wonke olalele phakathi, nanoma ubani oyolalela leteyipu. Ngiyama, Nkosi,

futhi ngicela ukuhlanzwa. Nkosi, ngiyise endlini yombumbi ungibhidlize, ungibumbe ngibe yinceku Oyifunayo.

Ngokuba, Nkosi uJesu, "Ngingumuntu ozindebe zakhe zingcolile," njengoba kwakhala uIsaya, "ngihlala nabantu abazindebe zabo zingcolile; futhi maye kimi, ngokuba ngibona isambulo sikaNkulunkulu sibonakaliswa," njengo Isaya wabona iziNgelosi eThempelini. Ngibona isikhathi sokuphela, Nkosi, futhi maye kimi nomndeni wami; maye kimi nabantu bami. O Nkulunkulu waPhakade, sihawukele. Ngizinxusela mina nabantu. Masingabhubhi kanye nalabo abangakholwa, kepha sengathi singaphila nabakholwayo.

276 Lonke ihlelo, Nkosi, wonke owesilisa noma owesifazane . . . Ngeke ngaKucela ukuba ubusise ihlelo, ngibe ngazi ukuthi Uphambene nalo. Kodwa kuphela ngingasho, Nkosi, uma Unazo ezezimvu zaKho eziphakathi kwawo, sengathi zingayizwa leteyipu. Sengathi zingaLizwa, Nkosi, futhi ziLiqonde ngokuqonda Ozozipha khona, futhi sengathi zingaphuma ziKwemukele. Sengathi zingedukiswe ngubumpumputhe nosiko lwalolusuku. Sengathi zingezame ukudla okuthize oku . . . noma okwakuyisidumbu ngolunye usuku. Sengathi zingathatha iZwi.

Yileyondlela abaFarisi abaKubethela ngayo, Nkosi. Babethatha isidumbu sangosuku lukaMose, futhi bezama ukusenamela; emva kokuba Usunikeze umfanekiso, ehlane, wemana entsha ubusuku ngabunye, kuchaza isizukulwane ngasinye. Kulapho behluleka khona. Yaba yisihlungu kubona. Yababulala, ukudla lokho kudla osekonakele.

Futhi, ngokomoya, yenza into efanayo namhlanje; iyababulala, ngokomoya, ngehlelo.

Sisize, Nkulunkulu Othandekayo. Konke kusezandleni zaKho manje. EGameni likaJesu Kristu.

277 Amakhanda ethu ekhotheme, sizocula lelo ngenkathi usenza isinqumo sakho. Uzohamba indlela yonke na?

Ngiz'uMs- . . . (futhi UyiZwi . . . -indis' wam' engibiza,

Ngizwa . . .

"O, ngizule isikhathi eside, kodwa, ngempela, njengamanje ngiyaMuzwa, 'Zanini kiMi, nonke nina eniphumputhayo.' Zwanini, 'thathani isiphambano senu, niNgilandele nsuku zonke.' 'Yebo, noma ngihamba esigodini sethunzi lokufa, angiyikwesaba okubi; ezansi kwedlule emadlelweni al'hlaza anomthunzi, nangasemanzini acwebileyo.'"

Futhi lapho Engiholela khona ngiya . . .

"Nkosi, ngiyabubona lobobuwula bukaziqu-zintathu. Ngibona umhlaba wonke utshaleke kubo; ukhula lumila ndawo zonke. Kodwa lapho Ongiholela khona manje, Nkosi, ngiyoba

njengalabo eZenzweni 19. 'Bathi ukuzwa Lokhu, baphinda babhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu.'"

. . .landela, ("Sengihambe ingxenye yendlela,
Nkosi, ngokwanele uKukwemukela.")

Manje ngizohamba naYe yonk'indlel'.

[UMfowethu Branham uqala ukumumuza u *Lapho EngiHolela Khona*—Umhl.]

278 Nkulunkulu othandekayo, ngethemba ukuthi lokho kuvela enhliziyweni yami. Ngethemba ukuthi kuvela enhliziyweni yawo wonke umuntu oculayo ngalesisikhathi, mhlampe abaningi abayokuzwa leteyipu, ongekho lapha kumbe ongayizwa manje. Sengathi singavuma, Nkosi, kungakhathaleli inani. Wathi, "Njengendoda izodibana nelinye ibutho, isosha, inkosi; kuqala ihlala phansi ibale, izokwazi yini ukukwenza, ingaziyeka yini izinto zezwe na? Ungayeka yini, ujoyine embuthweni weZwi likaNkulunkulu elilotshiweyo; umashe namasosha aKhe, undize nezinkozi zaKhe na?" Siphe khona, Nkosi, eGameni likaJesu.

279 Niyakholwa na? NiyaMemukela na? Kulungile. Sizonibona lapha futhi, kulobubusuku, iNkosi ithanda. Niyakukholwa lokho ukuthi kuliQiniso na? [Ibandla lithi, "Ameni."—Umhl.] Ngabe kucace ngokwanele na? ["Ameni."]

Ngakho-ke hamba neGama likaJesu,
Mntwana osekuhluphekeni nosesitheni;
Liyakukunikeza injabulo nentokozo,
Lithathe noma ku-. . .

Manje, xhawulana nalowo ongakuwe manje.

Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba, ithemba lomhlaba,
kwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

NgeGama likaJesu siyakhothama,
Siwa sikhuleka ezinyaweni zaKhe,
Nkosi yamakhosi eZulwini siyoqhelisa. . .
(InguNkulunkulu, ke)
Lapho uhambo lwethu selufeziwe.

Gama eliligugu, Gama eliligugu, O limnandi
kangaka! O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu;
Gama eliligugu, O limnandi kangaka!
Themba lomhlaba nokwethaba kweZulu.

280 Ngethemba ukuthi bonke abefundisi wethuliwe namuhla ekuseni, baqondwa.

Nxa umuntu esekhuleke iviki lonke, emangala ukuthi yini, ebona lemiBhalo, yona imi phambi kwenu ngqo.

“Maye kimi,” kwasho uPawulu, “uma ngingalishumayeli iVangeli.” Ekupheleni kwendlela yakhe, wathi, “Angigwemanga ukunitshela lonke iCebo likaNkulunkulu njengoba nganikwa Lona.”

281 Ngiyakhohlwa ngezinye izikhathi ukukhumbula izinto, ukwethula, ukubusisa izingane.

UBilly wathi, ngelinye langa, indoda yafika, yathi, “Bengifika lapha iminyaka emibili, ukuba ngibusiselwe izingane zami.”

UBilly wathi, “Ungacabangi kabi ngalokho. Nginengane, inonyaka ubudala, futhi ayikabusiswa, nayo. Ngakho nje ngizolinda ize ibe-ndala ngokwenele ukuba izenyukele iye lapho, ngiqagele.”

282 Ngakho siyathola mfowethu, dadewethu, akusikho—akusikho, niyabo, ngi . . . Into eyodwa, sifanele sibusise abantwana bethu.

Sifanele sibhaphathize umuntu wonke. Likhona ichibi; nanka amanzi. Uma ungakaze, yini ekuvimbayo na? Nanka amanzi. Woza njengamanje. Ungalindi kuze kube yilobubusuku; woza njengamanje. Ikhona indoda emi lapha izobhaphathiza noma ubani ophendukile futhi wenza ukuvuma. Uma ubusubhaphathizwe kayidazini, bazokubhaphathiza eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelwa kwesono. Niyabo? Sinakho lokho.

283 Kodwa, niyabo, uMlayezo usenhliziyweni yami. Kufanele ngiWukhiphe. Leyo yinhloso yami eyodwa qhwaba, kungakhathaleki ukuthi umkami uthini, abantwana bami uthini, umfundisi wami uthini, noma yini eyami ithini. YiNkosi yami. Kufanele ngiwukhiphe Lowo. Leyo yinhloso yami eyodwa qhwaba.

284 Futhi manje, izikhathi eziningi, ngiyakhohlwa ukukhumbula abefundisi. Ngiqagele mhlampe . . . umfowethu, uMfowethu Neville, indoda eligugu. Laba abanye abazalwane lapha, siyajabula ukuba nani.

285 Akusikho ukuthi siyaphikisana nawe, mfowethu, ukuba sehluke. Abaningi benu lapha ningahle ukuba ningabashumayeli bakaziqu-zintathu. Asifuni ukunithukuthelela. Siyanithanda. Uma besinganithandi, ukuba bengingakukholwa lokho, bengingasoze ngaphuma kulendlu yokukhonzela ngize ngiguqe phansi lapho ngamadolo ami ngithi, “Nkulunkulu, ngihlambulule.”

Angikufuni lokho kuzidla, umoya wokuzazisa uxubane nowami. Ngifuna umoya wami ukuba ubemsulwa uhlanzeke, ukuthanda abazalwane, ngibengcwele kanye noMoya oNgcwele. Manje, uma othize enza noma yini engalungile kimi, lokho kulungile. Futhi nakuba ngingaba nelungelo ukubuyela kubo,

angikufuni lokho empilweni yami. Qhabo, ngi—ngifuna ukuba nothando. Ngifuna ukulungela ukuqondiswa ngothando, ngothando ngokoqobo oluphendula ngaphandle ngaleya ngakho.

286 Angiqondile ukwehluka. IMethodisti, iBaptisti, iKatolika, iPresbyterian, noma ngabe ungubani, angizisho lezizinto ukuba ngehluke, ngibe ngozidlayo ngani. Uma ngikwenzile, ngingumzenzisi futhi ngifanele ngibe sezansi lapha kuleli altare, ngikhuleke ngiqede kuNkulunkulu.

Kodwa ngiyakusho, kungenxa yothando, futhi ngiyabona ukuthi niya kuphi. Manje, angikusho lokhu kimi qobo lwami, futhi ngithi ngiyacabangela. Ngininika u ISHO KANJE INKOSI. Lelo yiQiniso. Futhi ngiyanithanda ngalezozinto. UNkulunkulu anibusise.

287 Manje njengoba sicula elinye ivesi lalelículo, asithi, ngaphambi kokuba sihambe. Sifuna nibe lapha kulobubusuku, uma ningaphumelela. Uma ningenakuphumelela, uNkulunkulu abe nani size sibonane. Siyakhuleka nje ukuthi uNkulunkulu u—uzonibusisa futhi aniphe okuhle kunakho konke okwezwe laKhe, niyabo.

Hamba neGama likaJesu . . .

ABAGCOTSHIWEYO ESIKHATHINI SOKUPHELA ZUL65-0725M
(The Anointed Ones At The End Time)

LoMlayezo ngo Mfowethu William Marrion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngeSonto ekuseni, ngo Julayi 25, 1965, eTabernakele likaBranham, eJeffersonville, eIndiana, U.S.A., wathathelwa kwisiqophamazwi sikazibuthe futhi washicilelwa ngesiNgisi ungafinqiwe. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwakhishwa ngo 1995 ngabe:

ZULU

©1995 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org

Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS
P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.
www.branham.org